lenhlangano ebiziweyo engcwele; kungenziwa msebenzi ngazo, kuphela lokho wonke umphefumulo okudlayo, lokho kodwa kungenziwa yini. 17 Ngakho gcinani izinkwa ezingelamvubelo; ngoba ngalona lolosuku ngikhuphile amabutho enu elizweni leGibhithe. Ngakho lizagcina lolosuku ezizukulwaneni zenu ngesimiso saphakade. 18 Kweyokuqala, osukwini lweshumi lane lwenyanga kusihlwa lizakudla isinkwa esingelamvubelo, kuze kufike usuku lwamatshumi amabili lanye lwenyanga kusihlwa. 19 Insuku eziyisikhombisa kakungaficwa imvubelo ezindlini zenu; ngoba wonke odla okuvutshelweyo lowomphefumulo uzaqunywa usuke kunhlangano yakolsrayeli, loba engowemzini loba engowokuzalwa elizweni. 20 Lingadli lutho oluvutshelweyo; emizini yenu yonke lizakudla isinkwa esingelamvubelo. 21 UMozisi wasebiza bonke abadala bakolsrayeli, wathi kubo: Hudulani lizithathe amawundlu ngokwensapho zenu, lihlabe iphasika, 22 lithathe ilixha lehisope, liligxamuze egazini elisemganwini, lininde ekhothameni lemigubazini emibili ngegazi elisemganwini; lina-ke, kakungaphumi muntu endlini yakhe kuze kube sekuseni. 23 Ngoba iNkosi izadabula ukutshaya amaGibhithe; nxa ibona igazi ekhothameni lemigubazini yomibili, iNkosi izadlula phezu komnyango, ingavumeli umchithi ukuthi angene ezindlini zenu ukutshaya. 24 Njalo lizagcina le into, kube yisimiso kini lakubantwana benu kuze kube phakade. 25 Njalo kuzakuthi lapho lifika elizweni iNkosi ezalinika lona njengokukhuluma kwayo, lizagcina linkonzo. 26 Kuzakuthi-ke lapho abantwana benu besithi kini: Iyini linkonzo elilayo? 27 Lizakuthi-ke: Lo ngumhlatshele wephasika leNkosi, eyedlula phezu kwezindlu zabantwana bakolsrayeli eGibhithe mhla itshaya amaGibhithe, wophula izindlu zethu. Njalo abantu bakhothama bakhonza. 28 Abantwana bakolsrayeli basebehamba, bayakwenza njengalokhu iNkosi yayibalayile oMozisi loAroni, benza njalo. 29 Kwasekusithi phakathi kobusuku iNkosi yatshaya wonke amazibulo elizweni leGibhithe, kusukela kuzibulo likaFaro elalizahlala esihlalweni sakhe sobukhosi kuze kube kuzibulo lesibotshwa esasisentlongweni, lamazibulo wonke ezifuyo. 30 UFaro wasesukuma ebusuku, yena lenceku zakhe zonke lamaGibhithe wonke. Kwasekusiba khona isililo esikhulu eGibhithe, ngoba kwakungekho ndlu lapho okwakungelamufi khona. 31 Wasebiza oMozisi loAroni ebusuku, wathi: Sukumani, liphume phakathi kwabantu bami, lonke lina labantwana bakolsrayeli, lihambe liyekhonza iNkosi njengokutsho kwenu. 32 Thathani lani izimvu zenu lenkomo zenu njengokutsho kwenu, lihambe; futhi lingibusise lami. 33 Njalo amaGibhithe ayebakhuthaza abantu ebahaluzelisa ukuthi baphume elizweni, ngoba athi: Sonke sifile. 34 Abantu-ke bathatha inhlanga yabo ingakavutshelwa, betshata imiganu yabo yokuxovela ibotshelwe ezembathweni zabo. 35 Abantwana bakolsrayeli basebesenza

njengelizwi likaMozisi; bacela kumaGibhithe izinto zesiliva lezinto zegolide lezizgqoko. **36** INkosi yasibapha abantu umusa emehlweni amaGibhithe, aze abanika izicelo zabo. Basebewaphundla amaGibhithe. **37** Abantwana bakolsrayeli basebesuka eRamesesi besiya eSukothi; amadoda angaba zinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha ahamba ngenyawo, ngaphandle kwabantwana. **38** Kwasekusenyuka labo lexuku lenhlobonhlobo, lezimvu lezinkomo, lezifuyo ezinengi kakhulu. **39** Basebebhaka izinkwa ezingelamvubelo ngenhlama abayikhupha eGibhithe, ngoba ingavutshelwanga, ngoba baxotshwa eGibhithe, ngoba babengelakulibala, futhi bengazilungiselelanga umphako. **40** Isikhathi sokuhlala-ke kwabantwana bakolsrayeli abashihlala eGibhithe sasiyiminyaka engamakhulu amane lamatshumi amathathu. **41** Kwasekusithi ekupheleni kweminyaka engamakhulu amane lamatshumi amathathu, kwathi ngalona lolosuku wonke amabutho eNkosi aphuma elizweni leGibhithe. **42** Kuyibusuku bemilindo eNkosini ngokubakhupha elizweni leGibhithe; lobu yibusuku beNkosi bemilindo yabo bonke abantwana bakolsrayeli ezizukulwaneni zabo. **43** INkosi yasisithi kuMozisi loAroni: Lesi yisimiso sephasika. Kakho owezizwe ongalidla; **44** kodwa sonke isigqili sawo wonke umuntu, esathengwa ngemali, nxa usisokile, ngalesosikhathi sizakudla kulo. **45** Owezizwe loqhatshiweyo bangadli kulo. **46** Lizadlelwa endlini yinye; ungakhupheli phandle kwendlu okwenyama, ungephuli thambo lalo. **47** Inhlangano yonke yakolsrayeli izakwenza lokhu. **48** Uba owemzini ohlala lani njengowezizwe egcinela iNkosi iphasika, kabasokwe bonke abesilisa laye, abesondelake aligine, uzakuba njengowokuzalwa elizweni; kodwa kakho ongasokwanga ozalida. **49** Umlayo munye uzakuba kowokuzalwa elizweni lakowemzini ohlala phakathi kwenu njengowezizwe. **50** Bonke abantwana bakolsrayeli basebesenza njengalokhu iNkosi yayibalayile oMozisi loAroni; benza njalo. **51** Kwasekusithi ngalona lolosuku iNkosi yabakhupha abantwana bakolsrayeli elizweni leGibhithe ngamabutho abo.

13 INkosi yasikhuluma kuMozisi isithi: **2** Ngingcwelisela lonke izibulo, elivula loba yisiphi isizalo phakathi kwabantwana bakolsrayeli, elomuntu lelenyamazana, lingelami. **3** Umozisi wasesithi ebantwini: Khumbulani lolosuku eliphume ngalo eGibhithe, endlini yobugqili; ngoba ngamandla esandla iNkosi ilikhuphile lapha. Njalo kakungadliwa isinkwa esilemvubelo. **4** Ngalolusuku liyaphuma ngenyanga kaAbhibhi. **5** Njalo kuzakuthi lapho iNkosi isikungenisile elizweni lamaKhanani lamaHethi lamaAmori lamaHivi lamaJebusi, afunga kuboyihlo ukukunika lona, ilizwe eligeleza uchago loluju, uzagcina linkonzo ngalinyanga. **6** Insuku eziyisikhombisa uzakudla izinkwa ezingelamvubelo,

langosuku lwesikhombisa kuzakuba khona umkhosi eNkosini. **7** Izinkwa ezingelamvubelo zizadliwa ngensuku eziyisikhombisa; njalo kakuyikubonwa kuwe okuvutshelweyo lemvubelo kayiyikubonwa kuwe kuwo wonke umngcele wakho. **8** Njalo uzatshela indodana yakho ngalolosuku usithi: Ngenxa yalokho iNkosi eyakwenza kimi ekuphumeni kwami eGibhithe. **9** Futhi kuzakuba kuwe luphawu phezu kwesandla sakho lesikhumbuzo phakathi laphakathi kwamehlo akho, ukuze umlayo weNkosi ube semlonyeni wakho; ngoba ngesandla esilamandla iNkosi ikukhuphile eGibhithe. **10** Ngakho uzagcina lesisimiso ngesikhathi saso esimisiweyo iminyaka ngeminyaka. **11** Njalo kuzakuthi lapho iNkosi isikungenisile elizweni lamaKhanani, njengokufunga kwayo kuwe lakuboyihlo, isikunike lona, **12** uzakwehlukanisela iNkosi konke okuvula isizalo; lalo lonke izibulo lomqegu wezifuyo olazo, amaduna azakuba ngaweNkosi. **13** Lalo lonke izibulo likababhemi uzalihlenga ngewundlu; kodwa uba ungalihlengi, uzalephula intamo; lalo lonke izibulo lomuntu phakathi kwamadodana akho uzalihlenga. **14** Njalo kuzakuthi lapho indodana yakho ikubuzisa ngesikhathi esizayo isithi: Kuyini lokhu? Uzakuthi kuyo: Ngamandla esandla iNkosi yasikhupha eGibhithe, endlini yobugqili. **15** Ngoba kwathi uFaro ezenza lukhuni ukuthi asiyekele sihambe, iNkosi yabulala lonke izibulo elizweni leGibhithe, kusukela kuzibulo lomuntu kusiya kuzibulo lezifuyo; ngakho ngiyahlabela iNkosi konke okuvula isizalo okuduna; kodwa lonke izibulo lamadodana ami ngiyalihlenga. **16** Njalo kuzakuba luphawu phezu kwesandla sakho lamafilakteriyu phakathi laphakathi kwamehlo akho, ngoba ngamandla esandla iNkosi yasikhupha eGibhithe. **17** Kwasekusithi uFaro esyekele abantu bahambe, uNkulunkulu kabakhokhelanga ngendlela yelizwe lamaFilisti, lanxa yayiseduze; ngoba uNkulunkulu wathi: Hlezi abantu bazisole nxa bebona impi, babuyele eGibhithe. **18** Kodwa uNkulunkulu wababhodisa abantu ngendlela yenkangala yoLwandle oluBomvu. Abantwana bakolsrayeli basebesenyuka besuka elizweni leGibhithe behlomile. **19** Umozisi wasethatha amathambo kaJosefa wahamba lawo, ngoba wayebafungisile lokubafungisa abantwana bakolsrayeli esithi: Isibili uNkulunkulu uzalihambela; futhi kalibokwenyusa lapha amathambo ami lihambe lawo. **20** Basebesuka eSukothi, bamisa inkamba eEthama, ekucineni kwenkangala. **21** INkosi yasihamba phambi kwabo emini ngensika yeyezi ukubakhokhela endleleni, lebusuku ngensika yomlilo ukubakhanyisela, ukuze bahambe emini lebusuku. **22** Kayiyisusanga insika yeyezi emini, lensika yomlilo ebusuku, phambi kwabantu.

14 INkosi yasikhuluma kuMozisi isithi: **2** Tshela abantwana bakolsrayeli ukuthi baphenduke, bamise inkamba phambi kwePi-Hahirothi, phakathi kweMigidoli lolwandle, phambi kweBhali-Zefoni,

maqondana layo limise inkamba elwandle. **3** Njalo uFaro uzakuthi ngabantwana bakolsrayeli: Badidekile elizweni, inkangala ibavalele. **4** Njalo ngizayenza lukhuni inhliziyu kaFaro, ukuthi axotshane lonke, ngibe sengidunyiswa kuFaro lebutweni lakhe lonke, ukuze amaGibhithe azi ukuthi ngiyiNkosi. Basebesenza njalo. **5** Kwathi sekubikiwe enkosini yeGibhithe ukuthi abantu babalekile, inhliziyu kaFaro lenhliziyu yenceku zakhe yaguquka mayelana labantu, basebesithi: Kuyini lokho esikwenzileyo, ukuthi siyekele ulsrayeli ahambe angasisebenzeli? **6** Wasebophela inqola yakhe, wathatha abantu bakhe laye. **7** Wasethatha inqola ezingamakhulu ayisithupha ezikhethiweyo lazo zonke inqola zeGibhithe lenduna eziphezu kwazo zonke. **8** INkosi yasiyenza lukhuni inhliziyu kaFaro inkosi yeGibhithe, waxotshana labantwana bakolsrayeli, kodwa abantwana bakolsrayeli baphuma ngesandla esiphakemeyo. **9** Kodwa amaGibhithe asexotshana labo, amabhiza wonke, izinqola zikaFaro, labagadi bakhe bamabhiza, lebutu lakhe, abafica bemise inkamba elwandle, eceleni kwePi-Hahirothi phambi kweBhali-Zefoni. **10** Kwathi uFaro esondele, abantwana bakolsrayeli baphakamisa amehlo abo, khangelake, amaGibhithe ehamba ebalandela, basebesesaba kakhulu. Abantwana bakolsrayeli basebekhala eNkosini; **11** bathi kuMozisi: Kungoba kwakungekho mangcwaba yini eGibhithe ukuthi usithethe ukuze sifele enkangala? Kuyini lokhu okwenze kithi, ukusikhupha eGibhithe? **12** Kayisilo leli ilizwi esalikhuluma kuwe eGibhithe sisithi: Siyekele ukuthi sisebenzele amaGibhithe? Ngoba bekuzakuba ngcono kithi ukuthi sisebenzele amaGibhithe kulokuthi sifele enkangala. **13** UMOzisi wasesithi ebantwini: Lingesabi; manini liqine, libone usindiso lweNkosi ezalenzela lona lamuhla; ngoba amaGibhithe eliwabonayo lamuhla, kalisayikuwabona futhi kuze kube laphakade. **14** INkosi izalilwela, lina-ke lizathula. **15** INkosi yasisithi kuMozisi: Ukhalelani kimi? Tshela abantwana bakolsrayeli ukuthi baqhubekele phambili. **16** Wena-ke, phakamisa intonga yakho, welulele isandla sakho phezu kolwandle uludabule, ukuze abantwana bakolsrayeli bahambe phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo. **17** Mina-ke, khangela, ngizayenza lukhuni inhliziyu yamaGibhithe ukuze angene ngemva kwabo. Njalo ngizadunyiswa ngoFaro langebutu lakhe lonke, ngezinqola zakhe, langabagadi bamabhiza bakhe. **18** Njalo amaGibhithe azakwazi ukuthi ngiyiNkosi sengidunyiswe ngoFaro, ngezinqola zakhe langabagadi bamabhiza bakhe. **19** Njalo ingilosu kaNkulunkulu eyayihamba phambi kwebutho lakolsrayeli yasuka yayahamba ngemva kwabo; lensika yeyezi yasuka phambi kwabo, yema ngemva kwabo, **20** yasisiza phakathi kwebutho lamaGibhithe lebutu lakolsrayeli. Njalo yayiliyezi lobumnyama, kodwa yakhanyisa ubusuku, okokuthi elinye kalisondelanga kwelinye ubusuku bonke.

21 UMOzisi waseselulela isandla sakhe phezu kolwandle; iNkosi yalwenza ulwandle lwahamba ngomoya olamandla wempumalanga ubusuku bonke, yenza ulwandle lwaba ngumhlabathi owomileyo; amanzi asesehlukaniswa. **22** Abantwana bakolsrayeli basebengena olwandle emhlabathini owomileyo; njalo amanzi aba ngumduli kubo ngakwesokunene sabo langakwesokhohlo sabo. **23** AmaGibhithe asexotshana labo, angena ngemva kwabo, wonke amabhiza kaFaro, inqola zakhe labagadi bamabhiza bakhe, phakathi kolwandle. **24** Kwasekusithi ngomlindo wokusa, iNkosi yakhangela phansi ebuthweni lamaGibhithe isensikeni yomlilo leyeyezi, yalidunga ibutho lamaGibhithe; **25** yakhupha amavili ezinqola zawo ukuze zihambe nzima, aze athi amaGibhithe: Asibakele ubuso bukalsrayeli, ngoba iNkosi iyabalwela imelene lamaGibhithe. **26** INkosi yasisithi kuMozisi: Yelulela isandla sakho phezu kolwandle ukuze amanzi abuyele phezu kwamaGibhithe, phezu kwinqola zawo laphezu kwabagadi bawo bamabhiza. **27** UMOzisi waseselulela isandla sakhe phezu kolwandle; ulwandle lwaselubuyela endaweni yalo eyejwayelekileyo emadabukakusa; amaGibhithe asebakelela kulo; iNkosi yasiwathintithela amaGibhithe phakathi kolwandle. **28** Amanzi asebuthe, asibekela izinqola labagadi bamabhiza, lebutu lonke likaFaro elalingene olwandle ngemva kwabo; kakusalanga loyedwa kubo. **29** Kodwa abantwana bakolsrayeli bahamba phezu komhlabathi owomileyo phakathi kolwandle; njalo amanzi aba ngumduli kubo ngakwesokunene sabo langakwesokhohlo sabo. **30** Ngokunjalo iNkosi yamsindisa ulsrayeli ngalolosuku esandleni samaGibhithe; njalo ulsrayeli wabona amaGibhithe efile ekhunji lolwandle. **31** Ulsrayeli wasebona amandla amakhulu iNkosi eyawenzayo kumaGibhithe. Abantu basebeyesaba iNkosi, bakholwa eNkosini, lakuMozisi inceku yayo.

15 Khona oMozisi labantwana bakolsrayeli bahlabelela lelihubo eNkosini; bakhuluma bathi: Ngizahlabelela iNkosi, ngoba iphakeme isibili. Ibhiza lomgadi walo ikuphosele olwandle. **2** INkosi ingamandla lehubo lami, isibe kimi lusindiso, lo nguNkulunkulu wami, ngakho ngizamdumisa, unguNkulunkulu kababa, ngakho ngizamphakamisa. **3** INkosi yindoda yempi, iNkosi libizo layo. **4** Inqola zikaFaro lebutu lakhe ikuphosele olwandle, lokhetho lwezinduna zakhe lwacwiliswa olwandle oluBomvu. **5** Inziki zabasibekela; behlela ekujuleni njengelitshe. **6** Isandla sakho sokunene, Nkosi, sidunyisiwe ngamandla; isandla sakho sokunene, Nkosi, sisiphahlazile isitha. **7** Njalo ngobukhulu bokuphakama kwakho uchithile abakuvukelayo; uthumele ulaka lwakho oluvuthayo, lwabaqeda njengezidindi. **8** Langokuvuthela kwamakhala akho amanzi abuthelelwa; impophoma zema njengenqumbi; izinziki zajiya enhliziyweni yolwandle. **9** Isitha sathi: Ngizaxotsha,

ngifice, ngehlukhanise impango; isiloyiso sami sizasutha bona, ngizahwatsha inkemba yami, isandla sami sizababhuhisa. **10** Waphephetha ngomoya wakho, ulwandle lwabasibekela; batshona njengomnuso emanzini alamandla. **11** Ngubani onjengawe, Nkosi, phakathi kwabonkulunkulu? Ngubani onjengawe olodumo ebungcweleni, owesabekayo ezindunyisweni, esenza izimangaliso? **12** Welulile isandla sakho sokunene, umhlaba wabaginya. **13** Ukhokhele ngomusa wakho lesisizwe osihlengileyo; wasihola ngamandla akho endaweni yakho yokuhlala yobungcwele bakho. **14** Izizwe zizwile, ziyathuthumela; umhelo ubabambile abahlali beFilisti. **15** Ngalesosikhathi izinduna zeEdoma zizasanganiseka, iziphathamandla zakoMowabi, ukuthuthumela kwazibamba, bonke abahlali beKhanani bazancibilika. **16** Ukwethuka lokwesaba kuzabehlela; ngobukhulu bengalo yakho bazathula njengelitshe, size sichaphe isizwe sakho, Nkosi, size sichaphe isizwe osithengileyo. **17** Uzabangenisa, ubahlanyele entabeni yelifa lakho, indawo oyezizileyo, Nkosi, ukuthi uhlafe kuyo, indawo engcwele eziyimisileyo izandla zakho, Nkosi. **18** INkosi izabusa kuze kube phakade lanininini. **19** Ngoba ibhiza likaFaro langena olwandle lenqola yakhe labagadi bakhe bamabhiza, iNkosi yasibuyisela amanzi olwandle phezu kwabo, kodwa abantwana bakolsrayeli bahamba emhlabathini owomileyo phakathi kolwandle. **20** UMiryamu umprofethikazi, udadewabo kaAroni, wasethatha isigujana esandleni sakhe; bonke abesifazana basebephuma ngemva kwakhe, lezigujana lemigido. **21** UMiryamu wasebaphendula wathi: Hlabelelani iNkosi, ngoba inqobe ngodumo. Ibhiza lomgadi walo ikuphosele olwandle. **22** UMOzisi wasemkhokhela ulsrayeli eqhubeka esuka eLwandle oluBomvu, baphuma baya enkangala yeShuri; bahamba insuku ezintathu enkangala, kabatholanga manzi. **23** Kwathi lapho befika eMara babangelakuwanatha amanzi eMara, ngoba ayebaba; ngakho ibizo layo lathiwa yiMara. **24** Abantu basebekhonona bemelene loMozisi besithi: Sizanathani? **25** Wasekhala eNkosini. INkosi yasimtshengisa isihlahla, asiphosela emanzini, amanzi asesiba mnandi. Yabamisela khona isimiso lesimiselo, lalapho yabalinga, **26** yasisithi: Uba lilalela lokulalela ilizwi leNkosi uNkulunkulu wenu, lenze okulungileyo emehlweni ayo, libeke indlebe emilayweni yayo, ligcine zonke izimiso zayo, kangiyikwehlisela phezu kwenu lasinye sezifo engazehlisela phezu kwamaGibhithe; ngoba ngiyiNkosi elelaphayo. **27** Basebefika eElimi lapho okwakukhona imithombo elitshumi lambili yamanzi, lezihlahla zelala ezingamatshumi ayisikhombisa; basebemisa inkamba khona emanzini.

16 Basebesuka eElimi, lenhlangano yonke yabantwana bakolsrayeli yafika enkangala yeSini, ephakathi kweElimi leSinayi, ngosuku lwetshumi lanhlanu lwenyanga yesibili emva kokuphuma kwabo

elizweni leGibhithe. **2** Lenhlangano yonke yabantwana bakolsrayeli yakhonona imelana loMozisi loAroni enkangala. **3** Abantwana bakolsrayeli basebesithi kubo: Kungathi ngabe safa ngesandla seNkosi elizweni leGibhithe lapho sasihlezi embizeni zenyama, lapho sadla isinkwa sasutha; ngoba lisikhuphele kulinkangala ukuze libulale lelibandla lonke ngendlala. **4** INkosi yasisithi kuMozisi: Khangela, ngizalinisela isinkwa sivela emazulwini; labantu bazaphuma ukubutha isabelo sosuku ngosuku lwaso, ukuze ngibalinge ukuthi bazahamba ngomlayo wami yini kumbe hayi. **5** Kuzakuthi-ke ngosuku lwesithupha bazalungisa lokho abakulethileyo, njalo kuzabe kuphindwe kabili kulokho abakubuthayo insuku ngensuku. **6** UMOzisi loAroni basebesithi kubo bonke abantwana bakolsrayeli: Kusihlwa, khona lizakwazi ukuthi iNkosi ilikhuphile elizweni leGibhithe; **7** njalo kusisa, khona lizabona inkazimulo yeNkosi, ngoba izwile ukukhonona kwenu limelene leNkosi. Thina-ke siyini ukuthi lisikhononele? **8** UMOzisi wasesithi: Lapho iNkosi ilinika inyama yokudla kusihlwa, lesinkwa ekuseni, ukuze lisuthe, kungoba iNkosi izwile ukukhonona kwenu elikukhonona limelene layo. Ngoba thina siyini? Ukukhonona kwenu kakumelananga lathi, kodwa kumelene leNkosi. **9** UMOzisi wasesithi kuAroni: Tshono kunhlangano yonke yabantwana bakolsrayeli uthi: Sondelani phambi kweNkosi, ngoba izwile ukukhonona kwenu. **10** Kwasekusithi uAroni esakhuluma kunhlangano yonke yabantwana bakolsrayeli, bakhangelanga ngasenkangala, khangelanga-ke, inkazimulo yeNkosi yabonakala eyezini. **11** INkosi yasikhuluma kuMozisi isithi: **12** Sengizwile ukukhonona kwabantwana bakolsrayeli; batshele uthi: Kusihlwa lizakudla inyama, lekuseni lisuthe isinkwa, njalo lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi uNkulunkulu wenu. **13** Kwasekusithi ntambama kwenyuka izagwaca, zasibekela inkamba; lakusisa kwakulomlalela wamazolo uzingelezele inkamba. **14** Kwathi umlalela wamazolo usuwenyukile, khangelanga-ke, phezu kobuso benkangala into eyisigaqa encinyane, incinyane njengongqawqwane emhlabathini. **15** Kwathi abantwana bakolsrayeli bezibona bathi omunye komunye: Yimana. Ngoba babangazi ukuthi kuyini. UMOzisi wasesithi kubo: Kuyisinkwa iNkosi elinike sona ukuze lidle. **16** Le yinto iNkosi elilaye ngayo yathi: Ngulowo lalowo kabuthe kuyo okulingene ukudla kwakhe, i-omeri ngekhandla, njengenani lemiphumulo yenu, ngulowo uzathathela abasethenti lakhe. **17** Abantwana bakolsrayeli basebesenza njalo, babutha, omunye okunengi lomunye okulutshwana. **18** Sebelanganise nge-omeri, lowo owayebuthe okunengi kabanga lokusalayo, lowayebuthe okulutshwana kaswelanga; babutha, ngulowo lalowo okulingene ukudla kwakhe. **19** UMOzisi wasesithi kubo: Kakungabi lamuntu otshiya kukho kuze kube sekuseni. **20** Kodwa kabamlalanga

uMozisi; kodwa abanye batshiya kukho kwaze kwaba sekuseni, kwasekuphethuza impethu, kwaba levumba. Ngakho uMozisi wabathukuthela. **21** Babutha ukusa ngokusa, ngulowo lawo okulingene ukudla kwakhe; lapho ilanga selitshisa, kwancibilika. **22** Kwasekusithi ngosuku lwesithupha babutha isinkwa esiphindwe kabili, ama-omeri amabili ngamunye. Njalo zonke izinduna zehlangano zeza zamtshela uMozisi. **23** Wasesithi kuzo: Lokhu yikho iNkosi ekutshiloyo: Kusasa yikuphumula, isabatha elingcwele leNkosi. Bhakani elizakubhaka, lipheke elizakupheka, konke lokho okuseleyo lizibekele kugcinwe kuze kube sekuseni. **24** Basebekubeka kwaze kwaba sekuseni njengokulaya kukaMozisi. Njalo kakubanga levumba, kwakungelampethu kukho. **25** UMOzisi wasesithi: Dlanini lokhu lamuhla, ngoba lamuhla kulisabatha leNkosi; lamuhla kaliyikukuthola egangeni. **26** Lizakubutha insuku eziyisithupha; kodwa ngosuku lwesikhombisa, isabatha, kakuyikuba khona kulo. **27** Kwasekusithi ngosuku lwesikhombisa abanye babantu baphuma ukubutha, kodwa kabakutholanga. **28** INkosi yasisithi kuMozisi: Koze kube nini lisala ukugcina imilayo yami lemithetho yami? **29** Bonani, ngoba iNkosi ilinikile isabatha, ngakho ilinika ngosuku lwesithupha isinkwa sensuku ezimbili; hlalani kube ngulowo lawo endaweni yakhe, kakungaphumi muntu endaweni yakhe ngosuku lwesikhombisa. **30** Ngakho abantu baphumula ngosuku lwesikhombisa. **31** Indlu yakolsrayeli yasibiza ibizo lakho ngokuthi yimana; njalo kwakunjengenhlangano yekhoriyanderi emhlophe, lokunambitheka kwayo kwakunjengezinkwana eziyizipatalala eziloluju. **32** UMOzisi wasesithi: Le yinto iNkosi elaye ngayo ukuthi: Gcwalisani i-omeri ngayo igcinelwe izizukulwana zenu, ukuze zibone isinkwa engalinika sona ukuthi lidle enkangala ekulikhupheni kwami elizweni leGibhithe. **33** UMOzisi wasesithi kuAroni: Thatha inqayi eyodwa, ufake kuyo i-omeri eligcwele imana, uyibeke phambi kweNkosi, igcinelwe izizukulwana zenu. **34** Njengokulaya kweNkosi kuMozisi, uAroni wayibeka phambi kobufakazi ukuze igcinwe. **35** Abantwana bakolsrayeli-ke badla imana iminyaka engamatshumi amane baze bafika elizweni elakhiweyo. Badla imana baze bafika emngceleni welizwe leKhanani. **36** I-omeri-ke ingkwetshumi kwe-efa.

17 Inhlango yonke yabantwana bakolsrayeli yasuka enkangala yeSini, ngamalombolombo abo, ngokomlayo weNkosi, bamisa inkamba eRefidimi; kodwa kwakungelamanzi okuthi abantu banathe. **2** Ngakho abantu bamsola uMozisi bathi: Sinike amanzi, sinathe. UMOzisi wasesithi kubo: Lingisolelani? Liyilingelani iNkosi? **3** Abantu basebesomela amanzi lapho, abantu bangunguna kuMozisi bathi: Wasenyuselani eGibhithe ukuze usibulale thina labantwana bethu lezifuyo zethu ngokoma? **4** UMOzisi wasekhala eNkosini esithi:

Ngizakwenzani kulababantu? Sekukancane ukuthi bangikhande ngamatshe. **5** INkosi yasisithi kuMozisi: Dlula phambi kwabantu, uthathe kanye lawe kubadala bakolsrayeli, lentonga yakho owatshaya umfula ngayo, ithathe ngesandla sakho, uhambe. **6** Khangela, ngizakuma lapho phambi kwakho phezu kwedwala eHorebe; njalo uzatshaya idwala, kuphume-ke kulo amanzi ukuze abantu banathe. UMOzisi wasesenza njalo phambi kwamehlo abadala bakolsrayeli. **7** Wasebiza ibizo lendawo ngokuthi yiMasa lokuthi yiMeriba ngenxa yokusola kwabantwana bakolsrayeli langenxa yokuyilinga kwabo iNkosi besithi: INkosi iphakathi kwethu yini loba hatshi? **8** Kwasekufika uAmaleki, walwa lolrayeli eRefidimi. **9** UMOzisi wasesithi kuJoshuwa: Sikhethele amadoda, uphume uyekulwa loAmaleki; kusasa ngizakuma engqongeni yoqaqa, lentonga kaNkulunkulu izakuba sesandleni sami. **10** UJoshuwa wasesenza njengokutsho kukaMozisi kuye, walwa loAmaleki. OMOzisi, uAroni loHuri basebesenyukela engqongeni yoqaqa. **11** Kwasekusithi lapho uMozisi ephakamisa isandla sakhe, ulsrayeli waba lamandla; kodwa lapho wehlisa isandla sakhe, uAmaleki waba lamandla. **12** Kodwa izandla zikaMozisi zaba nzima, ngakho bathatha ilitsho, balibeka ngaphansi kwakhe, ukuthi ahlake kulo. OAroni loHuri basebesekela izandla zakhe, omunye engapha lomunye engale, ukuze izandla zakhe ziqine lize litshone ilanga. **13** UJoshuwa wasemchitha uAmaleki labantu bakhe ngobukhali benkamba. **14** INkosi yasisithi kuMozisi: Bhala lokhu egwalweni kube yisikhumbuzo, ukubeke ezindlebeni zikaJoshuwa ukuthi ngokwesula ngizakwesula ukukhunjulwa kukaAmaleki ngaphansi kwamazulu. **15** UMOzisi wasesakha ilathi, wabiza ibizo lalo ngokuthi: UJehova-nisi; **16** wathi: Ngoba isandla sisesihlahleni sobukhosi seNkosi, iNkosi izakuba lempi imelene loAmaleki kusukela kusizukulwana kusiya kusizukulwana.

18 Kwathi uJetro umpristi weMidiyani, uyisezala kaMozisi, esezwile konke uNkulunkulu ayemenzele khona uMozisi lolrayeli isizwe sakhe, ukuthi iNkosi yayimkhuphile ulsrayeli eGibhithe, **2** uJetro uyisezala kaMozisi wathatha uZipora umkaMozisi emva kokumbuyisela kwakhe, **3** kanye lamadodana akhe amabili; obizo lenye lalinguGereshoma, ngoba wathi: Ngangingowemzini elizweni lemzini; **4** lebiziso lenye linguEliyezeri, ngoba uNkulunkulu kababa wayelusizo lwami, wangikhulula enkembeni kaFaro. **5** UJetro uyisezala kaMozisi wasesiza lamadodana akhe lomkakhe kuMozisi enkangala, entabeni kaNkulunkulu lapho ayemise khona inkamba. **6** Wasesithi kuMozisi: Mina, uyihlozala, uJetro, ngiza kuwe lomkakho lamadodana akhe amabili elaye. **7** UMOzisi wasephuma ukumhlangabeza uyisezala, wakhothama, wamanga. Basebebuzana impilakahl; bangena ethenteni. **8** UMOzisi wasemlandisela uyisezala ngakho konke

iNkosi eyayikwenzile kuFaro lakumaGibhithe ngenxa kalsrayeli, yonke inhlopheko eyabehlela endleleni, lokuthi iNkosi yayibakhulule. **9** UJetro wasethokoza ngakho konke okuhle iNkosi eyayikwenzele ulsrayeli, ukuthi yayimkhulule esandleni samaGibhithe. **10** UJetro wasesithi: Ibusisiwe iNkosi elikhulule esandleni samaGibhithe lesandleni sikaFaro; eyakhulula lesisizwe ngaphansi kwesandla samaGibhithe. **11** Khathesi sengisazi ukuthi iNkosi inkulu kulabo bonke onkulunkulu, ngoba endabeni abazigabisa ngayo yayiphezu kwabo. **12** UJetro uyisezala kaMozisi wasethathela uNkulunkulu umnikelo wokutshiswa lemihlatshe; kwasekusiza uAroni labo bonke abadala bakolsrayeli ukudla isinkwa loyisezala kaMozisi phambi kukaNkulunkulu. **13** Kwasekusithi kusisa uMozisi wahlala ukwahlulela abantu; njalo abantu bema phambi kukaMozisi kusukela ekuseni kwaze kwahlwa. **14** Kwathi lapho uyisezala kaMozisi esekubonile konke akwenzela abantu wathi: Iyini linto oyenza ebantwini? Uhlalalani wedwa, labantu bonke bemi kuwe kusukela ekuseni kuze kuhlwe? **15** UMOzisi wasesithi kuyisezala: Ngoba abantu beza kimi ukubuza kuNkulunkulu. **16** Nxa belendaba, beza kimi, njalo ngahlulele phakathi komuntu lomakhelwane wakhe, ngibazise izimiso zikaNkulunkulu lemithetho yakhe. **17** Uyisezala kaMozisi wasesithi kuye: Into oyenzayo kayinhle. **18** Isibili uzazidlakaza, wena-ke lababantu abalawe; ngoba linto inzima kakhulu kuwe, kawulakukwenza wedwa. **19** Khathesi lalela ilizwi lami; ngizakweluleka, njalo uNkulunkulu abe lawe. Wena kawube ngowabantu phambi kukaNkulunkulu, wena ulethe izindaba kuNkulunkulu, **20** ubafundise izimiso lemithetho, ubazise indlela abamele bahambe ngayo, lomsebenzi abamele bawenze. **21** Futhi wena ubone phakathi kwabo bonke abantu amadoda alamandla, amesabayo uNkulunkulu, amadoda eqiniso, azonda inzuzo engalunganga, uwabeke phezu kwabo, induna zezinkulungwane, induna zamakhulu, induna zamatshumi amahlanu, lenduna zamatshumi; **22** ukuthi zahlulele abantu ngaso sonke isikhathi; kodwa kuzakuthi lonke udaba olukhulu zizaluletha kuwe, kodwa lonke udaba oluncinyane zizawahlulela zona, ukuze kube lula kuwe, njalo zizathwalisana lawe. **23** Uba usenza linto, loNkulunkulu ekulawula, uzakuba lamandla okuma, njalo labo bonke lababantu bazabuyela endaweni yabo ngokuthula. **24** UMOzisi waselilalela ilizwi likayisezala, wenza konke ayekutshilo. **25** UMOzisi wasekhetha amadoda alamandla kuye wonke ulsrayeli, wawabeka inhloko phezu kwabantu, induna zezinkulungwane, induna zamakhulu, induna zamatshumi amahlanu lenduna zamatshumi. **26** Zasezibahlulela abantu ngaso sonke isikhathi; zaletsa kuMozisi indaba ezinzima, kodwa lonke udaba oluncinyane zalwahlulela zona. **27** UMOzisi wasemyekela wahamba uyisezala; waya elizweni lakibo.

19 Ngenyanga yesithathu emva kokuphuma kwabantwana bakolsrayeli elizweni leGibhithe,

ngalelologa bafika enkangala yeSinayi. **2** Sebesukile eRefidimi, bafika enkangala yeSinayi, bamisa inkamba enkangala; ulsrayeli wamisa-ke inkamba khona phambi kwentaba. **3** UMOzisi wasesenyukela kuNkulunkulu. INkosi yasimemeza kuye esentabeni isithi: Uzakutsho njalo kuyo indlu kaJakobe, ubatshela abantwana bakolsrayeli uthi: **4** Lina libonile lokho engikwenze kumaGibhithe, lokuthi ngalithwala phezu kwempiko zenkozi, ngaliletha kimi. **5** Ngakho-ke uba lilalela lokulalela ilizwi lami, ligcine isivumelwano sami, khona lizakuba yimfuyo ekhethekileyo kimi kulazo zonke izizwe; ngoba umhlaba wonke ungowami; **6** njalo lizakuba ngumbuso wabapristi lesizwe esingcwele kimi. Yiwo lamazwi ozawathso kubantwana bakolsrayeli. **7** UMOzisi wasesiza wabiza abadala babantu, wabeka phambi kwabo wonke la amazwi iNkosi emlaye wona. **8** Bonke abantu basebephendula kanyekanye bathi: Konke iNkosi ekukhulumileyo sizakwenza. UMOzisi wasebuyisela amazwi abantu eNkosini. **9** INkosi yasisithi kuMozisi: Khangela, ngizakuza kuwe eyezini elinzima ukuze abantu bezwe nxa ngikhuluma lawe, lokuthi bakholwe kuwe kuze kube nininini. UMOzisi wasebikela iNkosi amazwi abantu. **10** INkosi yasisithi kuMozisi: Hamba uye ebantwini, ubangcwelise lamuhla lakusasa, bawatshe izembatho zabo, **11** babe sebelungele usuku lwesithathu; ngoba ngosuku lwesithathu iNkosi izakwehla phambi kwamehlolo abantu bonke phezu kwentaba yeSinayi. **12** Uzabamisela abantu umngcele inhangothi zonke uthi: Ziqapheleni ukukhwela entabeni, lokuthintawatheni layo. Wonke othinta intaba uzabulawa lokubulawa. **13** Kakulasandla esizayithinta, kodwa sibili uzakhandwa ngamatshe loba sibili uzatshokwa; loba inyamazana loba umuntu, kakuyikuphila. Lapho uphondo lwenqama lukhala isikhathi eside bazakwenyukela entabeni. **14** UMOzisi wasesehla entabeni waya ebantwini, wangcwelisa abantu, njalo bahlamba izembatho zabo. **15** Wathi ebantwini: Lungelani usuku lwesithathu; lingasondeli kowesifazana. **16** Kwasekusithi ngosuku lwesithathu sekusile, kwakulemidumo lemibane leyezi elinzima phezu kwentaba, lelizwi lophondo olulamandla amakhulu; kwaze kwathi bonke abantu ababesenkambeni bathuthumela. **17** UMOzisi wasebakhupha abantu enkambeni ukuyamhangabeza uNkulunkulu; basebesima ngaphansi kwentaba. **18** Intaba yonke-ke yeSinayi yathunqa intuthu, ngoba iNkosi yehlela phezu kwayo ngomlilo; njalo intuthu yayo yenyuka njengentuthu yesithando; intaba yonke yasisamazama kakhulu. **19** Kwathi ilizwi lophondo liqhubeke lisiba lamandla amakhulu, uMozisi wakhuluma; njalo uNkulunkulu wamphendula ngelizwi. **20** INkosi yasisehlala entabeni yeSinayi, engqongeni yentaba; iNkosi yambizela uMozisi engqongeni yentaba; uMozisi wenyuka-ke. **21** INkosi yasisithi kuMozisi: Yehla, ubaxwayise abantu hlezi bafohlele eNkosini ukubona,

njalo abanengi babo bawe. 22 Labapristi labo abasondela eNkosini kabazingcwelise hlezi iNkosi ibadumele. 23 UMOzisi wasesithi eNkosini: Abantu bangenyukele entabeni yeSinayi, ngoba wena usixwayisile usithi: Misa umngcele wentaba, uyingcwelise. 24 INkosi yasisithi kuye: Hamba wehle, ubuye wenyuke, wena loAroni elawe; kodwa abapristi labantu kabangafohli benyukele eNkosini, hlezi ibadumele. 25 UMOzisi wasesehlela ebantwini, wabatshela.

20 UNkulunkulu wasekhuluma wonke la amazwi esithi: 2 NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho eyakukhupha elizweni leGibhithe, endlini yobugqili. 3 Ungabi labanye onkulunkulu phambi kwami. 4 Ungazenzeli isithombe esibaziweyo loba yiwuphi umfanekiso wokusemazulwini phezulu, loba wokusemhlabeni phansi, loba wokusemanzini ngaphansi komhlaba; 5 ungakukhothameli, ungakukhonzi; ngoba mina iNkosi, uNkulunkulu wakho, nginguNkulunkulu olobukhwele, ngiphindisela ububi baboyise phezu kwabantwana, kuze kube sesizukulwaneni sesithathu lesesine sabangizondayo, 6 kodwa ngibenzela umusa abayizinkulungwane zabangithandayo lezabagcina imilayo yami. 7 Ungaliphathi ngeze ibizo leNkosi uNkulunkulu wakho; ngoba iNkosi kayiyikumyekela engelacala ophatha ibizo layo ngeze. 8 Khumbula usuku lwesabatha, ukulugcina lube ngcwele. 9 Insuku eziyisithupha uzasebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho; 10 kodwa usuku lwesikhombisa lulisabatha leNkosi uNkulunkulu wakho; ungenzi loba yiwuphi umsebenzi ngalo, wena lendodana yakho lendodakazi yakho, inceku yakho lencekukazi yakho lezifuyo zakho lowemzini wakho ophakathi kwamasango akho. 11 Ngoba ngensuku eziyisithupha iNkosi yenza amazulu lomhlaba lolwandle lakho konke okukukho, yasiphumula ngosuku lwesikhombisa; ngalokhu iNkosi yalubusisa usuku lwesabatha, yalungcwelisa. 12 Hlonipha uyihlo lonyoko, ukuze insuku zakho zelulwe elizweni iNkosi uNkulunkulu wakho ekunika lona. 13 Ungabulali. 14 Ungafebi. 15 Ungebi. 16 Unganiki ubufakazi bamanga ngomakhelwane wakho. 17 Ungafisi indlu kamakhelwane wakho, ungfasi umkamakhelwane wakho, lenceku yakhe, lencekukazi yakhe, lenkabi yakhe, lobabhemu wakhe, njalo loba yini ekamakhelwane wakho. 18 Bonke abantu basebebona imidumo lemibane lelizwi lophondo, lentaba ithunqa. Kwathi abantu bekubona bathuthumela, bema khatshana; 19 bathi kuMOzisi: Khuluma wena lathi, njalo sizakuzwa; kodwa uNkulunkulu kangakhulumi lathi hlezi sife. 20 UMOzisi wasesithi ebantwini: Lingesabi; ngoba uNkulunkulu ufikile ukuze alilinge, lokuze ukwesabeka kwakhe kube phambi kwenu, ukuze lingoni. 21 Abantu bema-ke khatshana; kodwa uMOzisi wasondela emnyameni onzima lapho uNkulunkulu ayekhona. 22 INkosi yasisithi kuMOzisi: Uzakutsho njalo kubantwana

bakoIsrayeli uthi: Lina selibonile ukuthi ngikhulume lani ngisemazulwini. 23 Kaliyikwenza kanye lami onkulunkulu besiliva, njalo onkulunkulu begolide kaliyikuzenzela. 24 Ngenzela ilathi lenhlabathi, unikele phezu kwalo iminikelo yakho yokutshiswa leminikelo yakho yokuthula, izimvu zakho lenkabi zakho. Kuyo yonke indawo lapho engilenza ibizo lami ukuthi likhunjulwe khona ngizakuza kuwe ngikubusise. 25 Kodwa uba ungenzela ilathi lamatshe, awuyikulakha ngamatshe abaziweyo; ngoba nxa uphakamisela kulo insimbi yakho yokubaza, uyalingcolisa. 26 Awuyikukhwela phezu kwelathi lami ngezikhwelo, ukuze ubunqunu bakho bungembulwa phezu kwalo.

21 Lezi yizahlulelo ozazibeka-ke phambi kwabo. 2 Uba uthenga isigqili esingumHebheru, sizasebenza iminyaka eyisithupha, kodwa ngowesikhombisa sizaphuma sikhululekile ngesihle. 3 Uba safika sisodwa, sizaphuma sisodwa; uba sithethe, umkaso uzaphuma laso. 4 Uba inkosi yaso yasinika umfazi, asizalele amadodana kumbe amadodakazi, umfazi labantwana bakhe bazakuba ngabenkosi yakhe, njalo sizaphuma sisodwa. 5 Kodwa uba isigqili sisitsho lokutsho ukuthi: Ngiyayithanda inkosi yami, umkami labantwana bami, kangiyikuphuma ngikhululekile; 6 inkosi yaso izasiletha kubahluleli, ibisisiletha emnyango loba emgubazini, njalo inkosi yaso izabhoboza indlebe yaso ngosungulo, siyisebenzele-ke kuze kube nininini. 7 Njalo uba umuntu ethengisa indodakazi yakhe ukuze ibe yisigqilikazi, kayiyikuphuma njengalokhu izigqili ziphuma. 8 Uba singayithokozisi inkosi yaso ezimisele sona, izasenza sihlengwe; kayiyikuba lamandla okusithengisa esizweni semzini, njengoba esiphethe ngenkohliso. 9 Kodwa uba esimisela indodana yayo, izakwenza kuso njengelungelo lamadodakazi. 10 Uba ezithathela omunye, ukudla kwaso, isigubuzelo saso lokuhlala kwaso ndawonye kayiyikukunciphisa. 11 Kodwa uba ingasenzeli lezizinto ezintathu, sizaphuma ngesihle ngaphandle kwemali. 12 Otshaya umuntu aze afe, uzabulawa lokubulawa. 13 Kodwa uba ebengamcathamelanga, kodwa uNkulunkulu ekwenze wahlangana lesandla sakhe, ngizakumisela indawo ukuthi abalekele kuyo. 14 Kodwa uba umuntu esukela umakhelwane wakhe ambulale ngobugqili, uzamsusa elathini lami ukuze afe. 15 Otshaya uyise kumbe unina, uzabulawa lokubulawa. 16 Lowebe umuntu, amthengise, loba eficwa esandleni sakhe, uzabulawa lokubulawa. 17 Othuka uyise kumbe unina, uzabulawa lokubulawa. 18 Njalo nxa amadoda esilwa, enye itshaye enye ngelitshe kumbe ngenqindi, kodwa ingafi kodwa ilale embhedeni, 19 uba ilulama itotobe phandle ngodondolo lwayo, leyo eyitshayileyo izakhululwa. Kodwa izahlawulela isikhathi sokungasebenzi kwayo, izayelaphisa lokuyelaphisa. 20 Uba-ke umuntu etshaya isigqili sakhe kumbe isigqilikazi sakhe ngenduku size sife ngaphansi kwesandla sakhe, sizaphindiselwa

lokuphindiselwa. **21** Kanti nxa silulama usuku kumbe insuku ezimbili, kayikuphindiselwa, ngoba siyimali yakhe. **22** Njalo nxa amadoda esilwa, atshaye owesifazana okhulelweyo aze aphume umntwana wakhe, kodwa kungelangozi yokufa, izahlawuliswa lokuhlalulisa, njengokubeka kwendoda yomfazi phezu kwayo, izahlawulanjengokumiswe ngabahluleli. **23** Kodwa uba kulangozi yokufa, uzanika umphefumulo ngomphefumulo, **24** ilihlo ngelihlo, izinyo ngezinyo, isandla ngesandla, unyawo ngonyawo, **25** ukutshiswa ngokutshiswa, inxeba ngenxeba, umvimvinya ngomvimvinya. **26** Uba-ke umuntu etshaya ilihlo lesigqili sakhe kumbe ilihlo lesigqilikazi sakhe alibulale, uzasiyekela sihambe sikhululekile ngenxa yelihlo laso. **27** Uba-ke etshaya izinyo lesigqili kumbe izinyo lesigqilikazi likhumuke, uzasiyekela sihambe sikhululekile ngenxa yezinyo laso. **28** Njalo uba inkabi ihlaba owesilisa kumbe owesifazana abesesifa, inkabi izakhandwa lokukhandwa ngamatshe, lenyama yayo ingadliwa; kodwa umnininkabi uzayekelwa. **29** Kodwa uba inkabi ibijwayele ukuhlaba mandulo, njalo kufakaziwe kumninyo, kodwa engayilondolozanga, ibisibulala owesilisa kumbe owesifazana, leyonkabi izakhandwa ngamatshe, lomninyo laye abulawe. **30** Uba inhlawulo ibekwa phezu kwakhe, uzanika imbadalo yokuhlangwa komphefumulo wakhe, njengakho konke okubekwe phezu kwakhe. **31** Loba ihlaba indodana kumbe ihlaba indodakazi, kuzakwenziwa kuye njengomthetho lo. **32** Nxa inkabi ihlaba inceku kumbe incekekazi, uzanika amashekeli esilva angamatshumi amathathu enkosini yayo, lenkabi ikhandwe ngamatshe. **33** Njalo uba umuntu evula umgodi, loba uba umuntu egebha umgodi angawusibekeli, kuwele kuwo inkabi kumbe ubabhemi, **34** umninimgodi uzahlawula, abuyisele imali kumninyo, kodwa efileyo izakuba ngeyakhe. **35** Njalo uba inkabi yomuntu ilimaza inkabi kamakhelwane wakhe ize ife, bazathengisa inkabi ephilayo, behlukaniselane imali yayo, behlukaniselane efileyo futhi. **36** Kumbe uba kusaziwa ukuthi inkabi ibijwayele ukuhlaba mandulo, kodwa umninyo engayilondolozanga, uzabhadala lokubhadala inkabi ngenkabi, kodwa efileyo izakuba ngeyakhe.

22 Uba umuntu eseba inkabi loba imvu, ayihlabe kumbe ayithengise, uzahlawula inkabi ezinhlano ngenkabi, lezimvu ezine ngemvu. **2** Uba isela lificwa lifohlela, litshaywe lize life, kakulacala legazi kuye. **3** Uba ilanga seliphumile phezu kwalo, ulecala legazi. Lifanele ukubhadala lokubhadala; uba lingelalutho, limele lithengiswe ngenxa yokweba kwalo. **4** Uba okwebiweyo kuficwa lokuficwa esandleni salo kuphila, loba inkabi loba ubabhemi kumbe imvu, libabuyisela kuphindwe kabili. **5** Nxa umuntu edlisa insimu kumbe isivini, angenise izifuyo zakhe zidle ensimini yomunye, uzabuyisela ngokuhle kwensimu yakhe langokuhle kwesivini sakhe. **6** Uba kuqhamuka umlilo, ulumathe emeveni kuze kutshe inqumbi yamabele loba amabele amileyo loba

insimu, othungele umlilo uzahlawula lokuhlawula. **7** Uba umuntu enika umakhelwane wakhe imali loba impahla ukuze akulondolozwe, njalo kwebiwe endlini yalawomuntu, uba isela litholwa libabuyisela kuphindwe kabili. **8** Uba isela lingatholwa, umninindlu uzasondezwa kubahluleli ukuthi kafakanga yini isandla sakhe empahleni kamakhelwane wakhe. **9** Ngalo lonke udaba lwecala, ngenkabi, ngobabhemi, ngemvu, ngesembatho, ngakho konke okulahlekileyo, umuntu atsho ngakho ukuthi ngokwakhe, udaba lwabo bobabili luzakuza kubahluleli; lowo abahluleli abamlahlayo uzabuyisela kuphindwe kabili kumakhelwane wakhe. **10** Uba umuntu enikela kumakhelwane wakhe ubabhemi loba inkabi loba imvu kumbe isifuyo nje ukuthi akulondolozwe, besesusifa loba kulimala kumbe kuthunjwe, kungelamuntu obonayo, **11** isifungo seNkosi sizakuba phakathi kwabo bobabili, ukuthi kelulanga isandla empahleni kamakhelwane wakhe; njalo umninyo uzasemukela, kayikubuyisela. **12** Kodwa uba yebiwe lokwebiwa kuye, uzamhlawula umninyo. **13** Uba idatshuliwe lokudatshulwa, kayilethe ibe yibufakazi, kayikubuyisela edatshuliweyo. **14** Uba-ke umuntu esebileka ulutho kumakhelwane wakhe, beselulimala loba lusifa umninyo engelalo, uzahlawula lokuhlawula. **15** Uba umninyo elalo, kayikuhlalula; uba beluqhatshiwe, lulande ukuqhatsiwa kwalo. **16** Uba-ke indoda iyenga intombi emsulwa engakhombanga, ilale layo, izayilobola lokuyilobola ibe ngumkayo. **17** Uba uyise esala lokwala ukumnika yona, uzabhadala imali njengelobolo lezintombi ezimsulwa. **18** Lingayekeli umthakathakazi ukuthi aphile. **19** Wonke olala lenyamazana uzabulawa lokubulawa. **20** Ohlabela onkulunkulu ngaphandle kweNkosi kuphela uzatshabalaliswa. **21** Njalo ungamcindezelwe owezizwe, ungamhluphi, ngoba lalingabezizwe elizweni leGibhithe. **22** Lingacindezeli lawuphi umfelokazi kumbe intandane. **23** Uba ubacindezela lokubacindezela, yebo, uba bekhala lokukhala kimi, ngizakuzwa lokuzwa ukukhala kwabo, **24** ulaka lwami luzavutha, ngilbulale ngenkamba, labomkenu babe ngabafelokazi labantwana benu intandane. **25** Uba useboleka abantu bami imali abangabayanga abalawe, ungaziphathi njengombolekisi kubo, ungabeki inzalo phezu kwabo. **26** Uba uthatha lokuthatha isembatho sikamakhelwane wakho sibe yisibambiso, sibuyisele kuye lingakatshoni ilanga; **27** ngoba siyisigubuzelo sakhe sodwa, siyisembatho sakhe esikhumbeni sakhe; uzalala phakathi kwani? Kuzakuthi-ke lapho ekhala kimi, ngizamuzwa, ngoba ngilomusa. **28** Lingathuki onkulunkulu, lingaqalekisi induna yabantu bakini. **29** Lingaphuzisi isivuno senu esigcweleyo lomhluzi wenu wezithelo. Uzangipha izibulo emadodaneni akho. **30** Wenze njalo ngenkabi yakho langemvu yakho; kuzakuba lonina insuku eziyisikhombisa; ngosuku lwesificaminwembili unginike khona. **31** Lizakuba ngabantu abangcwele kimi; ngakho lingadli inyama edatshulwe egangeni yizilo, iphoseleniinja.

23 Ungawuphathi umbiko wamanga, ungafaki isandla sakho lomubi ukuze ube ngumfakazi wobubi. 2 Ungalandeli abanengi ngezinto ezimbi, ungafakazi ecaleni ukuze weyamele kwabanengi uliphambule. 3 Lomyanga ungamzwele ecaleni lakhe. 4 Uba uhlangana lenkabi yesitha sakho loba ubabhemi waso kuduha, uzakubuyisela lokukubuyisela kuso. 5 Uba ubona ubabhemi walowo okuzondayo elele ngaphansi komthwalo wakhe, uyekele ukumkhulula, zamkhulula lokumkhulula laye. 6 Kawuyikuphambula ukwahlulelwa komyanga wakho ecaleni lakhe. 7 Bana khatshana lendaba yamanga, ungabulali ongelacala lolungileyo, ngoba kangiyikumlungisisa okhohlakeleyo. 8 Njalo kawuyikwemukela isivalamlomo, ngoba isivalamlomo siphumputhekisa ababonayo, sonakalise amazwi abalungileyo. 9 Futhi kawuyikumcindezela owezizwe; ngoba lina liyayazi imizwa yowezizwe, ngoba lalingabezizwe elizweni leGibhithe. 10 Njalo iminyaka eyisithupha uzahlanyela isiqinti sakho, ubutha isivuno saso. 11 Kodwa ngowesikhombisa uzasilalukisa sibe lifusi, ukuze abayanga besizwe sakho badle, lalokho okuseleyo inyamazana zeganga zikudle. Wenze njalo ngesivini sakho lemihlwathi yakho. 12 Insuku eyisithupha uzakwenza umsebenzi wakho, njalo ngosuku lwesikhombisa uphumule, ukuze kuphumule inkabi yakho labobabhemi bakho, kuvuseleleke indodana yencekukazi yakho lowezizweni. 13 Lezintweni zonke esengizitshilo kini qaphelani, lebizo labanye onkulunkulu lingaliphathi, kaliyikuzwakala emlonjeni wakho. 14 Kathathu ngomnyaka uzangigcina umkhosi. 15 Umkhosi wesinkwa esingelamvubelo uzawugcina, insuku eyisikhombisa ude isinkwa esingelamvubelo njengokukulaya kwami, ngelikhathi esimisiweyo senyanga kaAbhibhi; ngoba kuyo waphuma eGibhithe; kabayikubonakala phambi kwami bengaphethe lutho. 16 Lomkhosi wesivuno, izithelo zokuqala zomsebenzi wakho, owuhlanyeleyo ensimini; lomkhosi wokubutha ekupheleni komnyaka, lapho usubuthile umsebenzi wakho ensimini. 17 Kathathu ngomnyaka bonke abesilisa bakho bazabonakala phambi kweNkosi uJehova. 18 Kawuyikunikele igazi lomhlatshelelo wami kanye lesinkwa esilemvubelo. Lamafutha omkhosi wami angalali kuze kuse. 19 Ikhethelo lezithelo zokuqala zensimu yakho uzaliletha endlini yeNkosi uNkulunkulu wakho. Ungapheki izinyane echagweni lukanina. 20 Khangela, ngithuma ingilosi phambi kwakho ukuze ikulondoloze endleleni, ikuse endaweni engiyilungisileyo. 21 Uqaphele phambi kwayo, ulalele ilizwi layo; ungayicunuli, ngoba kayiyikuthethelela iziphambeko zenu; ngoba ibizo lami liphakathi kwayo. 22 Kodwa uba ulalela lokulalela ilizwi layo, wenze konke engikutshoyo, sengizakuba yisitha sezitha zakho, ngiphambane labaphambana lawe. 23 Ngoba ingilosi yami izahamba phambi kwakho, ikungenise kumaAmori lamaHethi

lamaPerizi lamaKhanani lamaHivi lamaJebusi. Njalo ngizababhubhisa. 24 Ungakhothameli onkulunkulu babo, ungabakhonzi, ungenzi njengemisebenzi yabo; kodwa ubachithe lokubachitha, ubhidlize lokubhidliza izinsika zabo eziyizithombe. 25 Lizakhonza-ke iNkosi uNkulunkulu wenu; njalo izabusisa ukudla kwakho lamanzi akho, njalo ngisuse isifo phakathi kwakho. 26 Kakuyikuba khona okuphunzayo lokuyinyumba elizweni lakho. Ngizaphelelisa inani lensuku zakho. 27 Ngizathumela ukwesabeka kwami phambi kwakho, ngiphambanise bonke abantu ozafika kubo, ngenze izitha zakho zonke zikunike isiphundu. 28 Ngizathumela olonyovu phambi kwakho abazaxotsha amaHivi, amaKhanani lamaHethi phambi kwakho. 29 Kangiyikubaxotsha phambi kwakho ngomnyaka oowodwa, hlezi ilizwe libe ngamanxiwa, lenyamazana zeganga zikwandle. 30 Ngizabaxotsha phambi kwakho kancinyane kancinyane, uze wande, udle ilifa lelizwe. 31 Njalo ngizamisa imingcele yakho kusukela eLwandle oluBomvu kuze kufike elwandle lwamaFilisti, njalo kusukela enkangala kuze kufike emfuleni; ngoba ngizanikela esandleni sakho abakhileyo belizwe; uzabaxotsha phambi kwakho. 32 Ungenzi isivumelwano labo labonkulunkulu babo. 33 Kabayikuhlala elizweni lakho, hlezi bakwenze ukuthi wone kubi; uba ukhonza onkulunkulu babo, ngeqiniso kuzakuba yisifu kuwe.

24 Yasisithi kuMozisi: Yenyukela eNkosini, wena loAroni, uNadabi loAbihu, labangamatshumi ayisikhombisa kubadala bakolsrayeli, likhonze likhatshana. 2 Njalo uMozisi yedwa uzasondela eNkosini, kodwa bona kabayikusondela; labantu kabayikwenyuka laye. 3 UMOzisi wasesiza watshela abantu wonke amazwi eNkosi lokwahlulela konke; bonke abantu baphendula ngaliziwi linye bathi: Wonke amazwi eNkosi ewakhulumileyo sizawenza. 4 UMOzisi wasebhala wonke amazwi eNkosi. Wavuka ekuseni kakhulu, wakha ilathi phansi kwentaba, lensika ezilithumi lambili, ngokwezizwe ezilithumi lambili zakolsrayeli. 5 Wathuma amajaha abantwana bakolsrayeli, anikela iminikelo yokutshiswa, ahlabela iNkosi iminikelo yokuthula yamajongosi. 6 UMOzisi wasethatha ingxenye yegazi, wayifaka emiganwini; lengxenye yegazi wayifafaza phezu kwelathi. 7 Wasethatha incwadi yesivumelwano, wayibala ezindlebeni zabantu. Basebesithi: Konke iNkosi ekutshiloyo sizakwenza silalele. 8 UMOzisi wasethatha igazi, walifafaza phezu kwabantu, wathi: Khangelani igazi lesivumelwano iNkosi esenze lani mayelana lawo wonke la amazwi. 9 Basebesenyuka oMozisi loAroni, uNadabi loAbihu, labangamatshumi ayisikhombisa kubadala bakolsrayeli, 10 basebebona uNkulunkulu wakolsrayeli, langaphansi kwenyawo zakhe kwakukhona okunjengomsebenzi wamasafire agandelweyo, lanjengamazulu uqobo ngokucwengeka. 11 Kodwa kaselulanga isandla

sakhe kuzo iziphathamandla zabantwana bakolsrayeli. Sebembonile-ke uNkulunkulu badla banatha. **12** INkosi yasisithi kuMozisi: Yenyukela kimi entabeni, ube khona; njalo ngizakunika izibhebhe zamatshe lomlayo lemithetho, engikubhalileyo ukubafundisa. **13** Wasukuma-ke uMozisi, lenceku yakhe uJoshuwa; uMozisi wasesenyukela entabeni kaNkulunkulu. **14** Wasesithi ebadaleni: Siliindeleni lapha size sibuye kini; khangelani-ke uAroni loHuri balani; olezindaba kasondele kubo. **15** UMozisi wasesenyukela entabeni, leyezi lasibekela intaba. **16** Njalo inkazimulo yeNkosi yahlala entabeni yeSinayi; leyezi layisibekela insuku eziyisithupha; yasimbiza uMozisi ngosuku lwesikhombisa iphakathi kweyezi. **17** Njalo ukubonakala kwenkazimulo yeNkosi kwakunjengomlilo oqothulayo, engqongeni yentaba, emehlweni abantwana bakolsrayeli. **18** UMozisi wasengena phakathi kweyezi, wenyukela entabeni; njalo uMozisi waba sentabeni insuku ezingamatshumi amane lobusuku obungamatshumi amane.

25 INkosi yasikhuluma kuMozisi isithi: **2** Khuluma kubantwana bakolsrayeli ukuthi bangithathele umnikelo; uzathatha umnikelo wami kuye wonke umuntu, onhliziyo yakhe imenza avume. **3** Njalo yilo umnikelo ozawuthatha kubo: Igolide, lesiliva, lethusi, **4** lokuluhlaza okwesibhakabhaka, lokuyibubende, lokubomvu, lelembu elicolekileyo kakhulu, loboya bembuzi, **5** lezikhumba eziphendulwe zababomvu zezinqama, lezikhumba zikamantswane, lesihlahla sesinga, **6** amafutha esibane, amakha amafutha okugcoba, lawempepha ethunqayo elephunga elimnandi, **7** amatshe athiwa ngama-nikse, lamatshe okubekwa e-efodini lesembathweni sesifuba. **8** Njalo kabangenzele indawo engcwele ukuze ngihlale phakathi kwabo. **9** Njengakho konke engizakutshengisa khona, isibonelo sethabhanekele, lesibonelo sempahla yalo yonke, lenze njalo-ke. **10** Njalo bazakwenza umtshokotsho ngesihlahla sesinga; ubude bawo bube zingalo ezimbili lengxenyane, lobubanzi bawo yingalo lengxenyane, lokuphakama kwawo yingalo lengxenyane. **11** Uwuhuqe-ke ngegolide elicwengekileyo, uwuhuqe ngaphakathi langaphandle, wenze phezu kwawo umqolo wegolide inhlangothi zonke. **12** Uwubumbele ngokuncibilikisa futhi amasongo amane egolide, uwafake emagumbini omane awo, ukuze amasongo amabili abe kolunye uhlangothi lwawo, lamasongo amabili abe kolunye uhlangothi lwawo. **13** Njalo uzakwenza imijabo ngesihlahla sesinga, uyihuqe ngegolide, **14** uyifake imijabo emasongweni enhlangothini zomtshokotsho, ukuthwala umtshokotsho ngayo. **15** Imijabo izakuba semasongweni omtshokotsho, ayiyikukhutshwa kuwo. **16** Ubusufaka emtshokotshweni ubufakazi engizakunika bona. **17** Njalo uzakwenza isihlahla somusa ngegolide elicwengekileyo, ubude baso bube zingalo ezimbili lengxenyane, ububanzi baso

21 Kwathi uHadadi esezwile eseGibhithe ukuthi uDavida ulele laboyise lokuthi uJowabi induna yebutho usefile, uHadadi wathi kuFaro: Ngivumela ngisuke ukuthi ngiye elizweni lakithi. 22 UFaro wasesithi kuye: Kodwa usweleni ulami ukuthi, khangela, udinge ukuya elizweni lakini? Wasesithi: Akulalutho, loba kunjalo ngivumela lokungivumela ngihambe. 23 UNkulunkulu wasemvuselela isitha, uRezoni indodana kaEliyada owayebalekile enkosini yakhe uHadadezeri inkosi yeZoba. 24 Wasezibuthela amadoda, waba ngumkhokheli weviyo, lapho uDavida ebabulala; basebesiya eDamaseko, bahlala kuyo, babusa eDamaseko. 25 Wasesiba yisitha kuIsrayeli insuku zonke zikaSolomoni, phezu kobubi uHadadi abenzayo; njalo wanengwa ngulIsrayeli, wabusa phezu kukaSiriya. 26 LoJerobhowamu, indodana kaNebati, umEfrayimi weZereda, inceku kaSolomoni, obizo likanina lalinguZeruwa, owesifazana ongumfelokazi, laye waphakamisa isandla emelene lenkosi. 27 Yilolu-ke udaba lokuthi aphakamise isandla emelene lenkosi. USolomoni wakha iMilo, wavala isikhala somuzi kaDavida uyise. 28 UJerobhowamu wayeliqhawe elilamandla. Kwathi uSolomoni ebona lelijaha ukuthi likhuthele emsebenzini, walibeka phezu kwawo wonke umthwalo wendlu kaJosefa. 29 Kwasekusithi ngalesosikhathi lapho uJerobhowamu ephuma eJerusema, uAhiya umShilo umprofethi wamfica endleleni. Njalo wayezigqokise isigqoko esitsha; bobabili babebodwa egangeni. 30 UAhiya wasesibamba isigqoko esitsha esasikuye, wasidabula iziqqa ezilithumi lambili, 31 wathi kuJerobhowamu: Zithathele iziqqa ezilithumi, ngoba itsho njalo iNkosi, uNkulunkulu kaIsrayeli: Khangela, ngizadabula umbuso usuke esandleni sikaSolomoni, ngikunike izizwe ezilithumi. 32 Kodwa yena uzakuba lesizwe esisodwa ngenxa yenceku yami uDavida langenxa yeJerusema, umuzi engiwukhethileyo ezizweni zonke zakolIsrayeli. 33 Ngenxa yokuthi bangitshiyile, bakhonza uAshitarothi unkulunkulu wamaSidoni, uKemoshi unkulunkulu wamaMowabi, loMilkomu unkulunkulu wabantwana bakoAmoni, kabahambanga ngendlela zami, ukwenza okulungileyo emehlweni ami, lokulondoloza izimiso zami lezahlulelo zami, njengoDavida uyise. 34 Loba kunjalo kangiyikuwususa umbuso wonke esandleni sakhe; kodwa ngizamenza abe ngumbusi zonke izinsuku zempilo yakhe ngenxa kaDavida inceku yami, engamkhethayo, owagcina imilayo yami lezimiso zami. 35 Kodwa ngizawususa umbuso esandleni sendodana yakhe, ngiwunike wena, izizwe ezilithumi. 36 Lendodana yakhe ngizayinika isizwe sibe sinye ukuze uDavida inceku yami abe lesibane zonke izinsuku phambi kwami eJerusema, umuzi engizikhethele wona ukuze ngibeke ibizo lami khona. 37 Wena-ke ngizakuthatha, uzabusa phezu kwakho konke umphefumulo wakho okuloyisayo, ube yinkosi phezu kukalIsrayeli. 38 Kuzakuthi-ke, uba ulalela

konke engikulaya khona, uhambe ngezindlela zami, wenze okulungileyo emehlweni ami, ukugcina izimiso zami lemilayo yami, njengokwenza kukaDavida inceku yami, ngizakuba lawe, ngikwakhele indlu eqinileyo, njengengayakhela uDavida, ngizakunika ulsrayeli, 39 njalo ngihluphe inzalo kaDavida ngenxa yalokhu, kodwa kungabi kokuphela. 40 Ngakho uSolomoni wadinga ukumbulala uJerobhowamu, kodwa uJerobhowamu wasuka wabalekela eGibhithe, kuShishaki inkosi yeGibhithe, wayeseGibhithe waze wafa uSolomoni. 41 Ezinye-ke zezindaba zikaSolomoni, lakho konke akwenzayo, lenhlakanipho yakhe, kakubhalwanga yini egwalweni lwendaba zikaSolomoni? 42 Isikhathi-ke uSolomoni abusa ngaso eJerusalemaphu kukalsrayeli wonke saba yiminyaka engamatshumi amane. 43 USolomoni waselala laboyise, wangcwatshelwa emzini kaDavida uyise. URehobhowamu indodana yakhe wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe.

12 URehobhowamu wasesiya eShekema ngoba ulsrayeli wonke wayefike eShekema ukumbeka abe yinkosi. 2 Kwasekusithi uJerobhowamu indodana kaNebati, owayelokhu eseGibhithe, ekuzwa lokhu (ngoba wayebaleke esuka phambi kukaSolomoni inkosi, uJerobhowamu wahlala eGibhithe), 3 bathuma bambiza. UJerobhowamu lebandla lonke lakolsrayeli basebesiza bakhuluma loRehobhowamu besithi: 4 Uyihlo wenza ijogwe lethu laba lukhuni; ngakho-ke wena yenza kube lula umsebenzi olukhuni kayihlo, lejogwe lakhe elinzima abesithwalise lona, njalo sizakukhonza. 5 Wasesithi kibo: Hambani futhi okwensuku ezintathu, libe selibuya kimi. Basebehamba abantu. 6 Inkosi uRehobhowamu yasicebisana labadala ababesima phambi kukaSolomoni uyise esaphila, isithi: Licebisa njani ukubuyisela impendulo kulababantu? 7 Basebekhuluma kuyo besithi: Uba uzakuba yinceku yalababantu lamuhla ubasebenzele, ubaphendule, ukhulume kibo amazwi amahle, khona bezakuba zinceku zakho zonke izinsuku. 8 Kodwa wasitshiya iseluleko sabadala ababemeluleke ngaso, wacebisana lamajaha ayeyintanga yakhe, ayemi phambi kwakhe. 9 Wasesithi kuwo: Lipha seluleko bani ukuthi sibuyisele impendulo kulababantu abakhulume lami besithi: Yenza libe lulanyana ijogwe uyihlo alibeka phezu kwethu? 10 Amajaha ayeyintanga yakhe asekhuluma kuye esithi: Uzakutsho njalo kulababantu abakhuluma kuwe besithi: Uyihlo wenza ijogwe lethu laba nzima, kodwa wena yenza libe lulanyana kithi; uzakutsho njalo kibo: Ucikilicane wami uqatha kulokhala lukababa. 11 Uba-ke ubaba walethwesa ijogwe elinzima, mina-ke ngizakwengezelela ejogweni lenu. Ubaba walijezisa ngeziswepu, kodwa mina ngizalijezisa ngabofezela. 12 Ngakho uJerobhowamu labo bonke abantu beza kuRehobhowamu ngosuku lwesithathu njengokutsho kwenkosi isithi: Libuye kimi futhi ngosuku lwesithathu. 13 Inkosi yasibaphendula abantu kalukhuni, yatshiya

iseluleko sabadala ababemeluleke ngaso. 14 Yakhuluma kubo njengokweseluleko samajaha isithi: Ubaba wenza ijogwe lenu laba nzima, kodwa mina ngizakwengezelela ejogweni lenu; ubaba walijezisa ngeziswepu, kodwa mina ngizalijezisa ngabofezela. 15 Ngalokho inkosi kayibalalelanga abantu; ngoba inguquko yayivela eNkosini ukuze iqinise ilizwi layo, iNkosi eyayilikhulume ngesandla sikaAhiya umShilo kuJerobhowamu indodana kaNebati. 16 Lapho ulsrayeli wonke ebona ukuthi inkosi kayibalalelanga, abantu babuyisela impendulo enkosini besithi: Silesabelo bani kuDavida? Yebo, kasialifla endodaneni kaJese. Emathenteni akho, Israyeli! Khathesi, zibonele indlu yakho, Davida. Ngakho ulsrayeli waya emathenteni akhe. 17 Mayelana labantwana bakolsrayeli ababehlala emizini yakoJuda, uRehobhowamu wabusa phezu kwabo. 18 Khona inkosi uRehobhowamu yathuma uAdoniram owayephezu kwezibhalwa; ulsrayeli wonke wasemkhanda ngamatshe waze wafa. Ngakho inkosi uRehobhowamu yakhwela masinyane inqola yayo, ukubalekela eJerusalema. 19 Ngokunjalo ulsrayeli wayihlamukela indlu kaDavida kuze kube lamuhla. 20 Kwasekusithi ulsrayeli wonke esezwile ukuthi uJerobhowamu ubuyile, bathuma bambizela enhlanganweni, bamenza inkosi phezu kukalsrayeli wonke; kakubanga khona olandela indlu kaDavida ngaphandle kwesizwe sakoJuda sodwa. 21 Kwathi uRehobhowamu esefikile eJerusalema wabuthanisa yonke indlu yakoJuda lesizwe sakoBhenjamini, abakhethiweyo abayizinkulungwane ezilikhulu amatshumi ayisificaminwembili, abalwa impi, ukulwa lendlu yakolsrayeli, ukubuyisela umbuso kuRehobhowamu indodana kaSolomoni. 22 Kodwa ilizwi likaNkulunkulu lafika kuShemaya umuntu kaNkulunkulu lisithi: 23 Khuluma kuRehobhowamu indodana kaSolomoni, inkosi yakoJuda, lakuyo yonke indlu yakoJuda leyakoBhenjamini, lensali yabantu, uthi: 24 Itsho njalo iNkosi: Lingenyuki njalo lingalwi labafowenu, abantwana bakolsrayeli. Buyelani, ngulowo lalowo endlini yakhe; ngoba linto ivela kimi. Basebelilalela ilizwi leNkosi, babuyela ukuhamba, njengokwelizwi leNkosi. 25 UJerobhowamu wasesakha iShekema entabeni yakoEfrayimi, wahlala kuyo; wasephuma lapho wakha iPenuweli. 26 UJerobhowamu wasesithi enhliziyweni yakhe: Khathesi umbuso uzabuyela endlini kaDavida. 27 Uba lesisizwe sisenyukela ukwenza imihlatshelo endlini yeNkosi eJerusalema, khona inhliziyo yalesisizwe izabuyela enkosini yabo, kuRehobhowamu inkosi yakoJuda, njalo bazangibulala babuyele kuRehobhowamu inkosi yakoJuda. 28 Ngakho inkosi yathatha icebo, yenza amathole amabili egolide, yathi kubo: Kunzima kakhulu kini ukwenyukela eJerusalema; khangela, onkulunkulu bakho, Israyeli, abakukhuphula elizweni leGibhithe. 29 Wasemisa elinye eBhetheli, lelinye walifaka eDani. 30 Loludaba

waselusiba yisono; ngoba abantu baya phambi kwelinye kuze kube seDani ukuyakhonza. **31** Wasesenza indlu yezindawo eziphakemeyo, wenza abapristi ngabaphansi kakhulu babantu, ababengeyisiwo bamadodana amaLevi. **32** UJerobhowamu wasesenza umkhosi ngenyanga yesificaminwembili ngosuku lwetshumi lanhlano lwenyanga njengomkhosi owawukoJuda, wanikela phezu kwelathi. Wenza njalo eBetheli, ehlabela amathole ayewenzile. Wabeka eBetheli abapristi bezindawo eziphakemeyo ayezenzile. **33** Wasenikela phezu kwelathi ayelenzile eBetheli ngosuku lwetshumi lanhlano enyangeni yesificaminwembili, enyangeni ayeziqambile evela enhliziyweni yakhe. Wenzela abantwana bakolsrayeli umkhosi, wanikela phezu kwelathi etshisa impepha.

13 Khangela-ke, kwafika umuntu kaNkulunkulu evela koJuda ngelizwi leNkosi waya eBetheli, njalo uJerobhowamu wayemi eduze lelathi ukutshisa impepha. **2** Wasememeza emelene lelathi ngelizwi leNkosi wathi: Lathi, lathi, itsho njalo iNkosi: Khangela, indodana izazalelwa indlu kaDavida, nguJosiya ibizo layo; izahlabela phezu kwakho abapristi bezindawo eziphakemeyo abatshisa impepha phezu kwakho, lamathambo abantu azatshiselwa phezu kwakho. **3** Wasenika isibonakaliso ngalolosuku esithi: Lesi yisibonakaliso iNkosi esikhulumileyo yathi: Khangela, ilathi lizadatshulwa lomlotha ophezu kwalo uzachithwa. **4** Kwasekusithi inkosi isizwile ilizwi lomuntu kaNkulunkulu owamemeza emelene lelathi eBetheli, uJerobhowamu welula isandla sakhe wasisusa elathini, esithi: Mbambeni! Isandla sakhe-ke ayeselulele kuye soma, waze wehluleka ukusibuyisela kuye. **5** Lelathi ladatshulwa, lomlotha wachitheka elathini, njengokwesibonakaliso umuntu kaNkulunkulu ayesinkile ngelizwi leNkosi. **6** Inkosi yasiphendula yathi emuntwini kaNkulunkulu: Ake uncenge ubuso bukaJehova uNkulunkulu wakho, ungikhulekele, ukuthi isandla sami sibuyele kimi. Umuntu kaNkulunkulu wasencenga ubuso bukaJehova, lesandla senkosi sabuyela kuyo, saba njengakuqala. **7** Inkosi yasisithi emuntwini kaNkulunkulu: Woza lami siye ekhaya, uzivuselele, ngizakunika umvuzo. **8** Kodwa umuntu kaNkulunkulu wathi enkosini: Loba unganinika ingxenye yendlu yakho, kangiyikuhamba lawe; kangiyikudla isinkwa, njalo kangiyikunatha amanzi kulindawo; **9** ngoba ngokunjalo yangilaya ngelizwi leNkosi isithi: Ungadli isinkwa, njalo unganathi amanzi, njalo ungabuyeli ngendlela oze ngayo. **10** Ngakho wahamba ngenye indlela, kabuyelanga ngendlela oweza ngayo eBetheli. **11** Kwakuhlala-ke umprofethi othile omdala eBetheli. Amadodana akhe eza amtshela sonke isenzo umuntu kaNkulunkulu ayesenzile mhlaokho eBetheli; amazwi ayewakhulume enkosini, lawo awatshela uyise. **12** Uyise wasesithi kiwo: Uhambe ngayiphi indlela? Ngoba amadodana akhe ayebonile indlela umuntu

kaNkulunkulu owayevele koJuda ahambe ngayo. **13** Wasesithi emadodaneni akhe: Ngibophelelani isihlalo kubabhemi. Basebembophelela isihlalo kubabhemi, wasegada kuye. **14** Wasemlandela umuntu kaNkulunkulu, wamfika ehlezi ngaphansi kwesihlahla se-okhi, wathi kuye: Nguwe umuntu kaNkulunkulu ovele koJuda yini? Wasesithi: Yimi. **15** Wasesithi kuye: Woza lami siye ekhaya, udle isinkwa. **16** Wasesithi: Ngingeke ngibuyele lawe, kumbe ngingene lawe, angiyikudla isinkwa, njalo angiyikunatha lawe amanzi kulindawo, **17** ngoba ilizwi lathi kimi ngelizwi leNkosi: Kawuyikudla isinkwa, unganathi amanzi khona, ungabuyeli uhambe ngendlela oze ngayo. **18** Wasesithi kuye: Lami ngingumprofethi njengawe, njalo ingilosi ikhulume kimi ngelizwi leNkosi isithi: Umbuyise endlini yakho lawe ukuze adle isinkwa anathe amanzi. Kodwa waqamba amanga kuye. **19** Wasebuyela laye, wadla isinkwa endlini yakhe, wanatha amanzi. **20** Kwasekusithi behlezi etafuleni, ilizwi leNkosi lafika kumprofethi owayembuyisile; **21** wasememeza kulowomuntu kaNkulunkulu owayevela koJuda, esithi: Itsho njalo iNkosi: Ngenxa yokuthi kawulalelanga umlomo weNkosi, ungagcinanga umlayo iNkosi uNkulunkulu wakho eyakulaya wona, **22** kodwa ubuyeli, wadla isinkwa, wanatha amanzi endaweni eyathi ngayo kuwe: Ungadli isinkwa, njalo unganathi amanzi; isidumbu sakho kasiyikuya engcwabeni laboyihlo. **23** Kwasekusithi emva kokudla kwakhe isinkwa lemva kokunatha kwakhe, wasembophelela isihlalo kubabhemi lowomprofethi ayembuyisile. **24** Kwathi esehambile, isilwane samfika endleleni, sambulala; isidumbu sakhe sasesiphoselwa endleleni, ubabhemi wema eceleni kwaso, isilwane laso sema eceleni kwesidumbu. **25** Khangela-ke, abantu bedlula babona isidumbu siphoselwe endleleni lesilwane simi eceleni kwesidumbu; bafika bakubika emzini lapho lowomprofethi omdala ayehlala khona. **26** Kwathi lowomprofethi owayembuyisile esizwa wathi: Ngumuntu kaNkulunkulu ongalalelanga umlomo weNkosi; ngakho iNkosi imnikele esilwaneni esimphoqoze sambulala, njengokwelizwi leNkosi elakhuluma kuye. **27** Wasekhuluma emadodaneni akhe esithi: Ngibophelelani isihlalo kubabhemi. Basebophela isihlalo. **28** Wasehamba wathola isidumbu sakhe siphoselwe endleleni, lobabhemi lesilwane kumi eceleni kwesidumbu. Isilwane sasingasidlanga isidumbu, singephulanga ubabhemi. **29** Umprofethi wasesiphakamisa isidumbu somuntu kaNkulunkulu, wasiphanyeka kubabhemi, wasibuyisa; umprofethi omdala wafika emzini ukulila lokumngcwaba. **30** Wasilalisa isidumbu engcwabeni lakhe, bamilela bathi: Maye mfowethu! **31** Kwasekusithi emva kokumngcwaba kwakhe wakhuluma emadodaneni akhe esithi: Ekufeni kwami lingingcwabe engcwabeni okungcwatshelwe khona umuntu kaNkulunkulu; lilalise amathambo ami eceleni kwamathambo akhe. **32** Ngoba udaba luzakwenzeka sibili, alumemeza ngelizwi leNkosi

emelene lelathi eliseBhetheli, njalo emelene lezindlu zonke zezindawo eziphakemeyo ezisemizini yeSamariya. **33** Emva kwaloludaba uJerobhowamu kaphendukanga endleleni yakhe embi, kodwa wabuza wenza abapristi bezindawo eziphakemeyo ebantwini abaphansi kakhulu; ofunayo wamehlukana waba ngowabapristi bendawo eziphakemeyo. **34** Langale into kwaba lesono kuyo indlu kaJerobhowamu, ngitsho ukuyiquma lokuyichitha isuke ebusweni bomhlaba.

14 Ngalesosikhathi uAbhiya indodana kaJerobhowamu wagula. **2** UJerobhowamu wasesithi kumkakhe: Akusuke uzifihle isimo ukuze bangakwazi ukuthi ungumkaJerobhowamu, uye eShilo; khangela, kukhona lapho uAhiya umprofethi owangitshela ukuthi ngizakuba yinkosi phezu kwalababantu. **3** Uthathe izinkwa ezilithumi esandleni sakho lamaqebelengwana alukhuni lodivo loluju, uye kuye, yena uzakutshela okuzakwenzeka kulumntwana. **4** UmkaJerobhowamu wasesenza njalo, wasuka waya eShilo, wafika emzini kaAhiya. Kodwa uAhiya wayengelakubona ngoba amehlo akhe ayesenqandekile ngenxa yobudala bakhe. **5** INkosi yasisithi kuAhiya: Khangela, umkaJerobhowamu uyeza ukubuza ulutho kuwe ngendodana yakhe, ngoba iyagula. Uzamtshela ukuthi lokuthi. Ngoba kuzakuthi ekungeneni kwakhe, uzazitshaya omunye. **6** Kwasekusithi uAhiya esizwa izisinde zenyawo zakhe lapho engena emnyango wathi: Ngena mkaJerobhowamu; uzitshayelani omunye? Ngoba ngithunye kuwe ngento enzima. **7** Hamba uthi kuJerobhowamu: Itsho njalo iNkosi, uNkulunkulu kalsrayeli, ithi: Njengoba ngakuphakamisa uphakathi kwabantu, ngakwenza umbusi phezu kwabantu bami ulsrayeli, **8** ngadabula umbuso ngawususa endlini kaDavida, ngawunika wena; kodwa kawubanga njengenceku yami uDavida, owagcina imilayo yami, lowangilandela ngenhliziyo yakhe yonke, ukwenza okuhle kuphela emehlweni ami; **9** kodwa wenzile ububi okwedlula bonke ababekhona phambi kwakho, kodwa uhambe wazenzela abanye onkulunkulu lezithombe ezibunjwe ngokuncibilikisa, ukuze ungithukuthelise, wangilahla emva komhlana wakho. **10** Ngakho, khangela, ngizakwehlisa ububi endlini kaJerobhowamu, ngiqume asuke kuJerobhowamu ochamela emdulini, ovalelweyo lokhululekileyo kolsrayeli, ngihugule okulandelayo kwendlu kaJerobhowamu, njengomuntu ehugula umquba uze uphele. **11** OkaJerobhowamu ofela phakathi komuzi zizamudla izinja, lofela egangeni zizamudla inyoni zamazulu; ngoba iNkosi ikhulumile. **12** Ngakho wena suka, uye endlini yakho; ekungeneni kwenyawo zakho emzini umntwana uzakufa. **13** Njalo ulsrayeli wonke uzamlilela amngcwabe; ngoba nguye kuphela koJerobhowamu ozakuza engcwabeni, ngoba kutholakala kuye into elungileyo ngaseNkosini uNkulunkulu kalsrayeli endlini kaJerobhowamu. **14**

Futhi uJehova uzazivusela inkosi phezu kukalsrayeli, ezaquma indlu kaJerobhowamu ngalolosuku. Kodwa kuyini? Lakhathesi. **15** Njalo iNkosi izamtshaya ulsrayeli njengomhlanga uzunguzeka emanzini, iquphule ulsrayeli elizweni leli elihle, eyalinika oyise, ibachithachithe ngaphetsheya komfula, ngenxa yokuthi bazenzela izixuku, bayithukuthelisa iNkosi. **16** Njalo izanikela ulsrayeli ngenxa yezono zikaJerobhowamu, owonayo, wenza ulsrayeli one. **17** UmkaJerobhowamu wasesuka wahamba, wafika eTiriza. Lapho efika embundwini wendlu, umfana wafa. **18** Basebemngcwaba; lolsrayeli wonke wamlilela, njengokwelizwi leNkosi eyalikhuluma ngesandla senceku yayo uAhiya umprofethi. **19** Ezinye-ke zezindaba zikaJerobhowamu, ukuthi walwa njani, lokuthi wabusa njani, khangela, zibhalwe egwalweni lwemilando yamakhosi akolsrayeli. **20** Lensuku uJerobhowamu abusa ngazo zaziyiminyaka engamatshumi amabili lambili, walala laboyise, njalo uNadabi indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe. **21** URehobhowamu indodana kaSolomoni wabusa-ke koJuda. URehobhowamu wayeleminyaka engamatshumi amane lanye lapho esiba yinkosi, wabusa iminyaka elithumi lesikhombisa eJerusalem, umuzi iNkosi eyayiwukhethile kuzo zonke izizwe zakolsrayeli, ukubeka khona ibizo layo. Lebizo likanina lalinguNahama umAmonikazi. **22** UJuda wasesenza okubi emehlweni eNkosi; bayivusa ubukhwele, ngezono zabo abazonayo, okwedlula konke oyise ababekwenzile, ngezono zabo abazonayo. **23** Ngoba labo bazakhela zindawo eziphakemeyo, lezinsika eziyizithombe, lezixuku, phezu kwalo lonke uqaqa oluphakemeyo, langaphansi kwaso sonke isihlahla esiluhlaza. **24** Kwakukhona-ke elizweni lezinkotshana. Benza njengokwezini ngisizo zezizwe iNkosi eyayizixotshile elifeni phambi kwabantwana bakolsrayeli. **25** Kwasekusithi ngomnyaka wesihlanu wenkosi uRehobhowamu uShishaki inkosi yeGibhithe wenyuka wamelana leJerusalem. **26** Wathatha amagugu endlu kaJehova lamagugu endlu yenkosi, yebo wakuthatha konke, wathatha zonke izihlangu zegolide uSolomoni ayezenzile. **27** Inkosi uRehobhowamu yasizenza endaweni yazo izihlangu zethusi, yazinikela esandleni senduna yabalindi ababegcina umnyango wendlu yenkosi. **28** Njalo kwakusithi lapho inkosi ingena endlini kaJehova abalindi babezithwala, bazibuyisele endlini yabalindi. **29** Ezinye-ke zezindaba zikaRehobhowamu, lakho konke akwenzayo, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhosi akoJuda? **30** Kwakukhona-ke impi phakathi kukaRehobhowamu loJerobhowamu zonke izinsuku. **31** URehobhowamu waselala laboyise, wangcwatshelwa kuboyise emzini kaDavida. Lebizo likanina lalinguNahama umAmonikazi. UAbhiyamu indodana yakhe wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe.

15 Ngomnyaka wetshumi lesificaminwembali wenkosi uJerobhowamu indodana kaNebati uAbhiyamu wasesiba yinkosi phezu kukaJuda. **2** Wabusa iminyaka emithathu eJerusalem. Lebizo likanina lalinguMahaka indodakazi kaAbishalomu. **3** Wasehamba ezonweni zonke zikayise ayezenze phambi kwakhe, lenhliziyo yakhe yayingaphelelanga kuJehova uNkulunkulu wakhe, njengenhliziyo kaDavida uyise. **4** Kodwa ngenxa kaDavida iNkosi uNkulunkulu wakhe yamnika isibane eJerusalem, ngokubeka indodana yakhe emva kwakhe, langokuginisa iJerusalem. **5** Ngoba uDavida wenza okulungileyo emehlweni eNkosi, kaphambukanga kukho konke eyamlaya khona insuku zonke zempilo yakhe, ngaphandle kwedabeni lukaUriya umHethi. **6** Kwakukhona-ke impi phakathi kukaRehobhowamu loJerobhowamu zonke izinsuku zempilo yakhe. **7** Ezinye-ke zezindaba zikaAbhiyamu, lakho konke akwenzayo, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhosi akoJuda? Njalo kwaba lempi phakathi kukaAbhiyamu loJerobhowamu. **8** UAbhiyamu waselala laboyise, bamngcwabela emzini kaDavida. UAsa indodana yakhe wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. **9** Ngomnyaka wamatshumi amabili kaJerobhowamu inkosi yakolsrayeli uAsa wasesiba yinkosi yakoJuda. **10** Wasebusa iminyaka engamatshumi amane lanye eJerusalem. Lebizo likanina lalinguMahaka indodakazi kaAbishalomu. **11** UAsa wasesenza okulungileyo emehlweni eNkosi njengoDavida uyise. **12** Wasusa izinkotshana elizweni, wasusa zonke izithombe oyise ababezenzile. **13** Layeke uMahaka unina wamsusa ekubeni yindlovukazi, ngoba wayenze into enengekayo ibe yiAshera; uAsa waseyigamula into yakhe enengekayo, wayitshisela esifuleni iKidroni. **14** Kanti indawo eziphakemeyo kazisuswanga; lanxa kunjalo inhliziyo kaAsa yayiphelele kuJehova insuku zakhe zonke. **15** Wasengenisa izinto ezehlukanisiweyo zikayise kanye lezakhe izinto ezehlukanisiweyo endlini yeNkosi, isiliva legolide lezitsha. **16** Kwakukhona-ke impi phakathi kukaAsa loBahasha inkosi yakolsrayeli zonke izinsuku zabo. **17** UBahasha inkosi yakolsrayeli wasesenyuka wamelana loJuda, wakha iRama, ukuze angavumeli muntu ukuphuma lokungena kuAsa inkosi yakoJuda. **18** UAsa wasethatha sonke isiliva legolide okwakusele emagugwini endlu kaJehova lamaqungu endlu yenkosi, wakunikela esandleni senceku zakhe; inkosi uAsa yakuthumela kuBenihadadi indodana kaTabirimoni indodana kaHeziyoni, inkosi yeSiriyi, owayehlala eDamaseko, esithi: **19** Kulesivumelwano phakathi kwami lawe, phakathi kukababa loyihlo; khangelana, ngikuthumezela isipho, isiliva legolide. Hamba, yephula isivumelwano sakho loBahasha inkosi yakolsrayeli, ukuze enyuke asuke kimi. **20** UBenihadadi waseyilalela inkosi uAsa, wathuma induna zamabutho ayelawo emelene lemizi yakolsrayeli, watshaya iljoni leDani

leAbeli-Beti-Mahaka layo yonke iKinerothi lelizwe lonke lakoNafithali. **21** Kwasekusithi uBahasha ekuzwa wayekela ukwakha iRama, wahlala eTiriza. **22** Inkosi uAsa yasisenza isimemezelo kuyo yonke iJuda; kakho owayetshiywe ngaphandle; ukuze basuse amatshe eRama lezigodo zayo, uBahasha ayesakha ngakho. Inkosi uAsa wasesakha ngakho iGeba yakoBhenjamini leMizipa. **23** Ezinye-ke zazo zonke indaba zikaAsa, lawo wonke amandla akhe, lakho konke akwenzayo, lemizi ayakhayo, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhosi akoJuda? Kodwa esikhathini sobudala bakhe wayelomkhuhlane ezinyaweni. **24** UAsa waselala laboyise, wangcwatshelwa kuboyise emzini kaDavida uyise. UJehoshafathi indodana yakhe wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. **25** UNadabi indodana kaJerobhowamu wasesiba yinkosi phezu kukalsrayeli ngomnyaka wesibili kaAsa inkosi yakoJuda; wabusa phezu kukalsrayeli iminyaka emibili. **26** Wasesenza okubi emehlweni eNkosi, wahamba ngendlela kayise, lesonweni sakhe, enza ulsrayeli one ngaso. **27** UBahasha indodana kaAhiya, owendlu kalsakari, wasemenzela ugobe; uBahasha wamtshaya eGibethoni engeyamaFilisti, lapho uNadabi loIsrayeli wonke bevimbezele iGibethoni. **28** UBahasha wambulala-ke ngomnyaka wesithathu kaAsa inkosi yakoJuda, wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. **29** Kwasekusithi ekubuseni kwakhe watshaya yonke indlu kaJerobhowamu, katshiyanga loyedwa ophefumulayo kuJerobhowamu, waze wamqeda, njengelizwi leNkosi eyalikhuluma ngesandla senceku yayo uAhiya umShilo. **30** Ngenxa yezono zikaJerobhowamu azonayo, lowenza ulsrayeli azone, ngentukuthelo yakhe athukuthelisa ngayo iNkosi, uNkulunkulu kalrayeli. **31** Ezinye-ke zezindaba zikaNadabi, lakho konke akwenzayo, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhosi akolsrayeli? **32** Njalo kwakulempi phakathi kukaAsa loBahasha inkosi yakolsrayeli insuku zabo zonke. **33** Ngomnyaka wesithathu kaAsa inkosi yakoJuda uBahasha indodana kaAhiya waba yinkosi phezu kukalsrayeli wonke eTiriza; iminyaka engamatshumi amabili lane. **34** Wasesenza okubi emehlweni eNkosi, wahamba ngendlela kaJerobhowamu, lesonweni sakhe, enza ulsrayeli one ngaso.

16 Ilizwi leNkosi laselifika kuJehu indodana kaHanani limelene loBahasha lisithi: **2** Ngenxa yokuthi ngakuphakamisa ethulini, ngakwenza umphathi phezu kwabantu bami ulsrayeli, kodwa uhambe ngendlela zikaJerobhowamu, wenza ukuthi abantu bami ulsrayeli bone, ukungithukuthelisa ngezono zabo; **3** khangelana, ngizaqothula inzalo kaBahasha lenzalo yendlu yakhe, ngenze indlu yakho njengendlu kaJerobhowamu indodana kaNebati. **4** Ofayo kaBahasha phakathi komuzi izinja zizamudla, lowakhe ofela egangeni inyani zamazulu zizamudla. **5** Ezinye-ke zezindaba zikaBahasha lakwenzayo lamandla akhe, kakubhalwanga

yini egwalweni lwemilando yamakhosi akolsrayeli? 6 UBahasha waselala laboyise, wangcwatshelwa eTiriza. UEla indodana yakhe wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. 7 Njalo ngesandla sikaJehu umprofethi indodana kaHanani ilizwi leNkosi lafika limelene loBahasha njalo limelelene lendlu yakhe, langenxa yabo bonke ububi abenza emehlweni eNkosi, ukuyithukuthelisa ngomsebenzi wezandla zakhe, ukuba njengendlu kaJerobhowamu, langenxa yokuthi wambulala. 8 Ngomnyaka wamatshumi amabili lesithupha kaAsa inkosi yakoJuda uEla indodana kaBahasha waba yinkosi phezu kukalsrayeli eTiriza, iminyaka emibili. 9 Kodwa inceku yakhe uZimri, induna yengxenye yezinqola, yamenzela ugobe, eseTiriza enathe wadakwa endlini kaAriza, umphathi wendlu eTiriza. 10 UZimri wasengena wamtshaya wambulala ngomnyaka wamatshumi amabili lesikhombisa kaAsa inkosi yakoJuda, waba yinkosi esikhundleni sakhe. 11 Kwasekusithi esebe yinkosi ekuhlaleni kwakhe esihlalweni sakhe sobukhosi wayitshaya indlu yonke kaBahasha; kamtshiyelanga ochamela emdulini, loba izihlobo zakhe, kumbe abangane bakhe. 12 Ngakho uZimri wayichitha indlu yonke kaBahasha, njengokwelizwi leNkosi eyalikhuluma imelene loBahasha ngesandla sikaJehu umprofethi, 13 ngenxa yazo zonke izono zikaBahasha lezono zikaEla indodana yakhe, abona ngazo, labenza ngazo ulsrayeli ukuthi one, ukuthukuthelisa iNkosi uNkulunkulu kalsrayeli ngezinto zabo eziyize. 14 Ezinye-ke zezindaba zikaEla, lakho konke akwenzayo, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhosi akolsrayeli? 15 Ngomnyaka wamatshumi amabili lesikhombisa kaAsa inkosi yakoJuda uZimri wabusa insuku eziyisikhombisa eTiriza. Abantu babemise-ke inkamba bemelene leGibethoni eyayingeyamaFilisti. 16 Abantu-ke ababemise inkamba bezwa ukuthi: UZimri wenzile ugobe futhi watshaya inkosi. Ngakho ulsrayeli wonke wabeka uOmri induna yebutho ukuba yinkosi phezu kukalsrayeli mhlalokho enkambeni. 17 U-Omri lolsrayeli wonke kanye laye basebesenyuka besuka eGibethoni, bavimbezela iTiriza. 18 Kwasekusithi uZimri esebonile ukuthi umuzi usuthunjwe, wangena esigodlweni sendlu yenkosi, watshisa indlu yenkosi phezu kwakhe ngomlilo, wafa. 19 Ngenxa yezono zakhe azonayo, ngokwenza okubi emehlweni eNkosi, ngokuhamba ngendlela kaJerobhowamu lesonweni sakhe asenzayo, ukwenza ulsrayeli ukuthi one. 20 Ezinye-ke zezindaba zikaZimri, logobe lwakhe alwenzayo, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhosi akolsrayeli? 21 Khona abantu bakolsrayeli badabukana baba zingxenye ezimbili; ingxenye yabantu yalandela uTibini indodana kaGinathi ukuze bamenze inkosi, lengxenye yalandela uOmri. 22 Kodwa abantu abalandela uOmri babehlula abantu abalandela uTibini indodana kaGinathi; ngakho uTibini wafa, uOmri wasebusa.

23 Ngomnyaka wamatshumi amathathu lanye kaAsa inkosi yakoJuda uOmri wabusa phezu kukalsrayeli, iminyaka elitshumi lambili; eTiriza wabusa iminyaka eyisithupha. 24 Wathenga intaba yeSamariya kuShemeri ngamathalenta esiliva amabili, wakha enatbeni, wabiza ibizo lomuzi awakwaho ngebizo likaShemeri umnikazi wentaba, wathi yiSamariya. 25 Kodwa uOmri wenza okubi emehlweni eNkosi, wenza okubi okwedlula bonke ababengaphambi kwakhe. 26 Ngoba wahamba ngayo yonke indlela kaJerobhowamu indodana kaNebati, lesonweni sakhe, enza ngaso ukuthi ulsrayeli one, ukuyithukuthelisa iNkosi uNkulunkulu kalsrayeli ngezinto zabo eziyize. 27 Ezinye-ke zezindaba zikaOmri azenzayo lamandla akhe awenzayo, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhosi akolsrayeli? 28 U-Omri waselala laboyise, wangcwatshelwa eSamariya. UHabi indodana yakhe wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. 29 UHabi indodana kaOmri wasesiba yinkosi phezu kukalsrayeli ngomnyaka wamatshumi amathathu lesificaminwembili kaAsa inkosi yakoJuda; uHabi indodana kaOmri wabusa phezu kukalsrayeli eSamariya iminyaka engamatshumi amabili lambili. 30 UHabi indodana kaOmri wasesenza okubi emehlweni eNkosi okwedlula bonke ababekhona phambi kwakhe. 31 Kwasekusithi, njengokungathi kudayo elula ukuhamba ezonweni zikaJerobhowamu indodana kaNebati, wathatha uJezebeli indodakazi kaEthibali inkosi yamaSidoni waba ngumkakhe. Wasehamba wakhonza uBhali, wamkhotshamela. 32 Wasemisela uBhali ilathi endlini kaBhali ayeyakhile eSamariya. 33 UHabi wasesenza isixuku. UHabi wenza okwengezelelweyo ukuyithukuthelisa iNkosi uNkulunkulu kalsrayeli, kulawo wonke amakhosi akolsrayeli ayengaphambi kwakhe. 34 Ensukwini zakhe uHiyeli umBetheli wakha iJeriko; wabeka isisekelo sayo ngoAbiram u izibulo lakhe, wamisa amasango ayo ngoSegubi icinathunjana lakhe, njengokwelizwi leNkosi eyalikhuluma ngesandla sikaJoshua indodana kaNuni.

17 UElija umTishibi wabahlali beGileyadi wasesithi kuHabi: Kuphila kukaJehova, uNkulunkulu kalsrayeli, engimi phambi kwakhe, kakuyikuba khona lamazolo lezulu kuliminyaka, kuphela njengokwelizwi lami. 2 Ilizwi leNkosi laselifika kuye lisithi: 3 Suka lapha, wena uphendukele empumalanga, uzicatshise esifuleni iKerithi, esiphambi kweJordani. 4 Kuzakuthi-ke unathe esifuleni; sengilaye amawabayi ukuthi akondle khona. 5 Wasehamba wenza njengokwelizwi leNkosi, ngoba wayahlala esifuleni iKerithi esiphambi kweJordani. 6 Amawabayi asemlethela isinkwa lenyama ekuseni, lesinkwa lenyama ntambama; wanatha esifuleni. 7 Kwasekusithi emva kwesikhathi isifula satsha, ngoba kwakungelazulu elizweni. 8 Ilizwi leNkosi laselifika kuye lisithi: 9 Sukuma uye eZarefathi engeyeSidoni, uhlale khona. Khangela, ngilayile owesifazana ongumfelokazi khona ukuthi

akondle. **10** Wasukuma-ke waya eZarefathi. Lapho efika esangweni lomuzi, khangela, owesifazana ongumfelokazi wayelapho etheza inkuni; wasembiza wathi: Ake ungikhele amanzi amalutshwana ngenkezo ukuze nginathe. **11** Kwathi esahamba ukuyawathatha, wambiza wathi: Ake ungiqhathela ucezu lwesinkwa esandleni sakho. **12** Wasesithi: Kuphila kukaJehova uNkulunkulu wakho, kangilaqebelengwana, kuphela impuphu egcwalisa isandla embizeni lamafutha ayingcosana esiphisweni; khangela-ke ngitheza izinkuni ezimbili ukuze ngingene ngizilungisele khona mina lendodana yami, ukuze sidle sife. **13** UElija wasesithi kuye: Ungesabi; hamba wenze njengokwelizwi lakho, kodwa ngenzela kuqala iqebelengwana elincinyane ngakho, ulilethe lapha kimi, ngemva kwalokho-ke wenzele wena lendodana yakho. **14** Ngoba itsho njalo iNkosi uNkulunkulu wakolsrayeli: Imbiza yempuphu kayiyikuphela, lesiphiso samafutha kasiyikuswela, kuze kube lusuku iNkosi ezanisa ngalo izulu ebusweni bomhlaba. **15** Wasehamba wenza njengokwelizwi likaElija. Njalo yena kanye laye lendlu yakhe badla okwensuku ezinengi. **16** Imbiza yempuphu kayiphelanga lesiphiso samafutha kasiswelanga, njengokwelizwi leNkosi eyalikhuluma ngesandla sikaElija. **17** Kwasekusithi emva kwalezizinto, indodana yowesifazana, inkosikazi yendlu, yagula; lomkhuhlane wayo wawulamandla kangangokuthi akwaze kwasala umphefumulo kuyo. **18** Wasesithi kuElija: Ngilani lawe, muntu kaNkulunkulu? Uze kimi ukuze kukhumbuleke isono sami lokubulala indodana yami na? **19** Wasesithi kuye: Nginika indodana yakho. Waseyithatha esifubeni sakhe, wayenyusela endlini epehuzulu lapho ayehlala khona, wayilalisa embhedeni wakhe. **20** Wasekhala eNkosini wathi: Nkosi Nkulunkulu wami, umhilesele ububi lalo umfelokazi engingenise kwakhe ngokubulala indodana yakhe na? **21** Wasezelulela phezu komntwana kathathu, wakhala eNkosini wathi: Nkosi Nkulunkulu wami, ake ubuyele umphefumulo walumntwana phakathi kwakhe. **22** INkosi yasilizwa ilizwi likaElija, umphefumulo womntwana wasubuyela phakathi kwakhe, wasebuya ephila. **23** UElija wasemthatha umntwana, wamehlisa esuka endlini epehuzulu waya endlini, wamnika unina; uElija wasesithi: Bona, indodana yakho iyaphila. **24** Owesifazana wasesithi kuElija: Khathesi sengisazi lokhu, ukuthi ungumuntu kaNkulunkulu, ukuthi ilizwi leNkosi elisemlonyeni wakho liliqiniso.

18 Kwasekusithi emva kwensuku ezinengi ilizwi leNkosi lafika kuElija ngomnyaka wesithathu lisithi: Hamba, uziveze kuAhabi, sengizanisa izulu ebusweni bomhlaba. **2** UElija wasesiya ukuziveza kuAhabi. Njalo indlala yayilamandla eSamariya. **3** UAhabi wasebiza uObhadiya owayephezu kwendlu yakhe. UObhadiya wayeyesaba-ke kakhulu iNkosi. **4** Ngoba kwathi lapho

uJezebeli ebhubhisa abaprofethi beNkosi, uObhadiya wathatha abaprofethi abalikhulu, wabafihla ngamadoda angamatshumi amahlanu ebhalwini, wabondla ngesinkwa langamanzi. **5** UAhabi wasesithi kuObhadiya: Hamba elizweni uye emithonjeni yonke yamanzi lezifuleni zonke; mhlawumbe singathola utshani, silondolozela amabhiza lezimbongolo kuphila, ukuze singabhubhisi okwezifuyo. **6** Basebesehlukaniselana ilizwe ukuthi badabule phakathi kwalo; uAhabi wahamba ngenye indlela yedwa, uObhadiya laye wahamba ngenye indlela yedwa. **7** Kwasekusithi uObhadiya esendleleni, khangela-ke, uElija wamhlangabeza; wamnanzelela, wawa ngobuso bakhe wathi: Nguwe yini, nkosi yami, Elija? **8** Wasesithi kuye: Yimi. Hamba uyetshela inkosi yakho ukuthi: Khangela, uElija ulapha. **9** Wasesithi: Ngoneni ukuthi unikele inceku yakho esandleni sikaAhabi ukuthi angibulale? **10** Kuphila kukaJehova uNkulunkulu wakho, kakulasizwe lombuso inkosi yami engathumelanga kukho ukukudinga. Lapho besithi: Kakho; yafungisa lowombuso lalesosizwe ukuthi kabakutholanga. **11** Khathesi-ke uthi: Hamba utshele inkosi yakho ukuthi: Khangela, uElija ulapha. **12** Kuzakuthi-ke sengisukile kuwe, uMoya weNkosi akuthwale akuse lapho engingazi khona; lapho sengifike ngatshela uAhabi, angakutholi, uzangibulala; kodwa mina inceku yakho ngiyayesaba iNkosi kusukela ebutsheni bami. **13** Kakutshelwanga inkosi yami yini engakwenzayo lapho uJezebeli ebulala abaprofethi beNkosi, ukuthi ngafihla amadoda alikhulu kubaprofethi beNkosi, ngamadoda angamatshumi amahlanu ebhalwini, ngabondla ngesinkwa langamanzi? **14** Khathesi-ke uthi: Hamba uyetshela inkosi yakho ukuthi: Khangela uElija ulapha. Abesengibulala. **15** UElija wasesithi: Kuphila kukaJehova wamabandla engimi phambi kwakhe, oqotho lamuhla ngizaziveza kuye. **16** Ngakho uObhadiya wahamba ukuhlangabeza uAhabi, wamthshela; loAhabi wayahlangabeza uElija. **17** Kwasekusithi uAhabi ebona uElija, uAhabi wathi kuye: Nguwe yini ongumhluphi kalsrayeli? **18** Wasesithi: Kangimhluphanga ulsrayeli, kodwa nguwe lendlu kayihlo, ngokuyitshiya kwenu imilayo yeNkosi, lalandela oBhali. **19** Ngakho-ke thuma, ubuthanisele kimi ulsrayeli wonke entabeni iKharmeli, labaprofethi bakaBhali abangamakhulu amane lamatshumi amahlanu labaprofethi bezixuku abangamakhulu amane abadla etafuleni likaJezebeli. **20** Ngakho uAhabi wathuma phakathi kwabo bonke abantwana bakolsrayeli, wabuthanisa abaprofethi entabeni iKharmeli. **21** UElija wasesondela ebantwini bonke wathi: Koze kube nini liqhula emicabangweni emibili? Uba iNkosi inguNkulunkulu, landelani yona; kodwa uba kunguBhali, mlandeleni. Kodwa abantu kabamphendulanga ngalizwi. **22** UElija wasesithi ebantwini: Mina ngedwa ngingumprofethi weNkosi oseleyo; kodwa abaprofethi bakaBhali ngamadoda angamakhulu amane lamatshumi amahlanu. **23** Ngakho

kabasinike amajongosi amabili, bazikhethethe ijongosi elilodwa, baliqume iziqa, bazibeke phezu kwenkuni, bangafaki mlilo; lami ngizalungisa elinye ijongosi, ngilibeke phezu kwenkuni, ngingafaki mlilo. **24** Njalo bizani ibizo likankulunkulu wenu, lami ngizabiza ibizo leNkosi; uNkulunkulu ozaphendula ngomlilo nguye uNkulunkulu. Bonke abantu basebephendula bathi: Lelilizwi lilungile. **25** UElija wasesithi kubaprofethi bakaBhali: Zikhetheleni ijongosi elilodwa, lililungise kuqala, ngoba libanengi, libize ibizo likankulunkulu wenu, kodwa lingafaki mlilo. **26** Basebethatha ijongosi ababelinikiwe, balilungisa, babiza ibizo likaBhali kusukela ekuseni kwaze kwaba semini, besithi: Bhali, siphendule! Kodwa kakubanga lalizwi, kakubanga lophendulayo. Basebeseqa phezu kwelathi elalenzwe. **27** Kwasekusithi emini uElija wadlala ngabo wathi: Memezani ngelizwi elikhulu, ngoba ungunkulunkulu; ngoba uyanakana, loba umonyukile, kumbe usekuhambeni, mhlawumbe ulele, njalo kudingeka ukuthi avuswe. **28** Basebememeza ngelizwi elikhulu, bazisika njengokomkhuba wabo ngezinkemba langemikhonto, kwaze kwantshaza igazi kubo. **29** Kwasekusithi sekwedlulile imini, baprofetha kwaze kwaba sekunikelweni komnikelo, kakubanga lelizwi, njalo kakubanga lophendulayo, njalo kakubanga lonakekelayo. **30** UElija wasesithi ebantwini bonke: Sondelani kimi. Bonke abantu basebesondela kuye. Waselungisa ilathi leNkosi elaselidilikile. **31** UElija wasethatha amatshela alitshumi lambili, ngokwenani lezizwe zamadodana kaJakobe, okwafika kuye ilizwi leNkosi lisithi: Ibizo lakho lizakuba ngulsrayeli. **32** Ngalawomatshe wasesakha ilathi ebizweni leNkosi, wenza umgelo ozingelezela ilathi, ngokwesilinganiso samaseya amabili enhlanyelo. **33** Waselungisa inkuni, waliquka iziqa ijongosi, walibeka phezu kwenkuni, wasesithi: Gcwalisani izimbiza ezine ngamanzi, liwathethe phezu komnikelo wokutshiswa laphezu kwenkuni. **34** Wasesithi: Kwenzeni okwesibili. Bakwenza okwesibili. Wathi: Kwenzeni okwesithathu. Basebekwenza okwesithathu. **35** Amanzi asehamba azingelezela ilathi, lomgelo lawo wawugcwalisa ngamanzi. **36** Kwasekusithi ekunikelweni komnikelo uElija umprofethi wasondela wathi: Nkosi, Nkulunkulu kaAbraham, utsalaka, lolSrayeli, kakwaziwe lamuhla ukuthi unguNkulunkulu kolsrayeli, lami ngiyinceku yakho, lokuthi ngizenzile zonke lezizinto njengokwelizwi lakho. **37** Ngiphendule, Nkosi, ungiphendule, ukuze lababantu bazi ukuthi wena uyiNkosi uNkulunkulu, lokuthi uyiphendulile futhi inhliziyoyabo. **38** Wasusehla umlilo weNkosi, waqothula umnikelo wokutshiswa lenkuni lamatshe lothuli, wakhotha lamanzi asemgelweni. **39** Kwathi abantu bonke bekubona bathi mbo ngobuso babo, bathi: UJehova nguye onguNkulunkulu; uJehova nguye onguNkulunkulu. **40** UElija wasesithi kibo: Babambeni abaprofethi bakaBhali, kungaphunyuki lamunye wabo. Basebebabamba. UElija wasebehlisela esifuleni iKishoni, wababulalela

khona. **41** UElija wasesithi kuAhabi: Yenyuka, udle unathe, ngoba kulomsindo wobunengi bezulu. **42** UAhabi wasesenyuka ukuyakudla lokunatha. UElija wasesenyukela engqongeni yeKhameli; wakhothamela phansi emhlabathini, wafaka ubuso bakhe phakathi kwamadololo akhe. **43** Wasesithi encekwini yakhe: Yenyuka khathezi, ukhangele ngaselwandle. Yasisenyuka, yakhangela, yathi: Kakulalutho. Wasesithi: Buyela, kasikhombisa. **44** Kwasekusithi ngesikhathi sesikhombisa yathi: Khangela, iyezana elingangesandla somuntu lisenyuka olwandle. Wasesithi: Yenyuka uyetshele uAhabi: Bophela inqola, wehle, hlezi izulu likuvalele. **45** Kwasekusithi kungakafiki lesosikhathi isibhakabhaka sasesisiba mnyama ngamayezi langomoya, kwaba lezulu elikhulu. UAhabi wasegada, waya eJizereyeli. **46** Lesandla seNkosi sasiphezu kukaElija; wabopha ukhala lwakhe, wagijima phambi kukaAhabi, uze ufike eJizereyeli.

19 UAhabi wasetshele uJezebeli konke uElija ayekwenzile, labo bonke ababulalayo, bonke abaprofethi, ngenkemba. **2** Khona uJezebeli wathuma isithunywa kuElija esithi: Kabenze njalo onkulunkulu, bengezelele njalo, uba ngalesisikhathi kusasa ngingenzi impilo yakho ibe njengempilo yomunye wabo. **3** Esekubonile, wasukuma, wahamba ngenxa yempilo yakhe, wafika eBherisheba engeyakoJuda, watshiya khona inceku yakhe. **4** Kodwa yena wahamba uhambo losuku enkangala, wafika wahlala ngaphansi kwesihlahla serotemu, wacela ukuthi umphefumulo wakhe ufe, wathi: Kwanele, khathezi, Nkosi, thatha impilo yami, ngoba kangingcono kulabobaba. **5** Esecambalele elele ngaphansi kwesihlahla esithile serotemu, khangelake, khonokho ingilosi yamthinta, yathi kuye: Vuka udle. **6** Wasethalaza, khangelake, ekhanda lakhe iqebelengwana losiwe emalaheni, lesigxingi samanzi; wasesidla wanatha, waphinda walala. **7** Ingilosi yeNkosi yasifika ngokwesibili, yamthinta yathi: Vuka udle; ngoba uhambo lwakho lukhulu kakhulu kuwe. **8** Wasevuka wadla wanatha, wahamba ngamandla alokhokudla insuku ezingamatshumi amane lobusuku obungamatshumi amane, waze wafika eHorebe intaba kaNkulunkulu. **9** Wasengena lapho ebalwini, walala khona ubusuku. Khangela-ke, ilizwi leNkosi lafika kuye lathi kuye: Wenzani lapha, Elija? **10** Wathi: Bengitshiseka lokutshisekela iNkosi, uNkulunkulu wamabandla, ngoba abantwana bakolsrayeli basitshiyile isivumelwano sakho, badliza amalathi akho, babulala abaprofethi bakho ngenkemba; yimi ngedwa engiseleyo, njalo badinga impilo yami ukuyisusa. **11** Wasesithi: Phuma ume entabeni phambi kweNkosi. Khangela-ke, iNkosi yadlula. Umoya omkhulu olamandla wasudabula izintaba, waqhekeza amadwala phambi kweNkosi; kodwa iNkosi yayingekho emoyeni. Lemva komoya ukunyikinyeka komhlaba; kodwa iNkosi yayingekho ekunyikinyekeni komhlaba.

12 Lemva kokunyikinyeka komhlaba umlilo; kodwa iNkosi yayingekho emlilweni. Njalo emva komlilo ilizwi elincinyane elinyenyeyayo. 13 Kwasekuthi uElija elizwa, wathandela ubuso bakhe ngesembatho sakhe, waphuma wema emlonyeni wobhalu. Khangela-ke, leza kuye ilizwi lathi: Wenzani lapha, Elija? 14 Wathi: Bengitshisekela lokutshisekela iNkosi, uNkulunkulu wamabandla, ngoba abantwana bakolsrayeli basitshiyile isivumelwano sakho, badliliza amalathi akho, babulala abaprofethi bakho ngenkemba; yimi ngedwa engiseleyo, njalo badinga impilo yami ukuyisusa. 15 INkosi yasisithi kuye: Hamba, ubu yele ngendlela yakho uye enkangala yeDamaseko; lapho usufikile ugco be uHazayeli abe yinkosi phezu kweSiriya, 16 loJehu indodana kaNimshi umgco be abe yinkosi phezu kukalsrayeli, loElisha indodana kaShafati weAbeli-Mehola umgco be abe ngumprofethi esikhundleni sakho. 17 Kuzakuthi-ke ozaphepha enkembeni kaHazayeli uJehu uzambulala, lozaphepha enkembeni kaJehu uElisha uzambulala. 18 Kodwa ngitshiyile kolsrayeli abazinikulungwane eziyisikhombisa, wonke amadolo angazanga aguqe kuBhali, lawo wonke umlomo ongazanga umange. 19 Wasesuka lapho, wafica uElisha indodana kaShafati; wayelima ngezipani zenkabi zamajowe alitshumi lambili phambi kwakhe, yena wayelesetshumi lambili. UElija wesesedlula eceleni kwakhe, waphosela isembatho sakhe phezu kwakhe. 20 Wasetshiya izinkabi, wagijima elandela uElija, wathi: Ake ngange ubaba lomama, besengikulandela. Wasesithi kuye: Hamba ubu yele, ngoba ngenzeni kuwe? 21 Wasebuyela ekumlandeleni, wathatha isipani senkabi, wasihlaba, langezikhali zenkabi wapheka inyama yazo, wayinika abantu, bayidla. Wasesuka elandela uElija, wamsebenzela.

20 UBenihadadi inkosi yeSiriya wasebutha ibutho lakhe lonke, elamakhosi angamatshumi amathathu lambili, lamabhiza lezinqola. Wenyuka wayavimbezela iSamarिया, walwa layo. 2 Wathuma izithunywa kuAhabi inkosi yakolsrayeli, emzini, wathi kuye: Utsho njalo uBenihadadi: 3 Isiliva sakho legolide lakho ngokwami, labafazi bakho labantwana bakho abahle ngabami. 4 Inkosi yakolsrayeli yasiphendula yathi: Njengokwelizwi lakho, nkosi yami, nkosi, ngingowakho, lakho konke engilakho. 5 Izithunywa zasezibuyela zathi: Utsho njalo uBenihadadi uthi: Lanxa ngithumele kuwe ngisithi: Isiliva sakho legolide lakho labafazi bakho labantwana bakho, kunike mina; 6 kube kanti phose ngalesisikhathi kusasa ngizathuma kuwe izinceku zami, zizagudaza indlu yakho lezindlu zezinceku zakho; kuzakuthi-ke, yonke into ethandekayo emehlweni akho, zizayifaka esandleni sazo ziyithathe. 7 Ngakho inkosi yakolsrayeli yabiza bonke abadala belizwe yathi: Ake linanzelele libone ukuthi lo udinga ububi, ngoba uthumele kimi ngabafazi bami langabantwana bami langesiliva sami langegolide lami, njalo kangimalelanga. 8 Bonke abadala labo bonke

abantu basebesithi kuyo: Ungalaleli, njalo ungavumi. 9 Wasesithi kuzo izithunywa zikaBenihadadi: Tshelani inkosi yami, inkosi ukuthi: Konke eyakuthumela encekwini yayo kuqala ngizakwenza; kodwa linto kangilamandla okuyenza. Izithunywa zasezihamba, zayibuyisela ilizwi. 10 UBenihadadi wasethumela kuye wathi: Kabenze njalo onkulunkulu kimi, bengezelele njalo, uba ubhuqu lweSamarिया lungenela izandla ezigcweleyo zabo bonke abantu abangilandelayo. 11 Inkosi yakolsrayeli yasiphendula yathi: Mtsheleli: Lowo obhinca izikhali kangaziqakisi njengozikhululayo. 12 Kwasekusithi esizwa lelizwi esanatha, yena lamakhosi emadumbeni, wathi ezincekwini zakhe: Zimiseni! Zasezizimisa ukumelana lomuzi. 13 Khangela-ke, umprofethi othile wasondela kuAhabi inkosi yakolsrayeli, wathi: Itsho njalo iNkosi: Uyalibona lelixuku lonke elikhulu yini? Khangela, ngizalinelana esandleni sakho lamuhla, njalo uzakwazi ukuthi mina ngiyiNkosi. 14 UAhabi wasesithi: Ngobani? Wasesithi: Itsho njalo iNkosi: Ngamajaha abaphathi bezabelo. Wasesithi: Ngubani ozaqalisa impi? Wasesithi: Wena. 15 Wasebala amajaha abaphathi bezabelo, ayengamakhulu amabili amatshumi amathathu lambili; lemva kwawo wabala bonke abantu, bonke abantwana bakolsrayeli, izinkulungwane eziyisikhombisa. 16 Basebephuma emini, uBenihadadi esenathe wadakwa emadumbeni, yena lamakhosi, amakhosi angamatshumi amathathu lambili ayemsiza. 17 Amajaha abaphathi bezabelo asephuma kuqala. UBenihadadi wasethuma, basebentshela besithi: Kuphume amadoda eSamarिया. 18 Wasesithi: Loba ephumele ukuthula, abambeni ephila; loba-ke ephumele impi, abambeni ephila. 19 Lala aphuma emzini, amajaha abaphathi bezabelo, lebuthe elawalandelayo. 20 Babulala, ngulowo lalowo umuntu wakhe. AmaSamarिया asebaleka, ulsrayeli wasexotshana lawo, kodwa uBenihadadi inkosi yeSiriya waphunyuka ngebhiza kanye labagadi bamabhiza. 21 Inkosi yakolsrayeli yasiphuma, yatshaya amabhiza lenqola, yatshaya phakathi kwamaSiriya ngokubulala okukhulu. 22 Lowomprofethi wasesondela enkosini yakolsrayeli wathi kuyo: Hamba, uziqinise, unanzelele njalo ubone okwenzayo; ngoba ekuthwaseni komnyaka inkosi yeSiriya izakwenyuka imelane lawe. 23 Lezincelele zenkosi yeSiriya zathi kuyo: Onkulunkulu babo bangonkulunkulu bezintaba, yikho belamandla kulathi; kube kanti asilwe labo emagcekeni, sibili sizabehlula. 24 Ngakho yenza linto: Susa amakhosi, ngulowo lalowo endaweni yakhe, ubeke izinduna esikhundleni sawo; 25 njalo wena zibalele ibutho njengebutho eliwileyo kuwe, lebhiza njengebhiza, lenqola njengenqola; njalo sizakulwa labo emagcekeni, isibili sizabehlula. Yasilalela ilizwi labo, yenza njalo. 26 Kwasekusithi ekuthwaseni komnyaka uBenihadadi wabala amaSiriya, wenyukela eAfeke ekulweni lolsrayeli. 27 Abantwana bakolsrayeli babalwa-ke, banikwa imiphako, basebephuma ukumelana

lawo; abantwana bakolsrayeli bamisa inkamba phambi kwawo njengemihlanjana yembuzi emibili, kodwa amaSiriya agcwala ilizwe. **28** Kwasekusondela umuntu kaNkulunkulu, wakhuluma enkosini yakolsrayeli wathi: Itsho njalo iNkosi: Ngenxa yokuthi amaSiriya athe: INkosi inguNkulunkulu wezintaba, kodwa kayisuye uNkulunkulu wezihotsha, ngakho ngizanikela esandleni sakho lelixuku lonke elikhulu, njalo lizakwazi ukuthi mina ngiyiNkosi. **29** Basebemisa inkamba, enye iqondene lenye, insuku eziyisikhombisa. Kwasekusithi ngosuku lwesikhombisa impi yadibana; abantwana bakolsrayeli basebethshaya ngosuku lunye amaSiriya azinkulungwane ezilikhulu ahamba ngenyawo. **30** Labaseleyo babalekela eAfeki emzini; lomduli wawela phezu kwamadoda ayizinkulungwane ezingamatshumi amabili lesikhombisa ayesele. UBenihadadi laye wabaleka, wangena emzini ekamelweni elingaphakathi. **31** Lezincku zakhe zathi kuye: Khangela-ke, sizwile ukuthi amakhosi endlu yakolsrayeli angamakhosi alesihawu; ake sifake amasaka enkalweni zethu, lamagoda emakhanda ethu, siphumele enkosini yakolsrayeli; mhlawumbe izagcina umphefumulo wakho uphile. **32** Basebethandela amasaka enkalweni zabo, lamagoda emakhanda abo, bafika enkosini yakolsrayeli, bathi: Inceku yakho uBenihadadi ithi: Ake ungyekele ngiphile. Yasisithi: Usaphila yini? Ungumfowethu. **33** Lamadoda aqaphela ngokukhuthala aphantisa ukukhuluthuna kuyo, athi: Umfowenu uBenihadadi. Yasisithi: Hambani liyemthatha. UBenihadadi wasephumela kuyo, yamkhwaza enqoleni. **34** Wasesithi kuyo: Imizi ubaba ayithatha kuyihlo ngizayibuyisela; futhi ungazenzela izitalada eDamaseko njengokwenza kukababa eSamariya. Khona uAhabi wathi: Mina ngizakuyekela uhamba ngesisivumelwano. Yasisenza laye isivumelwano yamekela ehamba. **35** Umuntu othile wamadodana abaprofethi wasesithi kumakhelwane wakhe ngelizwi leNkosi uNkulunkulu: Ake ungitshaye. Kodwa lowomuntu wala ukumtshaya. **36** Wasesithi kuye: Ngenxa yokuthi ungalilalelanga ilizwi leNkosi, khangela, ekusukeni kwakho kimi isilwane sizakutshaya. Wasesuka kuye, lesilwane samfica, sambulala. **37** Wasethola omunye umuntu wathi: Ake ungitshaye. Lalowomuntu wamtshaya lokumtshaya emlimala. **38** Ngakho umprofethi wasuka, wamelela inkosi endleleni, ezifihle isimo ngelembu emehlweni. **39** Kwasekusithi inkosi idlula, yena wamemeza enkosini wathi: Inceku yakho yaphuma phakathi kwempi; khangela-ke, umuntu waphambuka, waletsa umuntu kimi, wathi: Londoloza lumuntu; uba elahleka lokulahleka, khona impilo yakho izakuba sesikhundleni sempilo yakhe, kumbe uhlawule ngethalenta lesiliva. **40** Kwasekusithi inceku yakho isaphathekile lapha lalaphaya, yena wayengekho. Inkosi yakolsrayeli yasisithi kuye: Sinjalo isahlulelo sakho, ususiqumile wena. **41** Wasephangisa walisusa ilembu emehlweni akhe. Inkosi yakolsrayeli

yasimazi ukuthi ungowabaprofethi. **42** Wasesithi kuyo: Itsho njalo iNkosi: Ngoba umyekele ukuthi aphume esandleni umuntu engimmisele ukumtshabalalisa, ngakho impilo yakho izakuba sesikhundleni sempilo yakhe, labantu bakho esikhundleni sabantu bakhe. **43** Inkosi yakolsrayeli yasisiya endlini yayo inyukumele, ithukuthela, yafika eSamariya.

owezwileyo inceku zenkosi yeAsiriya ezingithuke ngawo. **7** Khangela, ngizafaka umoya kuyo, njalo izakuzwa ihungahunga, ibuyele elizweni layo; ngizayenza ukuthi iwe ngenkamba elizweni layo. **8** URabi-Shake wasebuyela, wafica inkosi yeAsiriya isilwa imelene leLibhina; ngoba wayezwile ukuthi isisukile eLakishi. **9** Kwathi isizwa ngoTirihaka inkosi yeEthiophiya kuthiwa: Khangela, uphumile ukuyakulwa emelene lawe, yabuya yathuma izithunywa kuHezekhiya, isithi: **10** Lizakhuluma kanje kuHezekhiya inkosi yakoJuda, lithi: UNkulunkulu wakho omthembileyo kangakukhohlisi esithi: IJerusalema kayiyikunikelwa esandleni senkosi yeAsiriya. **11** Khangela, wena usuzwile ukuthi amakhosi eAsiriya enzeni kuwo wonke amazwe, ngokuwatshabalalisa. Wena-ke uzakhululwa yini? **12** Onkulunkulu bezizwe bazikhululile yini, obaba abazichithayo, iGozani leHarani leRezezi labantwana bakaEdeni ababeseTelasari? **13** Ingaphi inkosi yeHamathi, lenkosi yeArpadi, lenkosi yomuzi weSefavayimi, iHena, lelva? **14** UHezekhiya waseyemukela incwadi esandleni sezithunywa, wayibala, wasesenyukela endlini yeNkosi, uHezekhiya wayichaya phambi kweNkosi. **15** UHezekhiya wasekhuleka phambi kweNkosi, wathi: Nkosi, Nkulunkulu kaIsrayeli, ohlala phakathi kwamakherubhi, wena unguNkulunkulu, wena wedwa, wayo yonke imibuso yomhlaba; wena wenze amazulu lomhlaba. **16** Nkosi, thoba indlebe yakho, uzwe, Nkosi, vula amehlo akho, ubone; uzwe amazwi kaSenakheribi amthume ngawo ukukholodela uNkulunkulu ophilayo. **17** Qiniso, Nkosi, amakhosi eAsiriya azichithile izizwe lelizwe lazo, **18** aphosela onkulunkulu bazo emilweni; ngoba babengeyisibo onkulunkulu, kodwa umsebenzi wezandla zabantu, izigodo lamatshe; ngakho bababhuhisa. **19** Ngakho-ke, Nkosi Nkulunkulu wethu, ngicela usisindise esandleni sakhe, ukuze yonke imibuso yomhlaba yazi ukuthi wena uyinKosi uNkulunkulu, wena wedwa. **20** Ulsaya indodana kaAmozi wasethumela kuHezekhiya esithi: Itsho njalo iNkosi, uNkulunkulu wakolIsrayeli: Lokho okukhuleke kimi mayelana loSenakheribi inkosi yeAsiriya ngikuzwile. **21** Yileli ilizwi iNkosi elikhulume mayelana laye: Intombi emsulwa, indodakazi yeZiyoni, iyakudelela, iyakukholodela; indodakazi yeJerusalema inikana ikhanda ngermva kwakho. **22** Ngubani omejisileyo wamhlambaza? Njalo uphakamisele bani ilizwi, waphakamisela amehlo akho phezulu? Umelene loNgcwele kaIsrayeli. **23** Ngesandla sezithunywa zakho uyeyisile iNkosi, wathi: Ngobunengi bezinqola zami ngenyuke indawo epezulu yezintaba, inhlangothi zeLebhanoni. Ngizagamula imisedari yayo emide, lamafiri ayo akhethekileyo. Ngizangena endaweni yokuhlala yamaphethelo ayo, igusu eliminyeneyo. **24** Mina ngagebha nganatha amanzi angaziwayo, langengaphansi yenyawo zami ngomisa yonke imifula yezindawo ezivinjelweyo. **25** Kawuzwanga yini ukuthi ngakwenza endulo, ngakubumba ensukwini

zendulo. Khathezi ngikufikisile, ukuthi ube ngowokudliza imizi evikelweyo ibe zinqumbi zamanxiwa. **26** Ngakho abahlali bayo babelesandla esifitshane, besaba babe lenhloni, baba njengotshani beganga lemibhida eluhlaza, utshani bempahla, lamabele ahanguliweyo engakami. **27** Kodwa ngiyakwazi ukuhlala kwakho lokuphuma kwakho lokungenza kwakho lokungithukuthelela kwakho. **28** Ngenxa yokungithukuthelela kwakho, lokuthi umsindo wakho wenyukele endlebeni zami, ngizafaka umkhala wami emakheleni akho, letomu lami endebeni zakho, ngikwenze ubuyle ngendlela oweza ngayo. **29** Lokhu-ke kuzakuba yisibonakaliso kuwe; lonyaka uzakudla okuzikhulelayo, langomnyaka wesibili umkhukhuzela, kuthi ngomnyaka wesithathu lihlaye livune, lihlaye izivini lidle izithelo zazo. **30** Lokuphephileyo kwendlu yakoJuda okuseleyo kuzaphinda kugxumeke impande phansi, kuthela izithelo ngaphezulu. **31** Ngoba kuzaphuma eJerusalema insali, lokuphephileyo entabeni yeZiyoni. Ukutshiseka kweNkosi yamabandla kuzakwenza lokhu. **32** Ngakho utsho njalo uJehova ngenkosi yeAsiriya: Kayiyikungena kulumuzi, kayiyikutshoka umtshoko khona, kayiyikuza phambi kwawo ileshlangu, kayiyikubuthelela idundulu maqondana lawo. **33** Ngendlela eyeza ngayo, ngayo izabuyela, kayiyikungena kulo umuzi, itsho iNkosi. **34** Ngoba ngizawuvikela lumuzi ukuwusindisa, ngenxa yami, langenxa kaDavida inceku yami. **35** Kwasekusithi ngalobobusuku ingilosi yeNkosi yaphuma yatshaya enkambeni yamaAsiriya izinkulungwane ezilikhulu lamatshumi ayisificaminwembili lanhlano. Lapho bevuka ekuseni kakhulu, khangela, bonke babeyizidumbu ezifileyo. **36** Ngakho uSenakeribi inkosi yeAsiriya wasuka wahamba wabuyela, wahlala eNinive. **37** Kwasekusithi ekhonza endlini kaNisiroki unkulunkulu wakhe, oAdrameleki loSharezeri amadodana akhe bamtshaya ngenkamba, bona baphephela elizweni leArarathi. UEsarihadoni indodana yakhe wasebusa esikhundleni sakhe.

20 Ngalezonsuku uHezekhiya wagula okokufa. Ulsaya indodana kaAmozi umprofethi wasefika kuye wathi kuye: Itsho njalo iNkosi: Laya indlu yakho, ngoba uzakufa, kawuyikuphila. **2** Wasephendulela ubuso bakhe emdulini, wakhuleka eNkosini esithi: **3** Ngiyakuncenga Nkosi, ake ukhumbule ukuthi ngihambe phambi kwakho ngobuqotho langenhliziyo epheleleyo, ngenza okulungileyo emehlweni akho. UHezekhiya wasekhala inyembezi ngokukhala okukhulu. **4** Kwasekusithi ulsaya engakaphumi egumeni elingaphakathi, ilizwi leNkosi lafika kuye lisithi: **5** Buyela uthi kuHezekhiya umbusi wabantu bami: Itsho njalo iNkosi, uNkulunkulu kaDavida uyihlo: Ngiwuzwile umkhuleko wakho, ngabona inyembezi zakho; khangela, ngizakusilisa; ngosuku lwesithathu uzakwenyukela endlini yeNkosi. **6** Njalo

ngizakwenyukela iminyaka elitshumi lanhlano ensukwini zakho; ngikukhulule wena lalumuzi esandleni senkosi yeAsiriya; ngiwuvikele lumuzi ngenxa yami langenxa yenceku yami uDavida. **7** Ulsaya wasesithi: Thathani isigaqa somkhiwa. Basebesithatha, basifaka phezu kwethumba, yasisila. **8** UHezekhiya wasesithi kulsaya: Yisiphi isibonakaliso sokuthi iNkosi izangisilisa, lokuthi ngizakwenyukela endlini yeNkosi ngosuku lwesithathu? **9** Ulsaya wasesithi: Lesi yisibonakaliso kuwe esivela eNkosini esokuthi iNkosi izayenza into eyikhulumileyo: Isithunzi sizakuya phambili izinyathelo ezilithshumi, loba siye emuva izinyathelo ezilithshumi yini? **10** UHezekhiya wasesithi: Kulula esithunzini ukuthi selule izinyathelo ezilithshumi; hatshi, kodwa isithunzi kasibuyele emuva izinyathelo ezilithshumi. **11** Ulsaya umprofethi wasekhala eNkosini, yasibuyisela emuva isithunzi, ngezinyathelo esasehle ngazo esikhwelweni sikaAhazi, izinyathelo ezilithshumi emuva. **12** Ngalesosikhathi uMerodaki-Baladani indodana kaBaladani, inkosi yeBhabhiloni, wathumela izincwadi lesipho kuHezekhiya, ngoba wayezwile ukuthi uHezekhiya ubekade egula. **13** UHezekhiya wabalalela, wabatshengisa yonke indlu yakhe yezinto eziligugu, isiliva legolide lamakha lamafutha amahle lendlu yezikhali zakhe, lakho konke okwakutholakala endlini yakhe yokuligugu; kakulalutho endlini yakhe lembusweni wonke wakhe uHezekhiya angabatshengisanga lona. **14** Ulsaya umprofethi wasesiza enkosini uHezekhiya wathi kiyo: Batheni lababantu? Futhi bebevela ngaphi besiza kuwe? UHezekhiya wasesithi: Bebevela elizweni elikhatshana, eBhabhiloni. **15** Wasesithi: Baboneni endlini yakho? UHezekhiya wasesithi: Babone konke okusendlini yami; kakulalutho phakathi kokuligugu kwam engingabatshengisanga khona. **16** Ulsaya wasesithi kuHezekhiya: Zwana ilizwi leNkosi. **17** Khangela, insuku ziyeza lapho konke okusendlini yakho lalokho oyihlo abakubekelayo kuze kube lamuhla kuzathwalelwa eBhabhiloni; kakuyikusala lutho, itsho iNkosi. **18** Njalo bazathatha emadodaneni akho azaphuma kuwe, ozawazala, abe ngabathenwa esigodlweni senkosi yeBhabhiloni. **19** UHezekhiya wasesithi kulsaya: Lihle ilizwi leNkosi olikhulumileyo. Wasesithi: Kakunjalo yini, uba kuzakuba khona ukuthula lokuvikeleka ensukwini zami? **20** Ezinye-ke zezindaba zikaHezekhiya, lawo wonke amandla akhe, lokuthi wenza ichibi, lomgelo, wangenisa amanzi phakathi komuzi, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhosi akoJuda? **21** UHezekhiya waselala laboyise. UManase indodana yakhe wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe.

21 UManase wayeleminyaka elitshumi lambili lapho esiba yinkosi; wabusa iminyaka engamatshumi amahlanu lanhlano eJerusalema. Lebizo likanina lalinguHefiziba. **2** Wasesenza okubi emehlweni eNkosi njengokwamanyala ezizwe iNkosi eyazixotsha

elifeni phambi kwabantwana bakolsrayeli. **3** Ngoba wabuya wakha indawo eziphakemeyo uyise uHezekhiya ayezichithile, wamisela uBhali amalathi, wenza isixuku, njengokwenza kukaAhab inkosi yakolsrayeli, wakhothamela ibutho lonke lamazulu, walikhonza. **4** Wasesakha amalathi endlini yeNkosi, iNkosi eyathi ngayo: EJerusalem ngizabeka ibizo lami. **5** Wasesakhela ibutho lonke lamazulu amalathi emagumeni womabili endlini yeNkosi. **6** Wasedabulisa indodana yakhe emlilweni, wachasisa ngemibono, wenza imilingo, wasebenza labalamadlozi labalumbayo. Wenza okubi kakhulu emehlweni eNkosi ukuyithukuthelisa. **7** Wasemisa isithombe esibaziweyo sesixuku ayesenzelwe endlini, iNkosi eyakhuluma ngayo kuDavida lakuSolomoni indodana yakhe yathi: Kulindlu, leJerusalem engiyikhethe kuzo zonke izizwe zakolsrayeli, ngizabeka ibizo lami kuze kube nininini. **8** Kangisayikuzulisa unyawo lukaIsrayeli luphume futhi elizweni engalinika oyise, kuphela uba bezananzelela ukwenza njengakho konke engabalaya khona langokomlayo wonke inceku yami uMozisi eyabalaya wona. **9** Kodwa kabalalelanga; uManase wasebaphambukisa ukuthi benze okubi okwedlula izizwe iNkosi eyazichitha phambi kwabantwana bakolsrayeli. **10** Inkosi yasikhuluma ngezinceku zayo abaprofethi isithi: **11** Ngenxa yokuthi uManase inkosi yakoJuda wenzile lamanyala, wenze okubi okwedlula konke amaAmori akwenzayo, ayephambi kwakhe, wonisa loJuda ngezithombe zakhe. **12** Ngakho itsho njalo iNkosi, uNkulunkulu kalsrayeli: Khangela, ngiletha okubi phezu kweJerusalem loJuda kuthi laye wonke ozwayo indlebe zakhe zombili zizakhenzeza ngakho. **13** Ngizakwelula phezu kweJerusalem intambo yeSamarिया, lentambo yokulinganisa yendlu kaAhab, ngiyesule iJerusalem njengowesula umganu, awesule awumbokothe. **14** Njalo ngizatshiya insali yelifa lami, ngibanikele esandleni sezitha zabo, babe ngokubanjiiweyo lempango kwezitha zabo zonke, **15** ngenxa yokuthi benzile okubi emehlweni ami, bayangithukuthelisa, kusukela osukwini oyise abaphuma ngalo eGibhithe ngitsho kuze kube lamuhla. **16** Futhi-ke uManase uchithile igazi elinengi kakhulu elingelacala waze wayigcwalisa iJerusalem kusukela ekuqaleni kuze kube sekucineni, ngaphandle kwesono sakhe enza ngaso uJuda ukuthi one, ukwenza okubi emehlweni eNkosi. **17** Ezinye-ke zezindaba zikaManase, lakho konke akwenzayo, lesono sakhe asonayo, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhozi akoJuda? **18** UManase waselala laboyise, wangcwatshelwa esivandeni sendlu yakhe, esivandeni sikaUza. UAmoni indodana yakhe wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. **19** UAmoni wayeleminyaka engamatshumi amabili lambili lapho esiba yinkosi; wabusa iminyaka embili eJerusalem. Lebizo likanina lalinguMeshulemethi indodakazi kaHaruzi weJotiba. **20** Wasesenza okubi emehlweni eNkosi njengokwenza

kukaManase uyise. **21** Wahamba ngendlela yonke uyise ahamba ngayo, wakhonza izithombe uyise azikhonzayo, wakhothama kuzo. **22** Wayidela iNkosi, uNkulunkulu waboyise, kahambanga ngendlela yeNkosi. **23** Izinceku zikaAmoni zasezimizenzela ugobe, zabalula inkosi endlini yayo. **24** Kodwa abantu belizwe babatshaya bonke labo ababenzele inkosi uAmoni ugobe; abantu belizwe basebebeku uJosiya indodana yakhe ukuba yinkosi esikhundleni sakhe. **25** Ezinye-ke zezindaba zikaAmoni azenzayo kazibhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhozi akoJuda? **26** Wasengcwatshelwa engcwabeni lakhe esivandeni sikaUza. UJosiya indodana yakhe wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe.

22 UJosiya wayeleminyaka eyisificaminwembili lapho esiba yinkosi; wabusa iminyaka engamatshumi amathathu lanye eJerusalem. Lebizo likanina lalinguJedida indodakazi kaAdaya weBhozikhathi. **2** Wasesenza okulungileyo emehlweni eNkosi, wahamba ngayo yonke indlela kaDavida uyise, kaze aphambukela ngakwesokunene langakwesokhohlo. **3** Kwasekusithi ngomnyaka wetshumi lesificaminwembili wenkosi uJosiya, inkosi yathuma uShafani indodana kaAzaliya indodana kaMeshulamu, umabhalane, endlini yeNkosi, esithi: **4** Yenyukela kuHilikhiya umpriesti omkhulu ukuthi ahlanganise imali elethwe endlini yeNkosi, abalindi bombundu womnyango ababeyiqoqe ebantwini. **5** Kabayinikele esandleni sabenzi bomsebenzi abamiswe phezu kwendlu yeNkosi, kabayinike abenzi bomsebenzi osendlini yeNkosi, ukulungisa izikhala zendlu, **6** kubabazi, lakubakhi, lakubabazi bamatshe, lokuthenga amapulanka lamatshe abaziweyo ukulungisa indlu. **7** Kodwa akubalelwananga labo imali eyayinikelwe esandleni sabo ngoba benza ngokuthembeka. **8** UHilikhiya umpriesti omkhulu wasesithi kuShafani umabhalane: Sengifice ugwalo lomlayo endlini yeNkosi. UHilikhiya wasenika uShafani ugwalo, waselufunda. **9** UShafani umabhalane wasefika enkosini, wabuyisela ilizwi enkosini wathi: Izinceku zakho seziyithulule imali eficwe endlini, zayinikela esandleni sabenzi bomsebenzi abamiswe phezu kwendlu yeNkosi. **10** UShafani umabhalane wasebika enkosini esithi: UHilikhiya umpriesti unginike ugwalo. UShafani waselufunda phambi kwenkosi. **11** Kwasekusithi inkosi isizwile amazwi ogwalo lomlayo, yadabula izigqoko zayo. **12** Inkosi yasilaya uHilikhiya umpriesti loAhikhamu indodana kaShafani loAkhikhori indodana kaMikhaya loShafani umabhalane loAsaya inceku yenkosi, isithi: **13** Hambani liyengibuzela eNkosini mina labantu loJuda wonke mayelana lamazwi alolugwalo oluficweyo; ngoba yinkulu intukuthelo yeNkosi esesiyibaselwe, ngoba obaba kabawalalelanga amazwi alolugwalo, ukwenza konke okubhaliweyo mayelana lathi. **14** Ngakho uHilikhiya umpriesti loAhikhamu loAkhikhori loShafani loAsaya baya kuHulida umprofethikazi umkaShaluma indodana kaTikiva

indodana kaHarihasi, umgcinu wezigqoko. Wayehlalake eJerusema esiGabeni seSibili. Basebekhuluma laye. **15** Wasesithi kibo: Itsho njalo iNkosi, uNkulunkulu kalsrayeli: Mtsheleni lowomuntu olithume kimi: **16** Itsho njalo iNkosi: Khangela, ngizakwehlisela okubi kulindawo lapho kwabakhileyo bayo, wonke amazwi ogwalo inkosi yakoJuda elufundileyo. **17** Ngenxa yokuthi bangidilele, batshisela abanye onkulunkulu impepha, ukuze bangithukuthelise ngawo wonke umsebenzi wezandla zabo. Ngakho intukuthelo yami izavutha imelene lale indawo, ingacitshwa. **18** Kodwa enkosini yakoJuda elithumileyo ukubuza eNkosini, lizakutsho njalo kuyo: Itsho njalo iNkosi, uNkulunkulu kalsrayeli: Mayelana lamazwi eliwzithwileyo: **19** Ngoba inhlizyo yakho ibithambile, wazithoba phambi kweNkosi, lapho usizwa engikukhulume ngimelene lalindawo labakhileyo bayo, ukuthi bazakuba yincithakalo lesiqalekiso, wadabula izigqoko zakho, wakhala inyembezi phambi kwami, lami-ke ngizwile, kutsho iNkosi. **20** Ngakho, khangela, ngizakubuthela kuboyihlo, njalo uzabuthelwa engcwabeni lakho ngokuthula, lamehlo akho kawayikubona bonke ububi engizabehlisela phezu kwalindawo. Basebebuyisela ilizwi enkosini.

23 Inkosi yasithumela, basebebutshanisa kuye bonke abadala bakoJuda labeJerusema. **2** Inkosi yasisenyukela endlini kaJehova, lawo wonke amadoda akoJuda labo bonke abahlali beJerusema kanye laye, labapristi labaprofethi, labo bonke abantu kusukela komncinyane kusiya komkhulu, yasifunda endlebeni zabo wonke amazwi ogwalo lwesivumelwano olwaficwa endlini yeNkosi. **3** Inkosi yema-ke ngasensikeni, yenza isivumelwano phambi kweNkosi, sokuhamba emva kweNkosi, lokugcina imilayo yayo lemithetho yayo lezimiso zayo ngenhlizyo yonke langomphefumulo wonke, ukuqinisa amazwi alesisivumelwano abhaliweyo kulolugwalo. Bonke abantu basebesima esivumelwaneni. **4** Inkosi yasilaya uHilikhiya umpristi omkhulu labapristi besigaba sesibili labalindi bombundu womnyango ukuthi bakhuphe ethempelini leNkosi zonke izitsha ezazenzelwe uBhali lesixuku lebutsho lonke lamazulu, wazitshisela ngaphandle kweJerusema eziqintini zeKidroni, wathwalela umlotha wazo eBhetheli. **5** Wasesusa abapristi bezithombe amakhosi akoJuda ayebabekile ukuthi batshise impepha endaweni eziphakemeyo, emizini yakoJuda, lendawo ezizingelezele iJerusema, lalabo ababetshisa impepha kuBhali, elangeni, lenyangeini, lezinikanyezini, lebutshweni lonke lamazulu. **6** Wakhupha isixuku endlini yeNkosi, ngaphandle kweJerusema, wasisa esifuleni iKidroni, wasitshisa esifuleni iKidroni, wasichola saba luthuli, waphosela uthuli lwaso emangcwabeni abantwana babantu. **7** Wadiliza izindlu zezinkotshana ezazingasendlini yeNkosi lapho abesifazana ababeselukela khona amaveyili esixuku. **8** Wakhupha bonke abapristi

emizini yakoJuda, wangcolisa indawo eziphakemeyo lapho abapristi ababetshisela khona impepha, kusukela eGeba kusiya eBherisheba. Wadiliza indawo eziphakemeyo zamasango ezisekungeneni kwesango likaJoshuwa umbusi womuzi, ezazingakwesokhohlo somuntu esangweni lomuzi. **9** Loba kunjalo abapristi bendawo eziphakemeyo kabenyukelanga elathini leNkosi eJerusema, kodwa badla izinkwa ezingelamvubelo phakathi kwabafowabo. **10** Wasengcolisa iTofethi elisesihotsheni sendodana kaHinomu ukuze kungabi khona umuntu odabulisa indodana yakhe kumbe indodakazi yakhe emlilweni kuMoleki. **11** Wasesusa amabhiza amakhosi akoJuda ayewanikele elangeni ekungeneni kwendlu yeNkosi, ngasekamelweni likaNathani-Meleki umthenwa elalisekhulusini, wazitshisa inqola zelanga ngomlilo. **12** Lamalathi ayeseqhahleni lwendlu kaAhazi engaphezulu awenzayo amakhosi akoJuda, lamalathi uManase ayewenzile emagumeni womabili endlu yeNkosi, inkosi yawadiliza yawachoboza iwasusa lapho, yaluphosela uthuli lwaso esifuleni iKidroni. **13** Lendawo eziphakemeyo, ezaziphambi kweJerusema, ezazingakwesokunene sentaba yokubola, uSolomoni inkosi yakolsrayeli eyayizakhele uAshitarothi isinengiso samaSidoni, loKemoshi isinengiso samaMowabi, loMilkomu isinengiso sabantwana bakoAmoni, inkosi yazingcolisa. **14** Waseqhahlaza insika eziyizithombe, wagamula izixuku, wagcwalisa izindawo zazo ngamathambo abantu. **15** Lelathi lalo elaliseBhetheli, lendawo ephakemeyo, ayenzayo uJerobhowamu indodana kaNebati owenza ulsrayeli ukuthi one, kokubili lelolathi lendawo ephakemeyo wakudiliza, watshisa indawo ephakemeyo, wayichoboza yaba luthuli, watshisa isixuku. **16** Lapho uJosiya ephenduka wabona amangcwaba ayelapho entabeni, wathuma wasekhupha amathambo emangcwabeni, wawatshisela phezu kwelathi, walingcolisa, njengelizwi leNkosi umuntu kaNkulunkulu ayelimemezele, owamemezela lamazwi. **17** Wasesithi: Yisikhumbuzo sani lesiyana engisibonayo? Abantu bomuzi basebesithi kuye: Lingcwaba lomuntu kaNkulunkulu owavela koJuda wamemezela lezizinto ozenzileyo umelene lelathi leBhetheli. **18** Wasesithi: Myekeleni, kakungabi lamuntu othinta amathambo akhe. Basebewayekela amathambo akhe kanye lamathambo omprofethi owavela eSamarिया. **19** Njalo lazo zonke izindlu zezindawo eziphakemeyo ezisemizini yeSamarिया, amakhosi akolsrayeli ayezenzile ukuthukuthelisa, uJosiya wazisusa, wenza kizo njengayo yonke imisebenzi ayeyenze eBhetheli. **20** Wasebulala bonke abapristi bezindawo eziphakemeyo, ababekhonapho, phezu kwamalathi, watshisa amathambo abantu phezu kwawo. Wasebuyela eJerusema. **21** Inkosi yasilaya bonke abantu isithi: Gcinani iphasika eNkosini uNkulunkulu wenu, njengalokhu kubhaliwe kulolugwalo lwesivumelwano.

22 Ngoba kwakungagcinwanga elinjengaleli iphasika kusakela ensukwini zabehluleli abehlulela ulsrayeli, kumbe kuzo zonke izinsuku zamakhosi akolsrayeli, kumbe zamakhosi akoJuda. 23 Kodwa ngomnyaka wetshumi lesificaminwembili wenkosi uJosiya lagcinwa leliphasika eNkosini eJerusalem. 24 Ngaphezu kwalokho-ke abalamadlozi, labalumbayo, lamatherafi, lezithombe, lawo wonke amanyala abonakala elizweni lakoJuda leJerusalem, uJosiya wakususa, ukuze aqinise amazwi omlayo ayebhalwe ogwalweni uHilikhiya umpristi alufica endlini yeNkosi. 25 Langaphambi kwakhe kakubanga khona inkosi eyafanana laye eyaphendukela eNkosini ngenhliziyi yayo yonke langomphefumulo wayo wonke langamandla ayo wonke, njengokomlayo wonke kaMozisi. Futhi emva kwakhe kakubhalwanga eyafanana laye. 26 Kanti iNkosi kayiphendukanga ekuvutheni kolaka lwayo olukhulu, olaka lwayo eyavuthela ngalo uJuda, ngenxa yazo zonke intukutheliso uManase ayithukuthelisa ngazo. 27 INkosi yasisithi: Ngizamsusa loJuda phambi kwami, njengoba ngasusa ulsrayeli, ngiwulahle lumuzi weJerusalem engawukhethayo, lendlu engathi ngayo: Ibizo lami lizakuba lapho. 28 Ezinye-ke zezindaba zikaJosiya, lakho konke akwenzayo, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhosi akoJuda? 29 Ensukwini zakhe uFaro Neko inkosi yeGibhithe wenyuka wamelana lenkosi yeAsiriya emfuleni iYufurathi. Inkosi uJosiya yasisiyahlangabezana laye; wayibulalela eMegido eseyibonile. 30 Inceku zakhe zasezimthwala efile ngenqola, zisuka eMegido, zamusa eJerusalem, zamngcwaba engcwabeni lakhe. Abantu belizwe basebethatha uJehowahazi indodana kaJosiya, bamgoba, bambeka waba yinkosi esikhundleni sikayise. 31 UJehowahazi wayeleminyaka engamatshumi amabili lantathu lapho esiba yinkosi; wabusa inyanga ezintathu eJerusalem. Lebizu likanina lalinguHamuthali indodakazi kaJeremiya weLibhina. 32 Wasesenza okubi emehlweni eNkosi njengakho konke oyise abakwenzayo. 33 UFaro Neko wasembopha eRibila elizweni leHamathi ukuthi angabusi eJerusalem, wahlawulisa ilizwe amathalenta esiliva alikhulu lethalenta legolide. 34 UFaro Neko wasebeka uEliyakhimi indodana kaJosiya ukuthi abe yinkosi esikhundleni sikaJosiya uyise, waphendula ibizo lakhe wathi nguJehoyakhimi. Wasethatha uJehowahazi; wasesiza eGibhithe, wafela khona. 35 UJehoyakhimi wasemnika uFaro isiliva legolide, kodwa wathelisa ilizwe ukuze anike leyomali njengokomlayo kaFaro. Wakhuphisa abantu belizwe isiliva legolide, ngulowo lalowo ngokomthelo wakhe, yokunika uFaro Neko. 36 UJehoyakhimi wayeleminyaka engamatshumi amabili lanhlano lapho esiba yinkosi; wabusa iminyaka elitshumi lanye eJerusalem. Lebizu likanina lalinguZebida indodakazi kaPhedaya weRuma. 37 Wasesenza okubi emehlweni eNkosi njengakho konke oyise abakwenzayo.

24 Ngensuku zakhe uNebhukadinezari inkosi yeBhabhiloni wenyuka, njalo uJehoyakhimi waba yisikhonzi sakhe iminyaka emithathu; wasephenduka wamvukela. 2 INkosi yasithuma ukumelana laye amaviyo amaKhaladiya lamaviyo amaSiriya lamaviyo amaMowabi lamaviyo abantwana bakoAmoni, yasiwathuma ukumelana loJuda ukumchitha, njengokwelizwi leNkosi eyalikhuluma ngesandla sezinceku zayo abaprofethi. 3 Sibili ngokomlayo weNkosi lokho kwehlela koJuda ukubasusa ebusweni bayo ngenxa yezono zikaManase, njengakho konke akwenzayo, 4 njalo langegazi elingelacala alichithayo; ngoba wagcwalisa iJerusalem ngegazi elingelacala, iNkosi engavumanga ukulithethelela. 5 Ezinye-ke zezindaba zikaJehoyakhimi, lakho konke akwenzayo, kakubhalwanga yini egwalweni lwemilando yamakhosi akoJuda? 6 UJehoyakhimi waselala laboyise. UJehoyakhini indodana yakhe wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. 7 Inkosi yeGibhithe kayisaphindanga futhi ukuphuma elizweni layo, ngoba inkosi yeBhabhiloni yayithethe kusukela emfuleni weGibhithe kusiya emfuleni iYufurathi, konke okwakungokwenkosi yeGibhithe. 8 UJehoyakhini wayeleminyaka elitshumi lesificaminwembili lapho esiba yinkosi; wabusa inyanga ezintathu eJerusalem. Lebizu likanina lalinguNehushita indodakazi kaElinathani weJerusalem. 9 Wasesenza okubi emehlweni eNkosi njengokwenza konke kukayise. 10 Ngalesosikhathi izinceku zikaNebhukadinezari inkosi yeBhabhiloni zenyekela eJerusalem, umuzi wasungena ekuvinjezelweni. 11 UNebhukadinezari inkosi yeBhabhiloni wasefika wamelana lomuzi, izinceku zakhe zisawuvimbezela. 12 UJehoyakhini inkosi yakoJuda wasephuma waya enkosini yeBhabhiloni, yena lonina lenceku zakhe lenduna zakhe labathenwa bakhe. Inkosi yeBhabhiloni yasimthatha ngomnyaka wesificaminwembili wokubusa kwakhe. 13 Yasikhupha lapho wonke amagugu endlu kaJehova lamagugu endlu yenkosi; yaquma zonke izitsha zegolide uSolomoni inkosi yakolsrayeli ayezenzile ethempelini likaJehova, njengokutsho kweNkosi. 14 Yasithumba iJerusalem yonke, leziphathamandla zonke, lawo wonke amaqhawe alamandla, abathunjwa abazinkulungwane ezilithshumi, lazo zonke ingcitshi zemisebenzi labakhandi; kakusalanga loyedwa ngaphandle kwabantukazana ebantwini belizwe. 15 Yasimthambela uJehoyakhini eBhabhiloni; lonina wenkosi, lamakhosikazi enkosi, labathenwa bakhe, lamaqhawe elizwe, yabathumbela eBhabhiloni besuka eJerusalem. 16 Lawo wonke amadoda amaqhawe, azinkulungwane eziyisikhombisa, lezingcitshi zemisebenzi labakhandi, abayinkulungwane, bonke abaqinileyo abangaphuma impi, inkosi yeBhabhiloni yasibaletsa bengabathunjwa eBhabhiloni. 17 Inkosi yeBhabhiloni yasibeka uMathaniya uyise omncinyane ukuba yinkosi esikhundleni sakhe,

yaguqula ibizo lakhe yathi nguZedekhiya. 18 UZedekhiya wayeleminyaka engamatshumi amabili lanye lapho esiba yinkosi; wabusa iminyaka elitshumi lanye eJerusalema. Lebizu likanina lalinguHamutali indodakazi kaJeremiya weLibhina. 19 Wasesenza okubi emehlweni eNkosi njengokwenza konke kukaJehoyakhimi. 20 Ngoba ngenxa yentukuthelo yeNkosi lokhu kwenzeka eJerusalema lakoJuda yaze yabaxotsha phambi kwayo. UZedekhiya waseyivukela inkosi yeBhabhiloni.

25 Kwasekusithi ngomnyaka wesificamunwemunye wokubusa kwakhe, ngenyanga yetshumi, ngolweshumi lwenyanga, uNebhukadinezari inkosi yeBhabhiloni wafika, yena lebutso lakhe lonke emelene leJerusalema, wamisa inkamba maqondana layo; bayakhela imiduli yokumbezela emelene layo inhlangothi zonke. 2 Umuzi wangena ekuvinjezelweni kwaze kwaba ngumnyaka wetshumi lanye wenkosi uZedekhiya. 3 Ngolwesificamunwemunye lwenyanga yesine indla yasisiba lamandla phakathi komuzi, njalo kwakungelakudla kwabantu belizwe. 4 Umuzi wasufohlelwa. Wonke amadoda empi asebakela ebusuku ngendlela yesango phakathi kwemiduli emibili eyayiseduze lesivande senkosi, (amaKhaladiya ayemelene-ke lomuzi inhlangothi zonke); inkosi yasihamba ngendlela yamagceke. 5 Ibutso lamaKhaladiya laselixotshana lenkosi, layifika emagcekeni eJeriko; ibutso layo lonke laselihlakazeka lisuka kuyo. 6 Aseyibamba inkosi, ayenyusela enkosini yeBhabhiloni eRibila, akhuluma ukwahlulela kwayo. 7 Abulala amadodana kaZedekhiya phambi kwamehlo akhe, akhupha amehlo kaZedekhiya, ambopha ngamaketane ethusi amabili, amusa eBhabhiloni. 8 Langenyanga yesihlanu ngolwesikhombisa lwenyanga (okungumnyaka wetshumi lesificamunwemunye wenkosi uNebhukadinezari inkosi yeBhabhiloni) kwafika uNebuzaradani induna yabalindi, inceku yenkosi yeBhabhiloni, eJerusalema. 9 Wasetshisa indlu kaJehova lendlu yenkosi lazo zonke izindlu zeJerusalema; layo yonke indlu yesikhulu wayitshisa ngomlilo. 10 Lebutso lonke lamaKhaladiya elalilenduna yabalindi ladilizela phansi imiduli yeJerusalema inhlangothi zonke. 11 Njalo insali yabantu ababesele emzini, labahlamuki ababehlamukele enkosini yeBhabhiloni, lensali yexuku, uNebuzaradani induna yabalindi yabathumba. 12 Kodwa induna yabalindi yatshiya ebayangeni belizwe ukuba ngabaphathi bezivini labalimi. 13 Lensika zethusi ezazisendlini yeNkosi, lezisekelo, lolwandle lwethusi olwalusendlini yeNkosi, amaKhaladiya akuphahlaza, athwalela ithusi lakho eBhabhiloni. 14 Lezimbiza, lamafotsholo, lezindlawu, lenkezo, lezitsha zonke zethusi, abasebenza ngazo, akuthatha. 15 Lezitsha zokuthwala umlilo lemiganu yokufafaza, okwakuligolide golide lokwakuyisiliva siliva, induna yabalindi yakuthatha. 16

Insika zombili, ulwandle olulodwa, lezisekelo, uSolomoni ayekwenzele indlu yeNkosi, ithusi lazo zonke lezizitsha lalingelakulinganiswa ngesisindo. 17 Ubude bensika eyodwa babuzingalo ezilithumi lesificaminwembili, lesiduku phezu kwayo sasilithusi, lokuphakama kwesiduku kuzingalo ezintathu, lomsebenzi ophothiweyo, lamapomegranati phezu kwesiduku inhlangothi zonke, konke kungokwethusi. Lensika yesibili yayilokunje, ilomsebenzi ophothiweyo. 18 Induna yabalindi yasithatha uSeraya umpristi oyinhloko loZefaniya umpristi wesibili, labalindi bombundu womnyango abathathu. 19 Lemzini yasithatha induna eyayimiswe phezu kwamadoda empi, lamadoda amahlanu ayesebusweni benkosi ayeficwe emzini, lomabhalane omkhulu webutso eyayibuthela abantu belizwe emabuthweni, lamadoda angamatshumi ayisithupha abantu belizwe ayeficwe phakathi komuzi. 20 UNebuzaradani induna yabalindi wasebathatha laba wabasa enkosini yeBhabhiloni eRibila. 21 Inkosi yeBhabhiloni yasibatshaya yababulalela eRibila elizweni leHamathi. Ngokunjalo uJuda wathunjwa esuswa elizweni lakhe. 22 Abantu abasala-ke elizweni lakoJuda, uNebhukadinezari inkosi yeBhabhiloni owayebathshiyile, wabeka phezu kwabo uGedaliya indodana kaAhikhamu indodana kaShafani. 23 Kwathi zonke induna zamabutho, zona labantu bazo, sezizwile ukuthi inkosi yeBhabhiloni ibeke uGedaliya abe ngumbusi, zeza kuGedaliya eMizipa: Ngitsho olshmayeli indodana kaNethaniya loJohanani indodana kaKareya loSeraya indodana kaTanihumethi umNetofa loJahazaniya indodana yomMahakathi, zona labantu bazo. 24 UGedaliya wasefunga kuzo lakubantu bazo wathi kuzo: Lingesabi ukuba zincedi zamaKhaladiya; hlalani elizweni, likhonze inkosi yeBhabhiloni, njalo kuzakuba kuhle kini. 25 Kodwa kwathi ngenyanga yesikhombisa, kwafika ulshmayeli indodana kaNethaniya indodana kaElishama, owenzalo yesikhosini, lamadoda alitshumi elaye, basebemtshaya uGedaliya waze wafa, lamaJuda lamaKhaladiya ayelaye eMizipa. 26 Abantu bonke-ke, kusukela komncinyane kuze kuye komkhulu, lenduna zamabutho, basebesuka baya eGibhithe, ngoba besaba amaKhaladiya. 27 Kwasekusithi ngomnyaka wamatshumi amathathu lesikhombisa wokuthunjwa kukaJehoyakhini inkosi yakoJuda, ngenyanga yetshumi lambili, ngolwamatshumi amabili lesikhombisa lwenyanga, uEvili Merodaki inkosi yeBhabhiloni, ngomnyaka aba yinkosi ngawo, waphakamisa ikhanda likaJehoyakhini inkosi yakoJuda emkhupha entolongweni. 28 Wasekhuluma kuhle laye, wamisa isihlalo sakhe sobukhosi phezu kwesihlalo sobukhosi samakhosi ayelaye eBhabhiloni. 29 Wasentshintsha izigqoko zokubotshwa kwakhe; wasesidla isinkwa njalonjalo phambi kwakhe insuku zonke zempilo yakhe. 30 Lesabelo esimiyi, isabelo esimiyi esiqhubekayo sanikwa yena yinkosi, into yosuku ngosuku lwayo, zonke izinsuku zempilo yakhe.

1 Imilando

1 UAdamu, uSeti, uEnosi, **2** uKenani, uMahalaleli, uJaredi, **3** uEnoki, uMethusela, uLameki, **4** uNowa, uShemu, uHamu, loJafethi. **5** Amadodana kaJafethi: OGomeri loMagogi loMadayi loJavani loThubhali loMesheki loTirasi. **6** Lamadodana kaGomeri: OAshikenazi loRifathi loTogarma. **7** Lamadodana kaJavani: OElisha loTarshishi, amaKiti lamaDodani. **8** Amadodana kaHamu: OKushi loMizirayimi, uPuti loKhanani. **9** Lamadodana kaKushi: OSeba loHavila loSabitha loRahama loSabitheka. Lamadodana kaRahama: OShebha loDedani. **10** UKushi wasezala uNimrodi; yena waqala ukuba liqhawe emhlabeni. **11** UMizirayimi wasezala amaLudi lamaAnami lamaLehabi lamaNafethuhi **12** lamaPatrusi lamaKaseluhi (okwaphuma kiwo amaFilisti), lamaKafitori. **13** UKhanani wasezala uSidoni izibulo lakhe, loHethi, **14** lomJebusi lomAmori lomGirigashi **15** lomHivi lomArki lomSini **16** lomArvadi lomZemari lomHamathi. **17** Amadodana kaShemu: OElamu loAshuri loArapakishadi loLudi loAramu loUzi loHuli loGetheri loMesheki. **18** UArpakishadi wasezala uShela; uShela wasezala uEberi. **19** UEberi wasezalelwa amadodana amabili. Ibizo lenye lalinguPelegi, ngoba ensukwini zayo umhlaba wadatshulwa; lebizu lomfowabo lalinguJokithani. **20** UJokithani wasezala oAlimodadi loShelefi loHazamavethi loJera **21** loHadoramu loUzali loDikila **22** loEbhali loAbhimayeli loShebha **23** loOfiri loHavila loJobabi. Bonke labo babengamadodana kaJokithani. **24** UShemu, uArapakishadi, uShela, **25** uEberi, uPelegi, uRewu, **26** uSerugi, uNahori, uTera, **27** uAbrama; onguAbrahama. **28** Amadodana kaAbrahama: Olsaka loIshmayeli. **29** Laba yizizukulwana zabo: Izibulo likalshmayeli, uNebayothi, loKedari, loAdibeli, loMibisama, **30** uMishima, loDuma, uMasa, uHadadi, loTema, **31** uJeturi, uNafishi, loKedema; la ngamadodana kalshmayeli. **32** Njalo amadodana kaKetura, umfazi omncinyane kaAbrahama: Wazala oZimrani loJokishani loMedani loMidiyani loIshibaki loShuwa. Amadodana-ke kaJokishani: OShebha loDedani. **33** Lamadodana kaMidiyani: OEfa loEferi loHanoki loAbida loElidaha. Bonke laba ngamadodana kaKetura. **34** UAbrahama wasezala ulsaka. Amadodana kalsaka: OEsawu loIsrayeli. **35** Amadodana kaEsawu: OElifazi, uRehuweli, loJewushi, loJalamu, loKora. **36** Amadodana kaElifazi: OThemani, loOmari, uZefi, loGatama, uKenazi, loTimina, loAmaleki. **37** Amadodana kaRehuweli: ONahathi, uZera, uShama, loMiza. **38** Lamadodana kaSeyiri: OLotani loShobhali loZibeyoni loAna loDishoni loEzeri loDishani. **39** Lamadodana kaLotani: OHori loHomama; lodadewabo kaLotani wayenguTimina. **40** Amadodana kaShobhali: OAliyani, loManahathi, loEbhali, uShefi, loOnama. Lamadodana kaZibeyoni: OAYA loAna. **41** Amadodana kaAna: UDishoni. Lamadodana kaDishoni:

OHamrani loEshibhani loJitirani loKerani. **42** Amadodana kaEzeri: OBiliani loZahavana, uJahakhani. Amadodana kaDishani: OUzi loArani. **43** Njalo la ngamakhosi abusa elizweni leEdoma, kungakabusi inkosi phezu kwabantwana bakolsrayeli: UBhela indodana kaBeyori; lebizu lomuzi wakhe laliyiDinihaba. **44** UBhela wasesifa, uJobabi indodana kaZera weBhozira wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. **45** UJobabi wasesifa, uHushama owelizweni lamaThemani wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. **46** UHushama wasesifa, uHadadi indodana kaBedadi, owatshaya amaMidiyani emagekeni akoMowabi, wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe; lebizu lomuzi wakhe laliyiAvithi. **47** UHadadi wasesifa, uSamila weMasireka wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. **48** USamila wasesifa, uShawuli weRehobothi emfuleni wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. **49** UShawuli wasesifa, uBhali-Hanani indodana kaAkhibhori wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe. **50** UBhali-Hanani wasesifa, uHadadi wasesiba yinkosi esikhundleni sakhe; lebizu lomuzi wakhe laliyiPhayi; lebizu lomkakhe lalinguMehethabheli indodakazi kaMatiredi indodakazi kaMezahabhi. **51** UHadadi wasesifa. Lezinduna zeEdoma zaziyilezi: Induna uTimina, induna uAliya, induna uJethethi, **52** induna uAholibama, induna uEla, induna uPinoni, **53** induna uKenazi, induna uThemani, induna uMibhizari, **54** induna uMagidiyeli, induna ulrama; lezi yizinduna zeEdoma.

2 La ngamadodana kalsrayeli: ORubeni, uSimeyoni, uLevi, loJuda, ulsakari, loZebuluni, **2** uDani, uJosefa, loBhenjamini, uNafithali, uGadi, loAsheri. **3** Amadodana kaJuda: OEri loOnani loShela; amathathu wawazalelwa yindodakazi kaShuwa umKhananikazi. Kodwa uEri izibulo likaJuda wayemubi emehlweni eNkosi; yasimbulala. **4** UTamari, umalokozana wakhe, wasemzalela uPerezi loZera. Wonke amadodana kaJuda ayemahlanu. **5** Amadodana kaPerezi: OHezironi loHamuli. **6** Njalo amadodana kaZera: OZimri loEthani loHemani loKalikoli loDara; wonke ayemahlanu. **7** Njalo amadodana kaKarimi: UAKari, umhluphi kalsrayeli, owenza isiphambeko ngokuqalekisiweyo. **8** Njalo amadodana kaEthani: UAzariya. **9** Njalo amadodana kaHezironi awazalelwayo: OJerameli loRamu loKalebi. **10** URamu wasezala uAminadaba; uAminadaba wasezala uNahishoni induna yabantwana bakoJuda. **11** UNahishoni wasezala uSalima; uSalima wasezala uBhowazi; **12** uBhowazi wasezala uObedi; uObedi wasezala uJese. **13** UJese wasezala izibulo lakhe uEliyabi, loAbinadaba owesibili, loShimeya owesithathu, **14** uNethaneli owesine, uRadayi owesihlanu, **15** uOzema owesithupha, uDavida owesikhombisa. **16** Odadewabo babengoZeruya loAbigayili. Lamadodana kaZeruya: OAbishayi loJowabi loAsaheli; abathathu. **17** UAbigayili wasezala uAmasa; loyise kaAmasa wayenguJetheri umIshmayeli. **18** UKalebi indodana

kaHezironi wasezala kuAzuba umkakhe lakuJeriyothi; lala ngamadodana akhe: OJesheri loShobabi loAridoni. **19** UAzuba esefile uKalebi wazithathela uEfrathi owamzalela uHuri. **20** UHuri wasezala uUri; uUri wasezala uBhezaleli. **21** Emva kwalokho uHezironi wasengena kundodakazi kaMakiri uyise kaGileyadi; wayithatha eseleminyaka engamatshumi ayisithupha. Yasimzalela uSegubi. **22** USegubi wasezala uJayiri owayelemizi engamatshumi amabili lantathu elizweni leGileyadi. **23** Wasethatha kibo iGeshuri leAramu kanye lemizana yeJayiri, kanye leKenathi lemizana yayo; imizi engamatshumi ayisithupha. Bonke labo babengamadodana kaMakiri uyise kaGileyadi. **24** Lemva kokufa kukaHezironi eKalebi-Efratha, uAbhiya umkaHezironi wamzalela uAshuri uyise kaThekhowa. **25** Njalo amadodana kaJerameli izibulo likaHezironi ayengoRamu izibulo, loBuna, loOreni, loOzema, uAhiya. **26** UJerameli laye wayelomunye umfazi obizo lakhe lalinguAthara; wayengunina kaOnama. **27** Njalo amadodana kaRamu izibulo likaJerameli ayengoMahazi loJamini loEkeri. **28** Lamadodana kaOnama ayengoShamayi loJada. Lamadodana kaShamayi: ONadabi loAbhishuri. **29** Lebizo lomkaAbhishuri lalinguAbihayili, owamzalela oAhibani loMolidi. **30** Njalo amadodana kaNadabi: OSeledi loAphayimi; kodwa uSeledi wafa engelabantwana. **31** Njalo amadodana kaAphayimi: Ulshi. Lamadodana kalshi: USheshani. Lamadodana kaSheshani: UAhilayi. **32** Njalo amadodana kaJada umfowabo kaShamayi: OJetheri loJonathani; kodwa uJetheri wafa engelabantwana. **33** Njalo amadodana kaJonathani: OPelethi loZaza. Laba babengabantwana bakaJerameli. **34** Njalo uSheshani wayengalamadodana, kodwa amadodakazi; njalo uSheshani wayelenceku, umGibhithe, obizo layo lalinguJariha. **35** USheshani wasenika uJariha inceku yakhe indodakazi yakhe yaba ngumkakhe; yasimzalela uAthayi. **36** UAthayi wasezala uNathani, uNathani wasezala uZabadi, **37** uZabadi wasezala uEfilali, uEfilali wasezala uObedi, **38** uObedi wasezala uJehu, uJehu wasezala uAzariya, **39** uAzariya wasezala uHelezi, uHelezi wasezala uEleyasa, **40** uEleyasa wasezala uSisimayi, uSisimayi wasezala uShaluma, **41** uShaluma wasezala uJekamiya, uJekamiya wasezala uElishama. **42** Njalo amadodana kaKalebi umfowabo kaJerameli: OMesha, izibulo lakhe, onguyise kaZifi, lamadodana kaMaresha uyise kaHebroni. **43** Njalo amadodana kaHebroni: OKora loTapuwa loRekemi loShema. **44** UShema wasezala uRahama uyise kaJorikayamu; uRekemi wasezala uShamayi. **45** Lendodana kaShamayi: UMawoni; loMawoni wayenguyise kaBeti-Zuri. **46** UEfa umfazi omncinyane kaKalebi wasezala oHarani loMoza loGazezi; uHarani wasezala uGazezi. **47** Njalo amadodana kaJahidayi: ORegema loJothamu loGeshani loPelethi loEfa loShahafi. **48** UMahaka umfazi omncinyane kaKalebi wazala oSheberi loTirihana. **49** Wasezala

uShahafi uyise kaMadimana, uSheva uyise kaMakibena, loyise kaGibeya. Lendodakazi kaKalebi yayinguAkisa. **50** Laba babengabantwana bakaKalebi, indodana kaHuri, izibulo likaEfratha: OSobhali, uyise kaKiryathi-Jeyarimi, **51** uSalima uyise kaBhethelhehema, uHarefi uyise kaBeti-Gaderi. **52** USobhali uyise kaKiryathi-Jeyarimi wayelamadodana: UHarowe, ingxenye yamaMenuhothi. **53** Njalo insendo zikaKiryathi-Jeyarimi: Amalthiri lamaPuti lamaShumathi lamaMishrayi; kwaphuma kuwo amaZorathi lamaEshitawoli. **54** Amadodana kaSalima: OBhethelhehema, lamaNetofa, uAtarothi, uBeti-Jowabi, lengxenye yamaManahethi, amaZori. **55** Lensendo zababhali ababehlala eJabezi, amaTirathi, amaShimeyathi, amaSukathi. Labo babengamaKeni avela kuHamathi uyise wendlu kaRekabi.

3 Njalo la ayengamadodana kaDavida awazalelwa eHebroni: Izibulo nguAmnoni kuAhinowama umJizereyelikazi; eyesibili nguDanilyeli kuAbigayili umKharmelikazi; 2 eyesithathu nguAbisalomu indodana kaMahaka indodakazi kaTalmiyi inkosi yeGeshuri; eyesine nguAdonija indodana kaHagithi; 3 eyesihlanu nguShefathiya kuAbithali; eyesithupha ngulthereyamu kuEgila umkakhe. **4** Abayisithupha bazalelwa yena eHebroni, lapho abusa khona iminyaka eyisikhombisa lezinyanga eziyisithupha; leJerusalema wabusa iminyaka engamatshumi amathathu lantathu. **5** Lalaba bazalelwa yena eJerusalema: OShimeya loShobabi loNathani loSolomoni, bobane, kuBathishuwa indodakazi kaAmiyeli; **6** loBihari loElishama loElifelethi **7** loNoga loNefegi loJafiya **8** loElishama loEliyada loElifelethi, abayisificamunwemunye. **9** Bonke babengamadodana kaDavida, ngaphandle kwamadodana abafazi abancane, loTamari udadewabo. **10** Lendodana kaSolomoni yayinguRehobhowamu, uAbhiya indodana yakhe, uAsa indodana yakhe, uJehoshafathi indodana yakhe, **11** uJoram indodana yakhe, uAhaziya indodana yakhe, uJowashi indodana yakhe, **12** uAmaziya indodana yakhe, uAzariya indodana yakhe, uJothamu indodana yakhe, **13** uAhazi indodana yakhe, uHezekhiya indodana yakhe, uManase indodana yakhe, **14** uAmoni indodana yakhe, uJosiya indodana yakhe. **15** Njalo amadodana kaJosiya: Izibulo uJohanani, eyesibili uJehoyakhimi, eyesithathu uZedekhiya, eyesine uShaluma. **16** Lamadodana kaJehoyakhimi: UJekoniya indodana yakhe, uZedekhiya indodana yakhe. **17** Njalo amadodana kaJekoniya: UAsiri, uSheyalityeli indodana yakhe, **18** loMalikiram, loPhedaya, loShenazari, uJekamiya, uHoshama, loNedabiya. **19** Njalo amadodana kaPhedaya: OZerubhabheli loShimeyi. Lamadodana kaZerubhabheli: OMeshulamu, loHananiya, loShelomithi udadewabo; **20** loHashuba, loOheli, loBerekiya, loHasadiya, uJushabi-Hesedi, amahlanu. **21** Lamadodana kaHananiya: OPelatiya loJeshaya; amadodana kaRefaya, amadodana kaArinani, amadodana kaObhadiya, amadodana

kaShekaniya. 22 Lamadodana kaShekaniya: UShemaya. Lamadodana kaShemaya: OHathushi loIgalii loBariya loNeyariya loShafati, ayisithupha. 23 Njalo amadodana kaNeyariya: OEliyohenayi loHizikiya loAzirikamu, amathathu. 24 Njalo amadodana kaEliyohenayi: OHodaviya loEliyashibi loPelada loAkubi loJohanani loDelaya loAnani, ayisikhombisa.

4 Amadodana kaJuda: OPerezi, uHezironi, loKarmi, loHuri, loShobhali. 2 UReyaya indodana kaShobhali wasezala uJahathi; uJahathi wasezala uAhumayi loLahadi. Laba babezinsendo zamaZorathi. 3 Laba babengabakayise kaEtamu: OJizereyeli loIshma loIdibhashi; lebizu likadadewabo lalinguHazelelisoni. 4 LoPenuweli uyise kaGedori, loEzeri uyise kaHusha. Laba babengamadodana kaHuri, izibulo likaEfratha, uyise kaBethethelehema. 5 Njalo uAshuri uyise kaThekhowa wayelabafazi ababili, oHela loNahara. 6 UNahara wasemzalela uAhuzama loHeferi loTemeni loHahashitari. Laba babengamadodana kaNahara. 7 Lamadodana kaHela: OZerethi lolzohari loEthinani. 8 UKhozi wasezala uAnubi loZobeba, lensendo zikaAhariheli indodana kaHarumi. 9 Njalo uJabezi wayelodumo kulabafowabo; uina wasemutha ibizo wathi nguJabezi, esithi: Ngoba ngamazala ngisosizini. 10 UJabezi wasebiza uNkulunkulu kalsrayeli esithi: Kungathi ngangibusisa lokungibusisa, uqhelse umngcele wami, lesandla sakho sibe lami, ungivikele ebubini ukuze bungangidabuli! UNkulunkulu wenza kwenzakala lokho akucelayo. 11 UKelubi umfowabo kaShuha wasezala uMehiri, onguyise kaEshitoni. 12 UEshitoni wasezala uBeti-Rafa loPhaseya loTehina uyise kaIri-Nahashi. Laba babengabantu bakaReka. 13 Lamadodana kaKenazi: O-Othiniyeli loSeraya. Lamadodana kaOthiniyeli: UHathathi. 14 UMeyonothayi wasezala uOfira. USeraya wasezala uJowabi uyise wesigodi seHarashi, ngoba babezingcitsi. 15 Lamadodana kaKalebi indodana kaJefune: Olru, uEla, loNahamu; lamadodana kaEla, ngitsho uKenazi. 16 Lamadodana kaJehaleleli: OZifi, loZifa, uTiriya, loAsareli. 17 Lamadodana kaEzra: OJetheri loMeredi loEferi loJaloni. Wasezala oMiriya umShamayi loIshiba uyise kaEshithemowa. 18 Umkakhe umJudakazi wasezala uJeredi uyise kaGedori, loHeberu uyise kaSoko, loJekuthiyeli uyise kaZanowa. Laba babengamadodana kaBithiya indodakazi kaFaro, uMeredi amthathayo. 19 Lamadodana omkaHodiya, udadewabo kaNahama, uyise kaKeyila umGarmi, loEshithemowa umMahakathi. 20 Njalo amadodana kaShimoni: OAmnoni, loRina, uBheni-Hanani, loThiloni. Lamadodana kaIshi: OZohethi loBheni-Zohethi. 21 Amadodana kaShela indodana kaJuda: OEri uyise kaLeka, loLahada uyise kaMaresha, lensendo zendlu yabenzi belembu elicolekileyo bendlu kaAshibeya, 22 loJokimi, lamadoda akoKhozoba, loJowashi, loSarafi ababebusa amaMowabi, loJashubi-Lehema. Lalezizindaba zindala. 23 Labo

babengababumbi, labakhileyo ezilimeni lezintangweni; bahlala lapho lenkosi emsebenzini wayo. 24 Amadodana kaSimeyoni: ONemuweli, loJamini, loJaribi, uZera, uShawuli, 25 uShaluma indodana yakhe, uMibhisamu indodana yakhe, uMishima indodana yakhe. 26 Lamadodana kaMishima: UHamuweli indodana yakhe, uZakuri indodana yakhe, uShimeyi indodana yakhe. 27 Njalo uShimeyi wayelamadodana alitshumi lesithupha lamadodakazi ayisithupha; kodwa abafowabo babengelabantwana abanengi, losendo lonke lwabo kalwandanga njengabantwana bakoJuda. 28 Basebhlala eBherisheba leMolada leHazari-Shuwali 29 leBiliha leEzema leToladi 30 leBethuweli leHorma leZikilagi 31 leBeti-Marikabothi leHazari-Susimi leBeti-Biri leShaharayimi. Le yayiyimizi yabo kwaze kwaba sekubuseni kukaDavida. 32 Lemizana yabo: IEtamu, leAyini, iRimoni, leTokeni, leAshani, imizi emihlanu, 33 layo yonke imizana yayo, eyayiyizingelezele leyomizi, kuze kube seBahali. Lezi zindawo zabo zokuhlala, njalo baba lombhala wosendo lwabo. 34 LoMeshobabi loJamileki loJoshua indodana kaAmaziya, 35 loJoweli loJehu indodana kaJoshibhiya indodana kaSeraya indodana kaAsiyeli, 36 loEliyohenayi loJahakoba loJeshohaya loAsaya loAdiyeli loJesimiyeli loBhenaya, 37 loZiza indodana kaShifi indodana kaAloni indodana kaJedaya indodana kaShimiri indodana kaShemaya. 38 Laba abaqanjwe ngamabizo babeyizikhulu ensendweni zabo, lezindlu zaboyise zanda kakhulu ngobunengi. 39 Basebesiya ekungeneni kweGedori, baya ngempumalanga kwesihotsha, ukudingela imihlambi yabo idlelo. 40 Bafica idlelo elivundileyo leihle, lomango obanzi emaceleni, lolokuzola, lolokuthula; ngoba abakoHamu babehlala khona endulo. 41 Lalabo ababebhalwe ngamabizo bafika ensukwini zikaHezekhiya inkosi yakoJuda, batshaya amathente lendawo zokuhlala ezazitholakala khona, babatshabalalisa kuze kube lamuhla; bahlala endaweni zabo, ngoba kwakukhona lapho idlelo lezimvu zabo. 42 Kwasekuphuma kubo, ebantwaneni bakoSimeyoni, amadoda angamakhulu amahlanu, aya entabeni yeSeyiri. LoPelatiya loNeyariya loRefaya loUziyeli amadodana kaIshi babezinhloko zabo. 43 Basebethshaya insali yabaphephayo bamaAmaleki, bahlala khona kuze kube lamuhla.

5 Njalo amadodana kaRubeni, izibulo likalsrayeli (ngoba wayelizibulo, kodwa njengoba wayengcolise umbheda kayise, ubuzibulo bakhe banikwa amadodana kaJosefa indodana kalsrayeli; futhi wayengabhalwanga njengezibulo; 2 ngoba uJuda wayelamandla kulabafowabo, lowayengumbusi wavela kuye, kodwa ubuzibulo babungobukaJosefa). 3 Amadodana kaRubeni, izibulo likalsrayeli: OHanoki, loPalu, uHezironi, loKarmi. 4 Amadodana kaJoweli: UShemaya indodana yakhe, uGogi indodana yakhe, uShimeyi

indodana yakhe, 5 uMika indodana yakhe, uReyaya indodana yakhe, uBhali indodana yakhe, 6 uBehera indodana yakhe, uTiligathi-Pilineseri inkosi yeAsiriya eyamthumayo; wayeyisiphathamandla sabakoRubeni. 7 Njalo abafawabo ngensendo zabo, lapho bebhawwa ngokwezizukulwana zabo, bayizinhloko: OJeyiyeli, loZekharyiya, 8 loBhela indodana kaAzazi indodana kaShema indodana kaJoweli, owayehlala eAroweri, njalo kwaze kwaba seNebo leBhali-Meyoni. 9 Langempumalanga wahlala kwaze kwaba sekungeneni kwenkangala kusukela emfuleni iYufurathi, ngoba izifuyo zabo zasezandile elizweni leGileyadi. 10 Ensukwini zikaSawuli balawula-ke impi lamaHagari, awa ngesandla sabo; bahlala emathenteni awo elizweni lonke lempumalanga yeGileyadi. 11 Labantwana bakoGadi bahlala maqondana labo elizweni leBashani kwaze kwaba seSaleka. 12 UJoweli inhloko, loShafamu owesibili, loJanayi loShafati eBashani. 13 Labafowabo ngendlu yaboyise: OMikayeli loMeshulamu loShebha loJorayi loJakani loZiya loEberi, beyisikhombisa. 14 Laba babengamadodana kaAbihayili indodana kaHuri indodana kaJarowa indodana kaGileyadi indodana kaMikayeli indodana kaJeshishayi indodana kaJahido indodana kaBuzi. 15 UAhi indodana kaAbidiyeli indodana kaGuni wayeyinhloko yendlu yaboyise. 16 Basebehlala eGileyadi, eBashani, lemizaneni yayo, lakuwo wonke amadlelo eSharoni, kwaze kwaba sekuphumeni kwawo. 17 Bonke laba babhalwa ngezizukulwana zabo ezinsukwini zikaJothamu inkosi yakoJuda lensukwini zikaJerobhowamu inkosi yakolSrayeli. 18 Amadodana kaRubeni labakoGadi lengxenywe yesizwe sakoManase, emadodeni angamaqhawe, athwala isihlangu lenkamba, anyathela idandili, lezingcitshi empini, ayeyizinkulungwane ezingamatshumi amane lane lamakhulu ayisikhombisa lamatshumi ayisithupha, ephumela ebuthweni. 19 Basebelawula impi lamaHagari loJeturi loNafishi loNodabi. 20 Bancediswa bemelene labo, amaHagari asenikelwa esandleni sabo, labo bonke ababelawo; ngoba bakhala kuNkulunkulu besempini, wasencengeka ngabo, ngoba bamthemba. 21 Bathumba izifuyo zabo, amakamela azinkulungwane ezingamatshumi amahlanu, lezimvu ezizinkulungwane ezingamakhulu amabili lamatshumi amahlanu, labobabhemi abazinkulungwane ezimbili, lemiphefumulo yabantu ezinkulungwane ezilikhulu. 22 Ngoba kwawa abanengi ababuleweyo, ngoba impi yayingekaNkulunkulu. Basebehlala ezindaweni zabo kwaze kwafika ukuthunjwa. 23 Abantwana bengxenywe yesizwe sakoManase basebehlala elizweni; kusukela eBashani kusiya eBhali-Hermoni leSeniri lentabeni yeHermoni bona banda. 24 Lalezi zinhloko zendlu yaboyise, ngitsho oEferi lolshi loEliyeli loAziriyeli loJeremiya loHodaviya loJahidiyeli, amadoda angamaqhawe alamandla, amadoda alamabizo, inhloko

zendlu yaboyise. 25 Kodwa bona kuNkulunkulu waboyise, baphinga ngokulandela onkulunkulu babantu balelolizwe, uNkulunkulu abachithayo phambi kwabo. 26 Ngakho uNkulunkulu kalsrayeli wavusa umoya kaPhuli inkosi yeAsiriya, lomoya kaTiligathi-Pilineseri inkosi yeAsiriya, wabathumba, ngitsho abakoRubeni labakoGadi lengxenywe yesizwe sakoManase, wabasa eHala leHabori leHara lemfuleni iGozani, kuze kube lamuhla.

encekwini yami uJobe, liznikelele umnikelo wokutshiswa, njalo uJobe inceku yami uzalikhulekela; ngoba isibili ngizakwemukela ubuso bakhe, ukuze ngingenzi kini njengobuthutha benu; ngoba kalikhulumanga ngami okuqondileyo njengenceku yami uJobe. **9** Ngakho bahamba oElifazi umThemani loBilidadi umShuhi loZofari umNahama, benza njengokutsho kweNkosi kubo; njalo iNkosi yemukela ubuso bukaJobe. **10** INkosi yasiphendula ukuthunjwa kukaJobe esekhulekele abangane bakhe; njalo iNkosi yengezelela konke uJobe ayelakho kuze kuphindwe kabili. **11** Kwasekufika kuye bonke abafowabo labo bonke odadewabo, labo bonke ababemazi mandulo, badla isinkwa laye endlini yakhe, bamkhalela, bamduduza ngakho konke okubi iNkosi eyayimehlisele khona; bamnika ngulowo lalowo uhlamvu lwemali, langulowo lalowo isongo legolide. **12** INkosi yasibusisa isiphetho sikaJobe okwedlula ukuqala kwakhe; ngoba waba lezimvu ezizinkulungwane ezilithumi lane, lamakamela azizinkulungwane eziyisithupha, lezipane zenkabi eziyinkulungwane, labobabhemi abasikazi abayinkulungwane. **13** Wasesiba lamadodana ayisikhombisa lamadodakazi amathathu. **14** Wasebiza ibizo leyokuqala wathi nguJemima, lebizu leyesibili wathi nguKeziya, lebizu leyesithathu wathi nguKereni-Hapuki. **15** Njalo kakutholalalanga abesifazana abahle njengamadodakazi kaJobe elizweni lonke; loyise wawanika ilifa phakathi kwabanewabo. **16** Lemva kwalokho uJobe waphila iminyaka elikhulu lamatshumi amane; wabona amadodana akhe, lamadodana amadodana akhe, kwaze kwaba yizizukulwana ezine. **17** UJobe wasesifa, emdala, enele ngezinsuku.

Amahubo

1 Ubusiwe umuntu ongahambi ngeseluleko sababi, ongemi endleleni yezoni, ongahlali esihlalweni sabagconayo; **2** kodwa intokozo yakhe isemlayweni weNkosi, uzindla ngomlayo wayo emini lebusuku. **3** Njalo uzakuba njengesihlahla esihlanyelwe emifuleni yamanzi, esithela isithelo saso ngesikhathi saso, ohlamvu laso kaliyikubuna; lakho konke akwenzayo kuzaphumelela. **4** Ababi kabanjalo, kodwa banjengamakhoba umoya owaphephulayo. **5** Ngakho ababi kabayikuma ekwahlulweni, lezoni enhlanganweni yabalungileyo. **6** Ngoba iNkosi iyayazi indlela yabalungileyo, kodwa indlela yababi izabhubha.

2 Kungani izizwe zixokozela, labantu benakana okuyize? **2** Amakhosi omhlaba azimisela, lababusi benza ugobe ndawonye bemelene leNkosi njalo bemelene logcotshiweyo wayo, besithi: **3** Asiqamule izibopho zabo, silahle intambo zabo zisuke kithi. **4** Ohlezi emazulwini uzahleka, iNkosi izabahleka usulu. **5** Khona izakhuluma kubo entukuthelweni yayo, ibethuse ngokuvutha kolaka lwayo. **6** Kube kanti mina ngibekile iNkosi yami phezu kweZiyoni, intaba yami engcwele. **7** Ngizalandisa ngesimiso: INkosi ithe kimi: Wena uyiNdodana yami, lamuhla ngikuzele. **8** Cela kimi, ngizanika izizwe zibe yilifa lakho, lemikhawulo yomhlaba ibe yimfuyo yakho. **9** Uzazephula ngentonga yensimbi, uziphahlaze njengembiza yebumba. **10** Ngakho-ke hlakaniphani makhosi, lilayeke bahluleli bomhlaba. **11** Ikhonzeni iNkosi ngokwesaba, lithokoze ngokuthuthumela, **12** liyange iNdodana, hlezi ithukuthela, libhubhe endleleni, nxa ulaka lwayo seluvutha kancinyane. Babusisiwe bonke abaphela kuyo.

3 Nkosi, zande kangakanani izitha zami! Banengi abangivukelayo. **2** Banengi abathi ngomphefumulo wami: Kakulasindiso lwakhe kuNkulunkulu. (Sela) **3** Kodwa wena Nkosi, uyisihlangu sami, udumo lwami, lomphakamisi wekhanda lami. **4** Ngakhala ngelizwi lami eNkosini, yasingiphendula isentabeni yayo engcwele. (Sela) **5** Mina ngalala phansi, ngajumeka; ngavuka, ngoba iNkosi yangisekela. **6** Kangiyikwesaba izinkulungwane ezilithumi zabantu abangihlangileyo bemelana lami. **7** Vuka, Nkosi! Ngisindisa, Nkulunkulu wami. Ngoba zonke izitha zami uzitshayile emhlathini, wephule amazinyo ababi. **8** Usindiso ngolweNkosi. Isibusiso sakho siphezu kwabantu bakho. (Sela)

4 Ngiphendula ekukhaleni kwami, Nkulunkulu wokulunga kwami. Ekucindezelweni wangenzela indawo ebanzi. Woba lomusa kimi, uzwe umkhuleko wami. **2** Madodana abantu, koze kube nini liphendula udumo lwami lube lihlozo, lithanda okuyize, lidinga

amanga? (Sela) **3** Kodwa yazini ukuthi iNkosi izehlukenisele owesaba uNkulunkulu; iNkosi iyangizwa lapho ngikhala kuyo. **4** Thuthumelani, lingoni; khulumani lenhliziyu yenu embhedeni wenu, lithule. (Sela) **5** Nikelani imihlatshelo yokulunga, lithembe eNkosini. **6** Banengi abathi: Ngubani ozasitshengisa okuhle? Nkosi, phakamisela ukukhanya kobuso bakho phezu kwethu. **7** Ubeke intokozo enhliziyweni yami okwedula isikhathi lapho amabele abo lewayini labo elitsha kwandile. **8** Ngizacambalala ngokuthula, khonokho ngilale ubuthongo, ngoba wena Nkosi wedwa uyangihlalisa ngokulondolozeka.

5 Beka indlebe emazwini ami, Nkosi; unanzelele ukububula kwami. **2** Lalela ilizwi lokukhala kwami, Nkosi yami iNkulunkulu wami; ngoba ngikhuleka kuwe. **3** Nkosi, ekuseni uzalizwa ilizwi lami; ekuseni ngizahlela umkhuleko wami ngakuwe, ngilinde. **4** Ngoba kawusuye uNkulunkulu othokoza ebubini; omubi kayikuhlala lawe. **5** Abazikhukhumezayo kabayikuma phambi kwamehlo akho; uzonda bonke abenzi bobubi. **6** Uzababhubhisa abaqamba amanga. INkosi iyamenyanya umuntu wegazi lenkohliso. **7** Kodwa mina, ngizangena endlini yakho ngobukhulu besihawu sakho, ngikhothame ngikhangele ethempelini lakho elingcwele, ngokukwesaba. **8** Nkosi, ngikhokhelele ekulungeni kwakho ngenxa yezitha zami, wenze indlela yakho iqonde phambi kwami. **9** Ngoba kalikho iqiniso emlonyeni wazo, ingaphakathi yazo izinkohlakalo; umphimbo wazo ulingcwaba elivulekileyo, zibamba amehlo ngolimi lwayo. **10** Tshono uthi zilecala, Nkulunkulu, kaziwe ngamacebo azo; uzilahle ngenxa yobunengi beziphambeko zazo, ngoba zikuvukele. **11** Kodwa kabathabe bonke abathembela kuwe, bamemeze kokuphela ngentokozo, ngoba ubavikele; lalabo abathanda ibizo lakho kabajabule kuwe. **12** Ngoba wena Nkosi, uzabusisa olungileyo, uzamhanqa ngomusa njengesihlangu esikhulu.

6 Nkosi, ungangikhuzi entukuthelweni yakho, ungangijezisi ekuvutheni kolaka lwakho. **2** Woba lomusa kimi, Nkosi, ngoba ngibuthakathaka. Nkosi, ngisilisa mina, ngoba amathambo ami ayakhathazeka. **3** Lomphefumulo wami ukhathazekile kakhulu: Kodwa wena, Nkosi, koze kube nini? **4** Phenduka, Nkosi, khulula umphefumulo wami; ungisindise ngenxa yomusa wakho. **5** Ngoba ekufeni kakukho ukukukhumbula; engcwabeni ngubani ozakubonga? (Sheol h7585) **6** Ngikhathele yikububula kwami; ubusuku bonke ngintshezisa icansi lami, ngezinyembezi zami ngimanzise umbheda wami. **7** Ilihlo lami lidliwe ngenxa yosizi, liyaguga ngenxa yezitha zami zonke. **8** Sukani kimi, lonke benzi bobubi, ngoba iNkosi izwile ilizwi lokulila kwami. **9** INkosi izwile ukuncenga kwami; iNkosi izakwemukela umkhuleko wami. **10** Zonke izitha zami zizayangeka zitshaywe luvalo kakhulu; zizaphenduka, zihle ziyangeke.

7 Nkosi, Nkulunkulu wami, ngiyathembela kuwe; ngisindisa kubo bonke abangizingelayo, ungikhulule. **2** Hlezi adabule umphefumulo wami njengesilwane, edabudabula, kungekho okhululayo. **3** Nkosi, Nkulunkulu wami, uba ngikwenzile lokhu, uba kukhona okubi ezandleni zami, **4** uba ngiphindisele okubi kosekuthuleni lami (kuphela ngaphanga oyisitha sami ngaphandle kwesizatho), **5** isitha kasizingele umphefumulo wami, siwufice, siyinyathelele impilo yami emhlabathini, senze udumo lwami luhlale ethulini. (Sela) **6** Vuka, Nkosi, ngolaka lwakho, ziphakamise ngenxa yentukuthelo yezitha zami; vuka ungimele; ulayile isahlulelo. **7** Ngakho inhlangano yezizwe izakuhlanga; buya ngaphezulu phezu kwayo. **8** INkosi izakwahlulela izizwe. Ngahlulela, Nkosi, njengokulunga kwami lanjengobuqotho bami obukimi. **9** Ake buphele ububi bababi, kodwa umqinise olungileyo, ngoba ohlola inhliziyi lezinsu nguNkulunkulu olungileyo. **10** Isihlangu sami sikuNkulunkulu osindisa abaqotho enhliziyweni. **11** UNkulunkulu ngumahluleli olungileyo, njalo nguNkulunkulu othukuthelela omubi insuku zonke. **12** Uba engaphenduki, uzalola inkemba yakhe; useligobile idandili lakhe walilungisa. **13** Usemlungisele izikhali zokufa, wenzela abazingeli imitshoko yakhe etshisayo. **14** Khangela, uhelelwa ngobubi, akhulelwe yikona, azale amanga. **15** Agebhe umgodi awugubhe, abeswela egodini alenzileyo. **16** Ububi bakhe buzabuyela phezu kwekhanda lakhe, lodlame lwakhe lwehlele enkanda yakhe. **17** Ngizayidumisa iNkosi njengokulunga kwayo, ngihlabelele ibizo leNkosi ephezu konke.

8 Nkosi, Nkosi yethu, lilenkazimulo kangakanani ibizo lakho emhlabeni wonke! Omise ubukhosi bakho ngaphezu kwamazulu. **2** Emlonyeni wezingane lowabamunyanayo umisile amanda ngenxa yezitha zakho, ukuze uthulise isitha lomphindiseli. **3** Lapho ngikhangela amazulu akho, umsebenzi weminwe yakho, inyanga lenkanyezi owazimisayo, **4** uyini umuntu ukuthi umkhumbule, lendodana yomuntu ukuthi uyihambe! **5** Kanti wamenza waba ngaphansi kancinyane kulengilosi, wamethwesa umqhele wobukhosi lodumo. **6** Wamenza wabusa phezu kwemisebenzi yezandla zakho, konke wakubeka ngaphansi kwenyawo zakhe, **7** izimvu lenkabi zonke, kanye lezinamazana zeganga, **8** inyoni zamazulu, lezinhlanzi zolwandle, okudlula ezindleleni zenlwandle. **9** Nkosi, Nkosi yethu, lilenkazimulo kangakanani ibizo lakho emhlabeni wonke!

9 Ngizakudumisa, Nkosi, ngenhliziyo yami yonke, ngilandise zonke izimangaliso zakho. **2** Ngizathaba ngithokoze kuwe, ngihlabelele indumiso ebizweni lakho, wena oPhezukonke. **3** Lapho izitha zami zibuyela emuva, zizakuwa, zibhubhe phambi kwakho. **4** Ngoba ulimele ilungelo lami lodaba lwami, wahlala esihlalweni sobukhosi, wahlulela ngokulungileyo. **5** Uzikhuzile izizwe, wabhubhisa omubi; walesula ibizo labo kuze kube

nini lanini. **6** Izitha ziphelile, izincithakalo eziphakade; uyidilizile imizi; ukukhunjulwa kwabo kubhubhe kanye labo. **7** Kodwa iNkosi izahlala kuze kube phakade, isihlalo sayo sobukhosi isilungisele isahlulelo. **8** Yonake izawahlulela umhlaba ngokulunga, ibagwebe abantu ngokuqonda. **9** Njalo iNkosi izakuba yisiphephelo socindezelweyo, isiphephelo ngezikhathi zokuhlupheka. **10** Labalaziyo ibizo lakho bazathemba kuwe, ngoba wena Nkosi, kawubathiyanga abakudingayo. **11** Hlabelani indumiso eNkosini ehlezi eZiyoni, limemezele phakathi kwabantu izenzo zayo. **12** Nxa idinga igazi, iyabakhumbula, kayikhohlwa ukukhala kwabahlutshwayo. **13** Woba lomusa kimi, Nkosi, ubone uhlophe lwami oluvela kwabangizondayo, wena ongiphakamisayo emasangweni okufa, **14** ukuze ngilandise yonke indumiso yakho emasangweni endodakazi yeZiyoni, ngithokoze kusindiso lwakho. **15** Izizwe zitshone emgodini ezawenzayo, embuleni ezalithiyayo unyawo lwazo lubanjwe. **16** INkosi izazisile, yenza isahlulelo; omubi uthiywe emsebenzini wezandla zakhe. Higayoni. (Sela) **17** Abakhohlakeleyo bazabuyela esihogweni, zonke izizwe ezimkhohlwayo uNkulunkulu. (Sheol h7585) **18** Ngoba oswelayo kayikukhohlakala kokuphela; ithemba labayanga kaliyikunyamalala phakade. **19** Vuka, Nkosi, umuntu kangano; izizwe kazigwetshwe phambi kwakho. **20** Zitshayise ngovalo, Nkosi, izizwe kazikwazi ukuthi zingabantu nje. (Sela)

10 Nkosi, umeleni khatshana? Ucatshelani ezikhathini zokuhlupheka? **2** Omubi ekuziqqajeni uyamzingelisa umyanga; kababanjwe ngamagobe abawacebileyo. **3** Ngoba omubi uyazikhukhumeza ngesifiso somphefumulo wakhe, uyasibusisa isihwaba, ayeyise iNkosi. **4** Omubi, ngokuziqqaja kobuso bakhe uthi: Kakubizi; kakho uNkulunkulu emicabangweni yakhe yonke. **5** Indlela zakhe ziqinile isikhathi sonke; izahlulelo zakho ziphakeme zikhathshana laye; izitha zakhe zonke uyazivuthela. **6** Uthi enhliziyweni yakhe: Kangiyikunyikinywa; ngoba esizukulwaneni lesizukulwana kangiyikuba sebunzimeni. **7** Umlomo wakhe ugcwele ukuthuka lezinkohliso lobuqili; ngaphansi kolimi lwakhe kukhona ukona lobubi. **8** Uhlezi endaweni yokucathama yemizi, ezindaweni ezisithekileyo ubulala ongelacala; amehlo akhe akhangele othithibeleyo ngasese. **9** Uyacatsha ekusithekeni njengesilwane ebhalwini lwaso; ucatshela ukumbamba ongumyanga, uyabamba ongumyanga ngokumhululela embuleni lakhe. **10** Uyaqutha, uyakhothama, njalo umyanga awe ngokulamandla kwakhe. **11** Uthi enhliziyweni yakhe: UNkulunkulu ukhohliwe, ufihle ubuso bakhe, kasoze abone lanini. **12** Sukuma, Nkosi! Nkulunkulu, phakamisa isandla sakho, ungabakhohlwa abahluphekayo. **13** Kungani omubi edelela uNkulunkulu? Uthi enhliziyweni yakhe: Kawuyikubiza. **14** Uyabona, ngoba wena

uyakhangela ububi lenhlopheko, ukukubeka esandleni sakho. Umyanga uyazinikela kuwe; wena ungumsizi wezintandane. **15** Yephula ingalo yokhohlakeleyo lomubi; dinga inkohlakalo yakhe ukuze ungabe usayithola. **16** UJehova yiNkosi kuze kube nini lanini; izizwe zibhubhile elizweni layo. **17** Nkosi, uzwile isifiso sabathobekileyo, uzaqinisa inhliziyi yabo, wenze indlebe yakho izwe, **18** ukwahlulela intandane locindezelweyo, ukuze umuntu wasemhlabeni angabe esesabeka.

11 Ngithembela eNkosini. Lingatsho njani emphefumulweni wami: Balekela entabeni yenu njengeniyoni. **2** Ngoba, khangela, ababi bayagobisa idandili, balungisa umtshoko wabo entanjeni, ukuze batshoke emnyameni abaqotho ngenhliziyi. **3** Nxa izisekelo zilidizwa, angenzani olungileyo? **4** INkosi isithempelini layo elingcwele; iNkosi, isihlalo sayo sobukhosi sisemazulwini; amehlo ayo ayakhangela, inkophe zayo ziyahlola, abantwana babantu. **5** INkosi iyamhlola olungileyo, kodwa omubi lothanda ubudlwangudlwangu, umphefumulo wayo uyamzonda. **6** Uzanisa phezu kwababi imijibila, umlilo, lesolufa, lomoya otshisayo, kuzakuba yisabelo senkezo yabo. **7** Ngoba ilungile iNkosi, iyathanda ukulunga; ubuso bayo buyabona oqotho.

12 Siza, Nkosi, ngoba owesaba uNkulunkulu kasekho, ngoba abathembekileyo banyamalele basuka ebantwaneni babantu. **2** Bakhuluma okuyize, ngulowo lalowo lomakhelwane wakhe; indebe ezilalisayo, bakhuluma nganhliziyombili. **3** INkosi izaquma zonke indebe ezilalisayo, ulimi olukhuluma izinto zokuzidla; **4** abathi: Sizanqoba ngolimi lwethu, indebe zethu ngezethu; ngubani oyinkosi phezu kwethu? **5** Ngenxa yokubandezelwa kwabayanga, ngenxa yokububula kwabaswelayo, sengizavuka, kutsho iNkosi. Ngizabeka ekulondolozekeni amvuthelayo. **6** Amazwi eNkosi angamazwi ahlambulukileyo, isiliva esizanywe esithandweni senhlabathi, sihanjululwe kasikhombisa. **7** Wena, Nkosi, uzabagcina, ubavikele kulesisizukulwana kuze kube nininini. **8** Ababi bayahambahamba inhlangothi zonke, lapho amanyala ephakanyiswa phakathi kwabantwana babantu.

13 Koze kube nini, Nkosi, ungikhohlwa kokuphela? Koze kube nini ungifihlela ubuso bakho? **2** Koze kube nini ngizicebisa emphefumulweni wami, ngilosizi enhliziyweni yami insuku zonke? Koze kube nini isitha sami siphakanyiswa phezu kwami? **3** Khangela, ungiphendule, Nkosi, Nkulunkulu wami; khanyisa amehlo ami hlezi ngilale ubuthongo bokufa, **4** hlezi isitha sami sithi: Sengimehlule; labangihluphayo bathokoze lapho nginyikinywa. **5** Kodwa mina ngithembele emuseni wakho, inhliziyi yami izathaba ngosindiso lwakho. **6** Ngizayihlabelela iNkosi, ngoba ingenzele okuhle kakhulu.

14 Isithutha sithi enhliziyweni yaso: KakulaNkulunkulu. Bonakele, benza imisebenzi eyenyanyekayo; kakho owenza okuhle. **2** INkosi yakhangela phansi isemazulwini phezu kwabantwana babantu, ukubona ukuthi ukhona yini oqedisisayo, odinga uNkulunkulu. **3** Baphambukile bonke, bebonke bonakele; kakho owenza okuhle, kakho loyedwa. **4** Kabazi yini bonke abenza okubi, abadla abantu bami njengoba besidla isinkwa? Kabayibizi iNkosi. **5** Lapho besaba lokwesaba, ngoba uNkulunkulu usesizukulwaneni solungileyo. **6** Liliyangisile icebo lomnyanga, ngoba iNkosi iyisiphaphelo sakhe. **7** Kungathi usindiso lukalsrayeli lungavela eZiyoni! Lapho iNkosi ibuyisa ukuthunjwa kwabantu bayo, uJakobe uzathaba, ulsrayeli athokoze.

15 Nkosi, ngubani ozahlala ethenteni lakho? Ngubani ozakwaka entabeni yakho engcwele? **2** Ngulowo ohamba ngobuqotho, lowenza okulungileyo, lokhuluma iqiniso enhliziyweni yakhe, **3** ongahebiyo ngolimi lwakhe, ongenzi okubi kumngane wakhe, longaphakamiseli umakhelwane wakhe ihlazo; **4** olahlileyo uyenyanyeka emehlweni akhe, kodwa uyabahlonipha abayesabayo iNkosi; ofunga ngokuzilimaza, kodwa kaphenduki, **5** onganiki imali yakhe ukuthi azuze inzuzo, longemukeli umvuzo wokuthengwa ngongelacala. Owenza lezizinto kayikunyikinywa kuze kube nininini.

16 Ngilondoloza, Nkulunkulu, ngoba ngithembela kuwe. **2** Ngithe eNkosini: UyiNkosi yami, ukulunga kwami kakufiki kuwe. **3** Kodwa kubangcwele abasemhlabeni, labahlekazi, ontokozo yami yonke ikubo. **4** Zizakwanda insizi zabagijimela omunye unkulunkulu; kangiyikunikela iminikelo yabo yokunathwayo yegazi; lamabizo abo kangiyikuwaphatha endebeni zami. **5** INkosi iyisabelo selifa lami lesenkezo yami; wena uphethe isabelo sami. **6** Imizila iwele kimi ezindaweni ezithokozisayo; yebo, ngilelifa elibukekayo. **7** Ngizayibonga iNkosi engelulekayo; lebusuku izinso zami ziyangiqondisa. **8** Ngibekile iNkosi phambi kwami njalonjalo; ngoba ingakwesokunene sami, kangiyikunyikinywa. **9** Ngakho inhliziyi yami iyathokoza, lodumo lwami luyajabula, lenyama yami izahlala ivikelekile. **10** Ngoba kawutshiyanga umphefumulo wami esihogweni, njalo kawuyikunikela ongcwele wakho ukuthi abone ukubola. (Sheol h7585) **11** Uzangazisa indlela yempilo; ukugcwalwa kwentokozo kusebukhloneni bakho, ngakwesokunene sakho kukhona izinjabulo phakade.

17 Zwana ukulunga, Nkosi, ulalele ukukhala kwami; ubeke indlebe emkhulekweni wami ongaphumi ezindebeni ezilenkohliso. **2** Ukwahlulelwa kwami kakuphume ebukhloneni bakho, amehlo akho kawabone izinto eziqondileyo. **3** Uyilingile inhliziyi yami, wangihambela ebusuku; unghlolile, kawuficanga lutho; ngihlosile, umlomo wami kawuyikuphambuka.

4 Mayelana lezenzo zabantu, ngelizwi lendebe zakho, mina ngizinqandile ezindleleni zomchithi, ukusekela izinyathelo zami emikhondweni yakho, ukuze inyawo zami zingatshelile. 6 Mina ngikubizile, ngoba uzangiphendula, Nkulunkulu; beka indlebe yakho kimi, uzwe inkulomo yami. 7 Tshengisa ngokumangalisayo uthandolomusa wakho, wena osindisa ngesandla sakho sokunene labo abathembela kuwe kwabavukelayo. 8 Ngigcine njengenhlamvu yelihlo; ungifihle emthunzini wempiko zakho, kubo ubuso bababi abangicindezelayo, izitha zempilo yami ezingihanqileyo. 10 Bayazivalela ngamahwahwa abo; ngomlomo wabo bakhuluma ngokuziqgaja. 11 Sebesihanqile emanyathelweni ethu; amehlo abo bawamise besithobe emhlabathini. 12 Unjengesilwane esikhuthalele ukudabula, lanjengesilwane esitsha esiquthileyo endaweni ezisithekileyo. 13 Vuka, Nkosi! Uhlangabeze ubuso bakhe, umphosele phansi. Khulula umphefumulo wami komubi, oyinkemba yakho, kubo abantu, abayisandla sakho, Nkosi, ebantwini bomhlaba, osabelo sabo sikulokhukuphila, osisu sabo usigcwalisa ngokuligugu kwakho; bagcwele abantwana, njalo batshiyele izingane zabo okuseleyo kwabo. 15 Mina, ngizakhangela ubuso bakho ekulungeni, ngeneliswe yisimo sakho ekuphaphameni kwami.

18 Ngizakuthanda, Nkosi, mandla ami. 2 INkosi ilidwala lami, lenqaba yami, lomkhululi wami; uNkulunkulu wami, idwala lami, engizaphephela kulo, isihlangu sami, lophondo losindiso lwami, inqaba yami ephakemeyo. 3 Ngizabiza iNkosi edumisekayo, ngakho ngizasindiswa ezitheni zami. 4 Izibopho zokufa zangizungelezela, lezikhukhula zobubi zangethusa. 5 Izibopho zesihogo zangigombolozela, imijibila yokufa yayiphambi kwami. (Sheol h7585) 6 Ekuhluphekeni kwami ngayibiza iNkosi, ngakhala kuNkulunkulu wami; walizwa ilizwi lami esethempelini lakhe, lokukhala kwami kweza phambi kwakhe, endlebeni zakhe. 7 Khona umhlaba wamazama, wanyikinyeka, lezisekelo zezintaba zaqhaqhazela, zazamazama, ngoba wayethukuthele. 8 Kwenyuka intuthu emakhaleni akhe, lomlilo ophuma emlonyeni wakhe waqothula; amalahle avuthiswa yiwo. 9 Wasekothamisa amazulu, wehlela phansi, lomnyama onzima wawungaphansi kwenyawo zakhe. 10 Wasegada ikherubhi, waphapha, wandiza phezu kwempiko zomoya. 11 Wamisa umnyama waba yindawo yakhe yensitha, idumba lakhe inhlangothi zonke zakhe, amanzi amnyama, amayazi amnyama omkhathi. 12 Ekukhazimuleni okuphambi kwakhe amayazi akhe amnyama edlula, isiqhotho lamalahle omlilo. 13 INkosi yasiduma emazulwini, oPhezukonke wazwakalisa ilizwi lakhe, isiqhotho lamalahle omlilo. 14 Yasithuma imitshoko yayo, yabachitha; lemibane eminengi, yabaphaphathekisa. 15 Khona kwabonakala imisele yamanzi, kwembulwa izisekelo zomhlaba ekusoleni

kwakho, Nkosi, ekuvutheleni komoya wamakhala akho. 16 Yathuma iphezulu, yangibamba, yangenyula emanzini amanengi. 17 Yangophula esitheni sami esilamandla, lakibo abangizondayo, ngoba babelamandla kulami. 18 Babephambi kwami osukwini lwenhlopheko yami, kodwa iNkosi yaba yisisekelo sami. 19 Yangikhuphela endaweni ebanzi, yangikhulula ngoba yayithokoza ngami. 20 INkosi yangivuzza njengokulunga kwami; yangibuyisela njengokuhlazeka kwezandla zami. 21 Ngoba ngizilondolozile indlela zeNkosi, kangisukanga kuNkulunkulu wami ngenkohlakalo. 22 Ngoba zonke izahlulelo zayo zaziphambi kwami, lezimiso zayo kangiziphambulanga kimi. 23 Njalo ngangiqondile kuyo, ngizinqandile ebubini bami. 24 Ngakho iNkosi ingibuyisele njengokulunga kwami, njengokuhlazeka kwezandla zami phambi kwamehlo ayo. 25 Kolesihawu uzaziveza ulesihawu; koqotho uzaziveza uqotho; 26 kohlanzekileyo uzaziveza uhlanzekile; lakophambukileyo uzaziveza uphambukile. 27 Ngoba wena uzabasindisa abantu abahlutshwayo; kodwa amehlo aphakemeyo uzawehlisele phansi. 28 Ngoba wena uzalumathisa isibane sami; iNkosi, uNkulunkulu wami, izakhanyisa ubumnyama bami. 29 Ngoba ngawe ngigijimile ngadabula phakathi kwebutho, langoNkulunkulu wami neqe emthangala. 30 UNkulunkulu, indlela yakhe iphelele; ilizwi leNkosi lihloliwe; uyisihlangu kubo bonke abaphephela kuye. 31 Ngoba ngubani onguNkulunkulu ngaphandle kweNkosi? Njalo ngubani olidwala ngaphandle kukaNkulunkulu wethu? 32 NguNkulunkulu ongibhincisa amandla, owenza indlela yami iphelele. 33 Owenza inyawo zami zibe njengezezimpala, wangimisa ezingqongeni zami. 34 Ofundisela izandla zami impi, ukuze idandili lethusi ligotshiswe zingalo zami. 35 Unginikile lesihlangu sosindiso lwakho, lesandla sakho sokunene singisekele, lobumnene bakho bungikhulisile. 36 Wenze zaba banzi izinyathelo zami ngaphansi kwami, ukuze inyawo zami zingatshelile. 37 Ngixotshene lezitha zami, ngazifika, kangibuyanga ngaze ngaziqeda. 38 Ngazigwaza, zaze zehluleka ukuvuka, zawa ngaphansi kwenyawo zami. 39 Ngoba ungibhincise amandla kusenzelwa impi, wabakhothamisela phansi kwami abangivukelayo. 40 Unginike intamo yezitha zami, labo abangizondayo ngababhuhisa. 41 Bakhala, kodwa engekho umsindisi; eNkosini, kodwa kayibaphendulanga. 42 Ngasengibacholisisa njengothuli phambi komoya, ngabachitha njengodaka lwezitalada. 43 Wangikhulula ekuphikiseni kwabantu, wangimisa ngaba yinhloko yezizwe; abantu engangingabazi bangisebenzela. 44 Bangenela ukuzwa ngendlebe bazangilalela, abezizweni bazazithoba kimi ngokuzenzisa. 45 Abezizweni bazabuna, baphume ezingqabeni zabo bethuthumela. 46 INkosi iyaphila; njalo kalidunyiswe idwala lami, kaphakanyiswe uNkulunkulu wosindiso lwami. 47 UNkulunkulu onginika

impindiselo, lowehlisela izizwe ngaphansi kwami; 48 ongikhulula ezitheni zami; yebo, phezu kwabangivukelayo wangiphakamisa, emuntwini wodlakela wangikhulula. 49 Ngenxa yalokhu ngizakudumisa, Nkosi, phakathi kwezizwe, ngihlabelele ibizo lakho indumiso. 50 Iyanika inkosi yayo usindiso olukhulu, isenzela ogcotshiweyo wayo umusa, kuDavida, lenzalweni yakhe kuze kube nininini.

19 Amazulu alandisa ngodumo lukaNkulunkulu, lomkhathi utshumayela umsebenzi wezandla zakhe. 2 Usuku kusuku luphumisela inkulumo, lobusuku kubusuku butshengisa ulwazi. 3 Kakukho nkulumo, kawakho lamazwi, lapho ilizwi lawo elingezwakali khona. 4 Intambo yawo iphumele emhlabeni wonke, lamazwi awo emkhawulweni womhlaba. Ulimisele ilanga ithente kuwo. 5 Elinjengomyeni ephuma ekamelweni lakhe, lithokoza njengeqhawe ligijima endleleni. 6 Ukuphuma kwalo kusukela emkhawulweni wamazulu, lokuzingeleza kwalo kuze kube semikhawulweni yawo; njalo kakukho okufihliweyo ekutshiseni kwalo. 7 Umlayo weNkosi uphelele, uphendula umphefumulo; ubufakazi beNkosi buqinisele, buhlakaniphisa ongelalwazi; 8 izimiso zeNkosi zilungile, zithokoza inhliziyi; umthetho weNkosi uhlambulukile, ukhanyisa amehlo. 9 Ukuyesaba iNkosi kuhlanzekile, kumi kuze kube nininini; izahlulelo zeNkosi ziliqiniso, zilungile ngokupheleleyo. 10 Ziyaloyiseka kakhulu kulegolide, yebo kulegolide elicwengekileyo elinengi; njalo zimnandi kulolujulu lolujuluka ohlangeni loluji. 11 Futhi inceku yakho iyelulekwa ngazo; ekuzigcineni kulomvuzo omkhulu. 12 Ngubani oqedisisa iziphosiso zakhe? Ngikhulula kwezisithekileyo. 13 Igcine inceku yakho lezonweni zokuzincoma; kazingabusi phezu kwami. Khona ngizakuba ngoqondileyo, ngibe msulwa esiphambekweni esikhulu. 14 Amazwi omlomo wami lezizindlo zenhliziyi yami kakwemukeleke phambi kwakho, Nkosi, dwala lami lomhlangi wami.

20 INkosi ikuphendule osukwini lokuhlupheka; ibizo likaNkulunkulu kaJakobe likuvikele. 2 Kayikuthumele usizo oluvela endaweni engcwele, ikusekele iseZiyoni. 3 Kayikhumbule yonke iminikelo yakho, njalo yemukele umnikelo wakho wokutshiswa. (Sela) 4 Ikunike njengokwenhliziyi yakho, njalo igcwalise icebo lakho lonke. 5 Simemeze ngentokoza esindisweni lwakho, lebizweni likaNkulunkulu wethu siphakamise iziboniso! INkosi igcwalise konke ukucela kwakho. 6 Sengisazi ukuthi iNkosi isindisa ogcotshiweyo wayo; izamphendula isemazulwini ayo angcwele ngamandla asindisayo esandla sayo sokunene. 7 Abanye bathembela enqoleni, labanye emabhizeni, kodwa thina sizakhumbula ibizo leNkosi uNkulunkulu wethu. 8 Bona bakhothanyisiwe bawo, kodwa thina sisukumile simi. 9 Jehova, sindisa; inkosi isiphendule osukwini lokukhala kwethu.

21 Jehova, inkosi izajabula emandleni akho, lesindisweni lwakho izathaba kangakanani! 2 Uyinikile isifiso senhliziyi yayo, kawuyincitshanga isicelo sendebe zayo. (Sela) 3 Ngoba uyihlangabeze ngezibusiso zokuhle, wayethwesa umqhele wegolide elihle ekhanda layo. 4 Yacela impilo kuwe, wayinika yona, ubude bezinsuku kuze kube nini lanini. 5 Lukhulu udumo lwayo ekusindiseni kwakho, inkazimulo lobukhosi wakubeka phezu kwayo. 6 Ngoba uyenze yabusiseka kakhulu kuze kube nininini, uyayithokozisa ngenjabulo ebukhoneni bakho. 7 Ngoba inkosi ithembela kuJehova, langomusa woPhezukonke kayiyikunyikinywa. 8 Isandla sakho sizazithola zonke izitha zakho, lesandla sakho sokunene sizabathola labo abakuzondayo. 9 Uzabenza babe njengesithando somlilo esikhathini solaka lwakho. INkosi izabaginya ekuthukutheleni kwayo, lomlilo uzabaqothula. 10 Uzachitha isithelo sabo emhlabeni, lenzalo yabo phakathi kwabantwana babantu. 11 Ngoba bezimisela okubi bemelene lawe, beceba ugobe, bazakwehleleka. 12 Ngoba uzabafulathelisa, ngezintambo zedandili uzalungisa imitshoko imelane lobuso babo. 13 Phakama, Nkosi, ngamandla akho! Sizahlabela sidumise amandla akho.

22 Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungitshiyeleni na? Ukhatshana lokungisiza, lamazwi okubhonga kwami? 2 Nkulunkulu wami, ngiyakhala emini, kodwa kawungiphenduli, lebusuku, kodwa kangilakho ukuthula. 3 Kodwa wena ungcwele, ohlezi ezibongweni zikalsrayeli. 4 Obaba bethu bathemba kuwe, bathemba, wasubakhulula. 5 Bakhala kuwe, bakhululwa; bathembela kuwe, kabayangekanga. 6 Kodwa ngingumswenya, kangisuye muntu, ihlazo labantu, ngeyiswa ngabantu. 7 Bonke abangibonayo bayangihleka usulu, bakhamisela indebe, banikine ikhanda, 8 besithi: Wathembela eNkosini; kayimkhulule, imophule, ngoba yathokoza kuye. 9 Kodwa nguwe owangikhupha esiswini, wangenza ngathemba ngisemabeleni kamama. 10 Ngalahlelwa phezu kwakho kusukela esizalweni; kusukela esiswini sikamama unguNkulunkulu wami. 11 Ungabi khatshana lami, ngoba uhlupho luseduze, ngoba kakho osizayo. 12 Izinkunzi ezinengi zingihlanqile, ezilamandla zeBashani zingizingelezele. 13 Zangikhamisela umlomo wazo, isilwane esiphangayo lesibhongayo. 14 Ngithululiwe njengamanzi, lamathambo ami wonke ehlukeni; inhliziyi yami injengencino, incibilikile phakathi kwemibilini yami. 15 Amandla ami omile njengodengezi, lolimi lwami lunamathele emihlathini yami; ungibeke ethulini lokufa. 16 Ngoba izinja zingigombolozele; inhlangano yababi ingihlanqile; izandla zami lenyawo zami bazibhobozile. 17 Ngingabala wonke amathambo ami; bona bayakhangele bayangijolozela. 18 Babelana izigqoko zami, benza inkatho yokuphosa ngezembatho zami. 19 Kodwa, wena Nkosi, ungabi khatshana; mandla ami, phangisa ukungisiza. 20 Khulula umphefumulo wami kuyo

inkemba, wona wodwa owami emandleni enja. **21** Ngisindisa emlonyeni wesitlwane; ngoba empondweni zezinyathi ungiphendule. **22** Ngizalandisa ibizo lakho kubafofowethu, phakathi kwebandla ngizakudumisa. **23** Lina elesaba iNkosi, idumiseni; lonke nzalo kaJakobe, ihlonipheni; liyesabe, lonke nzalo kaIsrayeli. **24** Ngoba kayidelelanga kayinengwanga yinhlupheko yohluphekayo; njalo kayimfihlelanga ubuso bayo; kodwa lapho ekhala kuyo, yezwa. **25** Indumiso yami izakuba ngawe ebandleni elikhulu; ngizakhokha izifungo zami phambi kwabayesabayo. **26** Abamnene bazakudla basuthe; bazayidumisa iNkosi labo abayidingayo. Inhliziyo yenu izaphila kuze kube phakade. **27** Imikhawulo yonke yomhlaba izakhumbula, iphendukele eNkosini; lezizukulwana zonke zezizwe zizakhonza phambi kwakho. **28** Ngoba umbuso ngoweNkosi, njalo iyabusa phakathi kwezizwe. **29** Bonke abakhulupheleyo bomhlaba bazakudla bakhonze; bonke abehlela othulini bazakhothama phambi kwayo, longagcini umphefumulo wakhe uphila. **30** Inzalo izayikhonza; izabalelwa eNkosini kuso isizukulwana. **31** Bazakuza bamemezele ukulunga kwayo ebantwini abazazalwa, ukuthi ikwenzile.

23 INkosi ingumelusi wami, kangiyikuswela. **2** Iyangilalisa emadlalelweni aluhlaza; iyangiholela emanzini okuphumula. **3** Ibuyisa umphefumulo wami, ingiholele endleleni zokulunga ngenxa yebizo layo. **4** Yebo, loba ngihamba esihotsheni sethunzi lokufa, kangiyikwesaba okubi, ngoba wena ulami; intonga yakho lodondolo lwakho, khona kuyangiduduza. **5** Uyalungisa itafula phambi kwami ngaphambi kwezitha zami; ugoba ikhanda lami ngamafutha, inkezo yami iyaphuphuma. **6** Isibili okuhle lesihawu kuzangilandela insuku zonke zempilo yami; njalo ngizahlala endlini yeNkosi kuze kube nininini.

24 Umhlaba ngoweNkosi, lokugcwala kwawo, ilizwe, labahlala kulo. **2** Ngoba yona yawusekela phezu kwezintwandle, yawumisa phezu kwemifula. **3** Ngubani ozakwenyukela entabeni yeNkosi? Kumba ngubani ozakuma endaweni yayo engcwele? **4** Ngulowo olezandla ezihlanzekileyo lenhliziyo emhlophe, ongaphakamiseli umphefumulo wakhe kokuyize longafungi ngenkohliso. **5** Uzakwemukela isibusiso eNkosini, lokulunga kuNkulunkulu wosindiso lwakhe. **6** Lesi yisizukulwana salabo abayidingayo, abadinga ubuso bakho, ngitsho Jakobe. (Sela) **7** Phakamisani inhloko zenu, lina masango, phakanyiswani, lina minyango yaphakade, ukuze kungene iNkosi yenkazimulo. **8** Ingubani iNkosi yenkazimulo? INkosi elamandla leliqhawe, iNkosi elamandla empini. **9** Phakamisani inhloko zenu, lina masango, yebo, phakamani, lina minyango yaphakade, ukuze kungene iNkosi yenkazimulo. **10** Ingubani iNkosi yenkazimulo? INkosi yamabandla, yiyo eyiNkosi yenkazimulo. (Sela)

25 Kuwe, Nkosi, ngiphakamisela umphefumulo wami. **2** Nkulunkulu wami, ngithembela kuwe; kangingayangeki; izitha zami kazingathokozi phezu kwami. **3** Yebo, kungayangeki loyedwa kulabo abakulindelayo; kabayangeke labo abaphambukayo kungelasizatho. **4** Ngazisa izindlela zakho, Nkosi, ungifundise imikhondo yakho. **5** Ngikhokhelela eqinisweni lakho, ungifundise, ngoba unguNkulunkulu wosindiso lwami; ngilindele wena usuku lonke. **6** Khumbula izihawu zakho, Nkosi, lobubele bakho, ngoba kwakukhona kusukela phakade. **7** Ungazikhumbuli izono zobutsha bami leziphambeko zami; ngokomusa wakho wena ungikhumbule, ngenxa yokulunga kwakho, Nkosi. **8** INkosi ilungile iqondile; ngakho-ke izazifundisa izoni ngendlela. **9** Izabakhokhela abathobekileyo ekwahlulelweni, ibafundise abathobekileyo indlela yayo. **10** Zonke indlela zeNkosi zingumusa leqiniso kulabo abalondoloza isivumelwano sayo lezifakazelo zayo. **11** Ngenxa yebizo lakho, Nkosi, thethelela isiphambeko sami, ngoba sikhulu. **12** Nguwuphi umuntu owesaba iNkosi? Izamfundisa ngendlela ezayikhetha. **13** Umphefumulo wakhe uzahlala ebuhleni, lenzalo yakhe izalidla ilifa lelizwe. **14** Imfihlo yeNkosi ingeyabayesabayo, izabazisa isivumelwano sayo. **15** Amehlo ami ahlala eseNkosini, ngoba yiyo ezakhupha inyawo zami embuleni. **16** Phendukela kimi, ube lomusa kimi, ngoba ngilesizungu, ngihluphekile. **17** Inkathazo zenhliziyo yami zanda, ungikhuphe ezinhluphekweni zami. **18** Khangela inhlupeko yami losizi lwami, uthethelele zonke izono zami. **19** Khangela izitha zami ngoba zinengi, ziyangizonda ngenzondo elesihluku. **20** Londoloza umphefumulo wami, ungikhulule; kangingayangeki, ngoba ngiphephela kuwe. **21** Ubuqotho lokuqonda kakungilondoloze, ngoba ngilindele wena. **22** Nkulunkulu, hlenga ulsrayeli kuzo zonke inkathazo zakhe.

26 Ngahlulela, Nkosi, ngoba mina ngihambe ngobuqotho bami, njalo ngithembela eNkosini, angiyikutshela. **2** Ngihlola, Nkosi, ungilinge, uhlole izinso zami lenhliziyo yami. **3** Ngoba uthandolomusa wakho luphambi kwamehlo ami, njalo ngihambe eqinisweni lakho. **4** Kangihlalanga labantu benkohliso, kangihambelani labazenzisayo. **5** Ngiyizondile inhlango yabenzi bobubi, kangihlali lababi. **6** Ngizageza izandla zami ngokungelacala, ngizingelezele ilathi lakho, Nkosi. **7** Ukuze ngizwakalise ngelizwi lokubonga, lokuze ngilandise zonke izenzo zakho ezimangalisayo. **8** Nkosi, ngiyayithanda inhlalo yendlu yakho, lendawo yokuhlala yenkazimulo yakho. **9** Ungabuthi umphefumulo wami kanye lezoni, kumba impilo yami kanye labantu abomele igazi. **10** Ozandla zabo zilobubi, lesandla sabo sokunene sigcwele izivalamlomo. **11** Kodwa mina ngizahamba ngobuqotho bami; ngihlenga, ube lomusa kimi. **12**

Unyawo lwami lumi endaweni elingeneyo; ngizayidumisa iNkosi emabandleni.

27 INkosi iyikukhanya kwami losindiso lwami; ngizakwesaba bani? INkosi ingamandla empilo yami; ngizakwethuka bani? **2** Lapho ababi, izitha zami labamelana lami, besondela kimi ukudla inyama yami, bona bakhubeka bawa. **3** Loba ibutho lingamisa inkamba limelene lami, inhliziyi yami kayiyikwesaba; loba impi ingangivukela, kulokhu ngizathemba. **4** Into yinye engiyicela eNkosini, yiyo engizayidinga, yikuthi ngihlale endlini yeNkosi insuku zonke zempilo yami, ukuze ngibone ubuhle beNkosi, ngibuzisise ethempelini layo. **5** Ngoba izangifihla edumbeni layo ngosuku lobubi, ingifihle ekusithekeni kwethente layo, ingiphakamisele edwaleni. **6** Khathezi-ke ikhanda lami lizaphakanyiswa phezu kwezitha zami ezingihanqileyo; ngakho ngizanikela iminikelo yokuthaba ethenteni layo; ngizahlabela, yebo ngihlabele indumiso eNkosini. **7** Zwana, Nkosi, ilizwi lami lapho ngikhala, njalo unghawukele, unghiphendule. **8** Uthe: Dingani ubuso bami. Inhliziyi yami yathi kuwe: Ubuso bakho, Nkosi, ngizabudinga. **9** Ungangifihleli ubuso bakho; ungayixotshi inceku yakho ngokuthukuthela; ubulusizo lwami; ungangitshiyi, ungangideli, Nkulunkulu wosindiso lwami. **10** Lapho umama lobaba bengitshiya, khona iNkosi izangemukela. **11** Ngifundisa indlela yakho, Nkosi, unghokhele endleleni eqondileyo, ngenxa yezitha zami. **12** Unganginikeli entandweni yezitha zami, ngoba abafakazi bamanga bangivukele, lovutha isihluku. **13** Ngangizaphela ngaphandle kokuthi ngakholwa ukuthi ngizabona okuhle kweNkosi elizweni labaphilayo. **14** Lindela iNkosi, ube lamandla, lenhliziyi yakho iqine, yebo, lindela iNkosi.

28 Ngiyakhala kuwe, Nkosi; dwala lami, ungangithuleli, hlezi nxa unghithulela, ngifanane labehlela emgodini. **2** Zwana ilizwi lokuncenga kwami lapho ngikhala kuwe, lapho ngiphakamisela izandla zami endaweni yakho yelizwi engcwele. **3** Ungangihuduli kanye lababi njalo kanye labenzi bobubi, abakhuluma ukuthula labomakhelwane babo, kodwa ububi busenhliziyweni yabo. **4** Ubanike njengokwenza kwabo, lanjengobubi bezenzo zabo; ubanike njengokomsebenzi wezandla zabo, ubabuyisele isenzo sabo. **5** Ngoba kabayinanzi imisebenzi yeNkosi lokwenza kwezandla zayo, izababhidliza ingabakhi. **6** Kayibongwe iNkosi, ngoba ilizwile ilizwi lokuncenga kwami. **7** INkosi ingamandla ami lesihlangu sami; inhliziyi yami ithembela kuyo, ngiyasizwa; ngakho inhliziyi yami iyathokoza, ngiyidumise ngengoma yami. **8** INkosi ingamandla abo, njalo iyingqaba yezinsindiso zogcotshweyo wayo. **9** Sindisa abantu bakho, ubusise ilifa lakho, beluse, ubaphakamise kuze kube nininini.

29 Inikeni iNkosi, lina madodana abalamandla, inikeni iNkosi udumo lamandla. **2** Inikeni iNkosi udumo lwebizo layo, likhothame eNkosini ebuhleni bobungcwele. **3** Ilizwi leNkosi liphezu kwamanzi; uNkulunkulu wenkazimulo uyaduma; iNkosi iphezu kwamanzi amanengi. **4** Ilizwi leNkosi ilamandla, ilizwi leNkosi lilobukhosi. **5** Ilizwi leNkosi lephula imisedari, yebo, iNkosi yephula imisedari yeLebhanoni. **6** Yenza yona-ke iqolotshe njengethole, iLebhanoni leSiriyoni njengethole lenyathi. **7** Ilizwi leNkosi lidabula amalangabi omliho. **8** Ilizwi leNkosi lizamamazisa inkangala, iNkosi izamazisa inkangala yeKadeshi. **9** Ilizwi leNkosi lizalisa izimpala, lihlabule amahlathi; lethempelini layo konke kuthi: Udumo. **10** UJehova uhlezi phezu kukazamcolo, yebo, uJehova uhlezi eyiNkosi kuze kube nininini. **11** INkosi izanika abantu bayo amandla; iNkosi ibusise abantu bayo ngokuthula.

30 Ngizakuphakamisa, Nkosi, ngoba ungenyusile, njalo kawuthokozisanga izitha zami ngami. **2** Nkosi Nkulunkulu wami, ngakhalela kuwe, wangisilisa. **3** Nkosi, uwukhuphulile umphefumulo wami engcwabeni, ungcinile ngiphila, ukuze ngingehleli emgodini. **(Sheol h7585)** **4** Hlabelani eNkosini, lina bangcwele bayo, libonge ekukhunjulweni kobungcwele bayo. **5** Ngoba ukuthukuthela kwayo kungokwesikhatsana, impilo isemuseni wayo. Ukulila kungahlala kusihlwa, kanti ekuseni kulentokoza. **6** Mina-ke ngathi ekuphumeleleni kwami: Kangiyikunyikinywa laphakade. **7** Nkosi, ngomusa wakho wenzile intaba yami iqine; wabufihla ubuso bakho, ngahlupheka. **8** Ngakhala kuwe, Nkosi; ngancenga eNkosini. **9** Kulenzuzo bani egazini lami ekutshoneni kwami emgodini? Uthuli luzakudumisa na? Luzatshumayela iqiniso lakho yini? **10** Zwana, Nkosi, ube lomusa kimi; Nkosi, woba ngumsizi wami. **11** Uphendule ukukhala kwami kwaba yikusina; ukhuphile isaka lami, wangibhincisa intokoza, **12** ukuze udumo lwami luhlabele indumiso kuwe, lungathuli; Nkosi, Nkulunkulu wami, ngizakubonga kuze kube nininini.

31 Kuwe, Nkosi, ngiyathemba, kangingayangeki lanini, ngikhulule ngokulunga kwakho. **2** Beka kimi indlebe yakho, ngikhulule masinyane, ube lidwala elilamandla kimi, indlu yezinqaba yokungisindisa. **3** Ngoba wena ulidwala lami lenqaba yami; ngakho ngenxa yebizo lakho ngikhokhela ungiqondise. **4** Ngikhupha embuleni abangithiye ngalo ensitha, ngoba uyingqaba yami. **5** Esandleni sakho ngibeka umoya wami; unghlengile, Nkosi, Nkulunkulu weqiniso. **6** Ngibazonidile labo abananzelela okuyize kwamanga; kodwa mina ngithembela eNkosini. **7** Ngizathaba ngithokoze emuseni wakho, ngoba ubonile uhlu pho lwami, wazile umphefumulo wami ezinkathazweni. **8** Njalo kawungivalelanga esandleni sesitha, umise inyawo zami endaweni ebanzi. **9** Woba lomusa kimi,

Nkosi, ngoba ngilohlupho; ilihlo lami liqedwa lusizi, umphefumulo wami lesisu sami. 10 Ngoba impilo yami iphela ngosizi, leminyaka yami ngokububula; amandla ami ayadeda ngenxa yeziphambeko zami, lamathambo ami ayaqedwa. 11 Sengilahlazo phakathi kwazo zonke izitha zami, kodwa ikakhulu kwabakhelene lami, sengiyikwesabeka kwabangejwayeleyo; abangibonayo ngaphandle bayangibalekela. 12 Bakhohlwe ngami njengofileyo enhliziyweni; nginjengesitsha esifileyo. 13 Ngoba ngizwile ukunyunda kwabanengi, ukwesaba inhlangothi zonke, becebisana bemelene lami, beceba ukuthatha impilo yami. 14 Kodwa mina ngithemba kuwe, Nkosi, ngithi: UguNkulunkulu wami. 15 Izikhathi zami zisesandleni sakho; ngikhulula esandleni sezitha zami lakwabangizingelayo. 16 Khanyisa ubuso bakho phezu kwenceku yakho; ungisindise ngothando lwakho. 17 Nkosi, kangingayangeki, ngoba ngikubizile; kabayangeke ababi, bathule engcwabeni. (Sheol h7585)

18 Kazithuliswe indebe zamanga, ezikhuluma kalukhuni zimelene lolungileyo ngokuzigqaja langokweyisa. 19 Kukhulu kangakanani ukulunga kwakho, okubekele labo abakwesabayo, okwenzela labo abathembela kuwe, phambi kwabantwana babantu! 20 Uzabafihla ekusithakeni kobukhona bakho basuke kumagobe omuntu, ubafihle ethenteni ekuphikisaneni kwenlimi. 21 Kayibongwe iNkosi, ngoba ingenzele uthando olumangalisayo emzini oyingqaba. 22 Ngoba mina ngathi ekuphangiseni kwami: Ngiquunyiwe ngasuswa phambi kwamehlo akho. Loba kunjalo uzwile ilizwi lokuncenga kwami ekukhaleni kwami kuwe. 23 Ithandeni iNkosi lonke bangcwele bayo. INkosi ilondoloza abathembekileyo, iqamphindisela kakhulukazi owenze ngokuzigqaja. 24 Qinani, izaqinisa inhliziyu yenu, lina lonke elithembela eNkosini.

32 Ubusisiwe lowo osiphambeko sakhe sithethelelwe, osono sakhe sisitshelwe. 2 Ubusisiwe umuntu iNkosi engambaleli ububi, lokungekho inkohliso emoyeni wakhe. 3 Lapho ngathula, amathambo ami aguga ngenxa yokubhonga kwami usuku lonke. 4 Ngoba emini lebusuku isandla sakho sasinzima phezu kwami; ubumanzi bami baguqulelwa ekomeni kwehlobo. (Sela) 5 Ngakwazisa isono sami, kangifihlanga isiphambeko sami, ngathi: Ngizavuma ngeziphambeko zami eNkosini. Wena wasuthethelela icala lesono sami. (Sela) 6 Ngenxa yalokhu ngulowo lalowo owesaba uNkulunkulu uzakhuleka kuwe ngesikhathi ongatholwa ngaso. Isibili, esikhukhuleni samanzi amakhulu kawayikufinyelela kuye. 7 Wena uyindawo yami yokucatsha, uyangilondoloza ekuhluphekeni, ungiqhahle ngamahubo okukhululwa. (Sela) 8 Ngizakulaya ngikufundise endleleni ozahamba ngayo, ngizakweluleka, ilihlo lami libe phezu kwakho. 9 Ungabi njengebhiza, njengembongolo engelakuqedisisa, omlomo wayo onqandwa ngomkhala langetomu, hlezi kusondele kuwe. 10 Zinengi izinhupheko zomubi, kodwa

othembela eNkosini, umusa uzamphahla. 11 Jabulani eNkosini, lithabe, balungileyo; memezani ngokuthaba, lonke baqotho enhliziyweni.

33 Thokozani eNkosini, balungileyo. Ukudumisa kubafanele abaqotho. 2 Dumisani iNkosi ngechacho, lihlabelele kuyo ngogubhu olulentambo ezilithshumi. 3 Ihlabeleni ingoma entsha, litshaye kuhle ngenhlokomo. 4 Ngoba ilizwi leNkosi liqotho, lomsebenzi wayo wonke ngowobuqotho. 5 Ithanda ukulunga lesahlulelo; umhlaba ugcwele umusa weNkosi. 6 Ngelizwi leNkosi amazulu enziwa, lalo lonke ibutho lawo ngomoya womlomo wayo. 7 Ibuthelela amanzi olwandle njengenqumbi, ifake inziki eziphaleni. 8 Umhlaba wonke kawuyesabe iNkosi, bonke abakhileyo bomhlaba kabathuthumele ngayo. 9 Ngoba yona yakhuluma, kwaba khona; yona yalaya, kwema. 10 INkosi ichitha icebo lezizwe, iphuthisa imicabango yabantu. 11 Icebo leNkosi limi kuze kube ninini, imicabango yenhliziyu yayo ezizukulwaneni ngezizukulwana. 12 Sibusisiwe isizwe esiNkulunkulu waso yiNkosi, abantu ebakhethileyo baba yilifa layo. 13 INkosi iyakhangela phansi isemazulwini, ibone bonke abantwana babantu. 14 Isendaweni emisiweyo yokuhlala kwayo ikhangela bonke abakhileyo bomhlaba. 15 Ibumba inhliziyu yabo bonke, inanzelele zonke izenzo zabo. 16 Kayikho inkosi esindiswa yibunengi bebutho, iqhawwe kalikhululwa ngamandla amakhulu. 17 Ibhiza liyize ekunqobeni, njalo kalikhululi ngobukhulu bamandla alo. 18 Khangela, ilihlo leNkosi liphezu kwabayesabayo, kwalabo abathembela emuseni wayo, 19 ukukhulula umphefumulo wabo ekufeni, lokubaphilisa endlaleni. 20 Umphefumulo wethu ulindela iNkosi; ilusizo lwethu lesihlangu sethu. 21 Ngoba inhliziyu yethu izathokoza kuyo, ngoba sithembele ebizweni layo elingcwele. 22 Umusa wakho, Nkosi, kawube phezu kwethu, njengokulindela kwethu kuwe.

34 Ngizayibonga iNkosi ngesikhathi sonke; ukudunyiswa kwayo kuzahlala kusemlonyeni wami. 2 Umphefumulo wami uzazincoma eNkosini; abathobekileyo bazakuzwa bathokoze. 3 Ikhuliseni iNkosi kanye lami, asiliphakamise ibizo layo kanyekanye. 4 Ngayidinga iNkosi, yangiphendula, yasingikhulula kukho konke ukwesaba kwami. 5 Bakhangela kuyo, bakhazimula, libuso babo kabubanga lenhloni. 6 Lo umyanga wakhala, leNkosi yezwa, yasimsindisa kuzo zonke inkathazo zakhe. 7 Ingilosi yeNkosi imisa inkamba izingezelele labo abayesabayo, ibakhulule. 8 Nambithanini libone ukuthi iNkosi ilungile. Ubusisiwe lowomuntu othembela kuyo. 9 Yesabeni iNkosi, bangcwele bayo, ngoba kakulakuswela kwabayesabayo. 10 Izilwane ezintsha ziyaswela zilambe, kodwa labo abayidingayo iNkosi kabasweli lutho oluhle. 11 Wozani, bantwana, lingilalele, ngizalifundisa ukwesaba iNkosi. 12 Ngubani umuntu ofisa impilo, othanda izinsuku ukuthi

abone okuhle? **13** Londa ulimi lwakho kokubi, lendebe zakho ekukhulumeni inkohliso. **14** Suka kokubi, wenze okuhle, dinga ukuthula, kunxwanele. **15** Amehlo eNkosi akwabalungileyo, lezindlebe zayo kukukhala kwabo. **16** Ubuso beNkosi bumelene labenza okubi, ukuquma ukukhunjulwa kwabo kusuke emhlabeni. **17** Bakhala, iNkosi yezwa; iyabakhulula kuzo zonke izinhlupheko zabo. **18** iNkosi iseduze labo abalenziziyo ezehlukileyo, iyabasindisa abalomoya odabukileyo. **19** Zinengi inhlupheko zolungileyo, kodwa iNkosi iyamkhulula kuzo zonke. **20** Iyawagcina wonke amathambo akhe, kakwaphulwa lelilodwa kuwo. **21** Okubi kuzambulala okhohlakeleyo; labazonda olungileyo bazalahlwa. **22** INkosi iyahlenga umphefumulo wenceku zayo; njalo bonke abathemba kuyo kabayikulahlwa.

35 Phikisana, Nkosi, labaphikisana lami, ulwe labalwa lami. **2** Xhakalaza ihawu lesihlangu esikhulu, usukumele usizo lwami. **3** Hwatsha lomkhonto, uvimbe indlela umelane labangizingelayo; tshono emphefumulweni wami ukuthi: Ngilusindiso lwakho. **4** Kabayangeke babe lehlazo labo abadinga umphefumulo wami. Kabahlehliselwe emuva babe lenhloni labo abaceba ububi ngami. **5** Kababe njengamakhoba phambi komoya, lengilosi yeNkosi kayibadudule. **6** Indlela yabo kayibe mnyama itshelele, lengilosi yeNkosi ibaxotshe. **7** Ngoba kungelasizatho bangifihlele imbule labo emgodini, kungelasizatho bawugebhele umphefumulo wami. **8** Ukubhujiswa kakumjume, lembule lakhe alifihileyo kalimbambe yena, awele kulo, ekubhujisweni. **9** Kodwa umphefumulo wami uzathokoza eNkosini, ujabule esindisweni lwayo. **10** Wonke amathambo ami azakuthi: Nkosi, ngubani onjengawe, okhulula umyanga kulowo olamandla kulaye, yebo, umyanga loswelayo komphangayo? **11** Abafakazi bamanga basukuma, bangibuza engingakwaziyo. **12** Bangibuyisela okubi endaweni yokuhle, umphefumulo wami ulahlekelwa. **13** Kanti mina, ekuguleni kwabo isembatho sami sasilisaka, ngathobisa umphefumulo wami ngokuzila ukudla, lomkhuleko wami wabuyela esifubeni sami. **14** Ngahamba ngokungathi ungumngane ngokungathi ungumfowethu; ngikhothome kwezimnyama njengolilela unina. **15** Kodwa ekukhubekeni kwami bathokoza, babuthana ndawonye, abalahliweyo babuthana ndawonye bemelene lami, njalo ngangingakwazi; badabula kabemanga. **16** Kanye lababi abaklodayo edilini, bangidedlela amazinyo abo. **17** Nkosi, uzabukela kuze kube nini? Buyisa umphefumulo wami ekubhuhisweni kwabo, wona wodwa owami emabhongweni ezilwane. **18** Ngizakubonga ebandleni elikhulu, ngikudumise phakathi kwabantu abanengi. **19** Bangajabuli ngami abayizitha zami ngamanga, kabangangificeli ilihlo labo abangizonda ngeze. **20** Ngoba kabakhulumi ukuthula, kodwa baceba amazwi enkohliso bemelene labachumileyo emhlabeni. **21** Kanti bangikhamisela kakhulu umlomo wabo bathi: Aha, aha,

ilihlo lethu likubonile! **22** Nkosi, usukubonile; ungathuli. Nkosi, ungabi khatshana lami. **23** Zivuse, uvukele ilungelo lami, udaba lwami, Nkulunkulu wami leNkosi yami. **24** Ngahlulela, Nkosi Nkulunkulu wami, ngokulunga kwakho; kabangathokozi ngami. **25** Kabangatsho enhliziyweni yabo ukuthi: Hiya, yisifiso sethu! Bangatsho ukuthi: Simgingiyile. **26** Kabayangeke babe lenhloni ndawonye abajabula ngosizi lwami; bembathiswe ngenhloni lehlazo labo abazikhukhumeza ngami. **27** Kabamemeze ngenjabulo bathabe abaloyisa ukulunga kwami, yebo kabatsho njalorjaloukuthi: Kayikhuliswe iNkosi ethokoza ngokuhlala kuhle kwenceku yayo. **28** Lolimi lwami luzakuhluma ukulunga kwakho, usuku lonke indumiso yakho.

36 Kulenkulumo yesiphambeko kokhohlakeleyo; ngaphakathi kwenhliziyo yami ngathi: Kakukho ukwesaba uNkulunkulu phambi kwamehlo akhe. **2** Ngoba uyazikhohlisa emehlweni akhe, ububi bakhe buze butholakale buzondeka. **3** Amazwi omlomo wakhe ayibubi lenkohliso; uyekele inhlanakipho ukwenza okuhle. **4** Uceba okubi embhedeni wakhe, azimise endleleni engalunganga, kakwali okubi. **5** Nkosi, umusa wakho usemazulwini, uthembeko lwakho luze lufike emayezini. **6** Ukulunga kwakho kunjengezintaba zikaNkulunkulu, izahlulelo zakho ziyinziki enkulu; uyalandoloza umuntu lenyamazana, Nkosi. **7** Luligugu kangakanani uthandolomusa wakho, Nkulunkulu! Ngakho abantwana babantu baphephela emthunzini wempiko zakho. **8** Bazasutha kakhulu ngamanono endlu yakho, ubanathise okomfula wentokoza yakho. **9** Ngoba ukuwe umthombo wempilo; ekukhanyeni kwakho sizabona ukukhanya. **10** Luqhubele phambili uthandolomusa wakho kulabo abakwaziyo, lokulunga kwakho kubo abaqotho enhliziyweni. **11** Unyawo lwabazigqajayo lungezi kimi, lesandla sababi singangixotshi. **12** Nampo abenzi bobubi sebewile, bawiselwe phansi, kabalakuvuka.

56 Itsho njalo iNkosi: Gcinani isahlulelo, lenze ukulunga, ngoba usindiso lwami luseduze ukuthi lufike, lokulunga kwami ukuthi kubonakaliswe. 2 Ubusisiwe umuntu owenza lokhu, lendodana yomuntu ebambeleva kukho; ogcina isabatha engalingcolisi, egcina isandla sakhe ukuthi singenzi loba yikuphi okubi. 3 Kayingakhulumi-ke indodana yoweziweni, ezihlanganise leNkosi, isithi: INkosi ingehlukanise ngokupheleleyo labantu bayo; lomthenwa kangathi: Khangela ngiyisihlahla esomileyo. 4 Ngoba itsho njalo iNkosi kubathenwa abagcina amasabatha ami, abakhetha engikuthandayo, lababambeleva esivumelwaneni sami: 5 Ngizabanika labo endlini yami langaphakathi kwemiduli yami indawo lebizozingcono kulelamadodana lakulelamadodakazi; ngizabanika ibizo elingapheliyo, elingayikuqunywa. 6 Lamadodana awemzini azihlanganisa leNkosi ukuyikhonza lokuthanda ibizo leNkosi, ukuba zinceku zayo, wonke ogcina isabatha engalingcolisi, lababambeleva esivumelwaneni sami; 7 lalabo ngizabaletha entabeni yami engcwele, ngibathokozise endlini yami yomkhuleko; iminikelo yabo yokutshiswa lemihlatshelo yabo kuzakwemukeleka phezu kwelathi lami, ngoba indlu yami izabizwa ngokuthi yindlu yomkhuleko yabantu bonke. 8 INkosi uJehova oqoqa abaxotshiwewo bakolsrayeli uthi: Ngisezabuthela abanye kuye ngaphandle kwababuthiweyo bakhe. 9 Lina lonke zilo zeganga, wozani lidle, lina lonke zilo eziseguswini. 10 Abalindi bakhe bayiziphofu, bonke bakalalwazi; bonke bayizinja eziyizimungulu, bangeke bakhonkothe; balele, bacambalele, bathanda ukuwozela. 11 Yebo bayizinja ezihahayo, ezingasoze zisuthe; njalo bangabelusi abangakwaziyo ukuqedisisa; bonke baphendukela kweyabo indlela, ngulowo lalowo enzuzweni yakhe ephethelweni lakhe. 12 Uthi: Wozani, ngizaletha iwayini, sinathe kakhulu okunathwayo okulamandla; lekusasa izakuba njengalamuhla, kwengezelelwe ngokukhulakazi.

57 Olungileyo uyabhubha, njalo kakulamuntu okubeka enhliziyweni; njalo abantu abalomusa bayasuswa, engekho okunanzayo ukuthi olungileyo ususiwe ngaphambi kobubi. 2 Uzangena ekuthuleni. Bazaphumula emibhedeni yabo, ngulowo lalowo ehamba ebuqothweni bakhe. 3 Kodwa lina sondelani lapha, madodana omthakathikazi, nzalo yesifebe, lawe wule. 4 Lidlala limelene lobani? Livulela bani umlomo ube banzi, likhupha ulimi? Alisibantwana besiphambeko yini, inzalo yenkohliso, 5 lizitshisa phakathi kwezihlahla zama- okhi ngaphansi kwaso sonke isihlahla esiluhlaza, libulalela abantwana ezihotsheni ngaphansi kwezingoxo zamadwala? 6 Isabelo sakho siphakathi kwamatshe abutshelazi esifula; wona, wona ayinkatho yakho; njalo kiwo uthululele umnikelo wokunathwayo, waletsa umnikelo wokudla. Ngizazisola ngalezizinto yini? 7 Phezu kwentaba ende lephakemeyo ubekile umbheda wakho; ngitsho lapho wenyukela khona ukuyanikela umhlatshelo. 8 Langemva kwesivalo lensika yomnyango wabeka isikhumbuzo sakho; ngoba uzivezile komunye kulakimi, wenyuka, waqhelisa umbheda wakho, wazenzela isivumelwano labo; wathanda umbheda wabo lapho uwubona. 9 Waya enkosini ulamafutha, wandisa amakha akho, wathuma izithunywa zakho khatshana, wazehlisele esihogweni. (Sheol h7585) 10 Wadinwa yibukhulu bendlela yakho, kodwa kawutshongo ukuthi: Kakulathemba; wathola impilo yesandla sakho, ngakho-ke kawuphelanga amandla. 11 Njalo wesaba bani watshaywa luvalo, ukuthi uqambe amanga, ungangikhumbuli, ungakufaki enhliziyweni yakho? Kangithulanga yini ngitsho kwasendulo, njalo mina ungangesabi? 12 Mina ngizamezela ukulunga kwakho, lemisebenzi yakho; ngoba kakuyikukusiza. 13 Lapho ukhala, amaxuku akho kawakukhulule! Kanti umoya uzawaphephula wonke, ize lizawathatha. Kodwa othemba kimi uzakudla ilifa lelizwe, adle ilifa lentaba yami engcwele. 14 Azakuthi: Buthelelani, buthelelani, lungisani indlela, susani isikhubekiso endleleni yabantu bami. 15 Ngoba utsho njalo ophezulu lophakemeyo, ohlala ephakadeni, obizo lakhe lingoNgcwele, uthi: Ngihlala endaweni ephakemeyo lengcwele, njalo kanye laye olomoya odabukileyo lozithobayo, ukuvuselela umoya wabathobekileyo, lokuvuselela inhliziyi yabadabukileyo. 16 Ngoba kangiyikulwisa kuze kube phakade, kangiyikuthukuthela njalonjalo; ngoba umoya ungangaphela amandla phambi kwami, lemiphfumulo mina engiyenzileyo. 17 Ngenxa yobubi bokufisa kwakhe ngathukuthela, ngamtsheya, ngazifihla, ngathukuthela; kodwa waqhubeka ehlubuka ngendlela yenhliziyi yakhe. 18 Ngizibonile izindlela zakhe, njalo ngizamsilisa, ngimkhokhele, ngibuyisele izinduduzo kuye labalilayo bakhe. 19 Ngidala izithelo zezindebe; ukuthula, ukuthula kokhatshana loseduze, itsho iNkosi; njalo ngizamsilisa. 20 Kodwa ababi banjengolwandle

olutshukumayo; ngoba kalulakuphumula, lamanzi alo akhafula udaka lengcekeza. **21** Kakulakuthula, utsho uNkulunkulu wami, kwababi.

58 Memeza ngomphimbo, ungayekeli, uphakamise ilizwi lakho njengophondo, utshele abantu bami isiphambeko sabo, lendlu kaJakobe izono zabo. **2** Kanti bayangidinga mina usuku ngosuku, bethokoza ukwazi indlela zami; njengesizwe esenza ukulunga, esingadelanga isimiso sikaNkulunkulu waso, babuza kimi izimiso zokulunga, bathokoza ekusondeleni kuNkulunkulu. **3** Besithi: Kungani sizile ukudla, wena-ke ungaboni? Kungani sihluphe umphefumulo wethu, wena-ke ungakwazi? Khangelani, ngosuku lokuzila kwenu ukudla, lithola intokozo, licindezele zonke izisebenzi zenu. **4** Khangelani, lizila ukudla lisenzela ingxabano lokuphikisana, lokutshaya ngenqindi yenkohlakalo; lingazili ukudla njengalamuhla, ukwenza ilizwi lenu lizwakale phezulu. **5** Kunjalo yini ukuzila ukudla engikukhethileyo? Lusuku lokuthi umuntu ahluphe umphefumulo wakhe yini? Ukuthi akhothamise ikhanda lakhe njengomhlanga, endlale phansi kwakhe isaka lomlatha? Lokhu ungakubiza yini ngokuthi yikuzila ukudla, losuku olwemukelekayo eNkosini? **6** Kayisikho lokhu yini ukuzila ukudla engikukhethileyo: Ukuthukulula izibopho zobubi, ukukhulula imichilo yejogwe, ukuyekela abacindezelweyo bahambe bekhululekile, lokuthi lephule lonke ijogwe? **7** Kayisikho yini ukwabela olambileyo isinkwa sakho, lokungenisa abayanga abayimihambuma endlini, lapho ubona onqunu umembese, lokuthi ungacathsheli inyama yakho? **8** Khona ukukhanya kwakho kuzaqhamuka njengokusa, lokusila kwakho kuhlume masinyane; lokulunga kwakho kuhambe phambi kwakho; inkazimulo yeNkosi ibe ngumvikeli wakho ngasemuva. **9** Khona uzabiza, iNkosi iphendule, uzakhala, ibisisithi: Khangela ngilapha. Uba ususa phakathi kwakho ijogwe, ukukhomba ngomunwe, lokukhuluma okubi, **10** ukhuphele olambileyo umphefumulo wakho, usuthise umphefumulo ohluphekileyo, khona ukukhanya kwakho kuzaphuma emnyameni, lobumnyama bakho kube njengemini enkulu. **11** Njalo iNkosi izakukhokhela njalonjalo, isuthise umphefumulo wakho engwaduleni, iqinise amathambo akho, ube njengesivande esithelelwayo, lanjengomthombo wamanzi, omanzi awo angapheliyo. **12** Labakho bazakwakha amanxiwa amadala; uzavusa izisekelo zezizukulwana ngezizukulwana; uzabizwa ngokuthi: UMvalisikhala, uMbuyiseli wemikhondo yokuhlala. **13** Uba uphendula unyawo lwakho lusuka kusabatha, ungenzi intokozo yakho ngosuku lwami olungcwele; ulibize isabatha ngokuthi yintokozo, olungcwele lweNkosi, oluhloniphekayo; njalo uluhlonipha, ungenzi indlela zakho, ungatholi intokozo yakho, loba ukhulume ilizwi lakho, **14** khona uzazithokozisa eNkosini, ngizakugadisa ezindaweni eziphakemeyo zomhlaba,

ngizakwenza udle ilifa likaJakobe uyihlo; ngoba umlomo weNkosi ukhulumile.

59 Khangela isandla seNkosi kasifinyezwanga ukuthi singasindisi, lendlebe yayo kayinzima ukuthi ingezwa. **2** Kodwa iziphambeko zenu zehlukanisile phakathi kwenu loNkulunkulu wenu, lezono zenu zibusithile ubuso bakhe kini, ukuthi angezwa. **3** Ngoba izandla zenu zingcoliswe ngegazi, leminwe yenu ngenkohlakalo; indebe zenu zikhulume amanga, lolimi lwenu lungunguna ububi. **4** Kakho omemeza ngokulunga, njalo kakho olabhela ngeqiniso; bathemba okuyize, bakhulume amanga; bamitha ububi, bazale isiphambeko. **5** Bachamusela amaqanda enhlangwana, beluke ubulembu besayobe; odla okwamaqanda awo uyafa; lelichotshoziweyo liqhamuka lilibululu. **6** Ubulembu babo kabuyikuba yizembatho, njalo kabayikuzembesa ngemisebenzi yabo. Imisebenzi yabo yimisebenzi yobubi, lesenzo sodlakela sisezandleni zabo. **7** Inyawo zabo zigijimela ebubini; baphangisa ukuchitha igazi elingelacala; imicabango yabo yimicabango yobubi; ukubhubhisa lokuchitha kusezindleni zabo. **8** Indlela yokuthula kabayazi; njalo kakulasahlulelo emikhondweni yabo; bazenzela izindlela zabo ezimazombazombe; loba ngubani ohamba kuzo kayikwazi ukuthula. **9** Ngakho-ke isahlulelo sikhathshana lathi, lokulunga kakusifinyeleli. Silindela ukukhanya, kodwa khangela, ubumnyama; silindela ukukhazimula, kodwa sihamba emnyameni omkhulu. **10** Siphumputha umduli njengeziphofu, siphumpithe kwangathi kasilamehlo; sikhubeke emini enkulu kwangathi kukusihlwa, sisendaweni ezichithekileyo njengabafileyo. **11** Sonke siyabhonga njengamabhere, silile lokulila njengamajuba; silindela isahlulelo, kodwa kasikho; losindiso, kodwa lukhathshana lathi. **12** Ngoba iziphambeko zethu zandile phambi kwakho, lezono zethu zifakaza zimelene lathi; ngoba iziphambeko zethu zilathi, lobubi bethu siyabazi; **13** ukuphambuka, lokuqambela iNkosi amanga, lokusuka ekulandeleni uNkulunkulu wethu, ukukhuluma incindezelo lokuhlamlaka, ukukhulelwa lokukhuluma amazwi amanga aphuma enhliziyweni. **14** Ngakho isahlulelo sibuyiselwa emuva, lokulunga kumi khatshana; ngoba iqiniso liyakhubeka esitaladeni, lobuqotho kabulakungena. **15** Yebo, iqiniso liyasilela, lowehlukana lobubi uzenza impango. INkosi yasikubona, njalo kwaba kubi emehlweni ayo ukuthi kakulasahlulelo. **16** Yasibona ukuthi kwakungelamuntu, yamangala kakhulu ukuthi kwakungelamlamuli; ngakho ingalo yayo yaletha usindiso kuye, lokulunga kwayo khona kwamsekela. **17** Ngoba yembatha ukulunga njengebhatshi lensimbi, lengowane yosindiso ekhanda layo; yembatha izembatho zempindiselo njengesembatho, yazembesa ukutshiseka njengejazi. **18** Njengokwezzenzo, ngokunjalo izaphindisela, ulaka kwabamelana layo, umvuzo ezitheni zayo; ezihlengi ubayuyisela umvuzo. **19** Ngokunjalo

bazalesaba ibizo leNkosi kusukela entshonalanga, lodumo lwayo kusukela lapho okuphuma khona ilanga. Lapho isitha sizangena njengomfula, uMoya weNkosi uzaphakamisa isiboniso esimelene laso. 20 LoMhlengi uzafika eZiyoni, lakulabo abaphenduka eziphambekweni koJakobe, itsho iNkosi. 21 Mina-ke, lesi yisivumelwano sami labo, itsho iNkosi: UMoya wami ophezu kwakho, lamazwi ami engiwafake emlonyeni wakho, kawayikusuka emlonyeni wakho, lemlonyeni wenzalo yakho, lemlonyeni wenzalo yenzalo yakho, itsho iNkosi, kusukela khathezi kuze kube phakade.

60 Vuka, ukhanye, ngoba ukukhanya kwakho kufikile, lodumo lweNkosi luphume phezu kwakho. 2 Ngoba khangelana, umnyama uzasibekela umhlaba, lomnyama omkhulu izizwe; kodwa iNkosi izaphuma phezu kwakho, lodumo lwayo luzabonakala phezu kwakho. 3 Labezizwe bazakuza ekukhanyeni kwakho, lamakhosi ekukhazimuleni kokuphuma kwakho. 4 Phakamisa amehlo akho inhlangothi zonke, ubone; bonke bayabuthana, beze kuwe; amadodana akho azavela khatshana, lamadodakazi akho azakondliwa eceleni. 5 Khona uzabona, ugeleze ndawonye, lenhliziyo yakho izakwesaba, yenziwe banzi; ngoba ubunengi bolwandle buzaphendulelwa kuwe, amabutho ezizwe azakuza kuwe. 6 Ubunengi bamakamela buzakwembesa, amakamela amatsha eMidiyani leEfa; wonke evela eShebha azakuza; azaletsa igolide lempepha, amemezele indumiso zeNkosi. 7 Yonke imihlambi yeKedari izabuthelwa kuwe; izinqama zeNebayothi zizakukhonza; zizakuza ngokwemukeleka phezu kwelathi lami, njalo ngizadumisa indlu yodumo lwami. 8 Ngobani laba abandiza njengeyezi, lanjengamajuba esiya emawindini awo? 9 Qotho izihlengi zizangilindela, lemikhumbi yeThashishi kuqala, ukuletha amadodana akho evela khatshana, isiliva sawo legolide lawo kanye lawo, kulo ibizo leNkosi uNkulunkulu wakho, lakoNgcwele kalsrayeli, ngoba ukudumisile. 10 Lamadodana abezizwe azakwakha imiduli yakho, lamakhosi abo akukhonze; ngoba elakeni lwami ngakutshaya, kodwa ngomusa wami ngikuhawukele. 11 Njalo amasango akho azahlala evulekile, emini lebusuku kawayikuvalwa, ukuze bakulethele inotho yabezizwe, lamakhosi azo alethwe. 12 Ngoba isizwe lombuso okungayikukukhonza kuzabhubha; yebo, lezozizwe zizaphela nya. 13 Udumo lweLebhanoni luzakuza kuwe, isihlahla sefiri, umangwe, lomsayiphuresi kanyekanye, ukucecisa indawo yendlu yami engcwele; njalo ngizakwenza indawo yenyawo zami ikhazimule. 14 Amadodana lawo awabakucindezelayo azakuza kuwe akhothame; labo bonke abakudelelayo bazakhothamela kungaphansi yezinyawo zakho, bakubize ngokuthi umuzi weNkosi, iZiyoni yoNgcwele kalsrayeli. 15 Esikhundleni sokuthi wawutshiyiwe, wazondwa, okokuthi kwakungekho odabula phakathi kwakho, ngizakwenza ube ludumo

laphakade, intokozo yezizukulwana ngezizukulwana. 16 Uzamunya futhi uchago lwabezizwe, yebo, umunye amabele amakhosi; njalo uzakwazi ukuthi mina Nkosi nginguMsindisi wakho loMhlengi wakho, oLamandla kaJakobe. 17 Endaweni yethusi ngizaletsa igolide, lendaweni yensimbi nglethe isiliva, lendaweni yesigodo ithusi, lendaweni yamatshe insimbi. Ngizakwenza futhi ababonisi bakho babe yikuthula, labacindezeli bakho babe yikulunga. 18 Udlakela kalusayikuzwakala elizweni lakho, ukuchitheka lokubhubhisa phakathi kwemingcele yakho; kodwa uzabiza imiduli yakho ngokuthi luSindiso, lamasango akho iNdumiso. 19 Ilanga kalisayikuba yikukhanya kuwe emini, lenyanga kayisayikukhanyisela kube yikukhazimula; kodwa iNkosi izakuba yikukhanya okulaphakade kuwe, loNkulunkulu wakho abe ludumo lwakho. 20 Ilanga lakho kalisayikutshona, lenyanga yakho kayiyikuhlehlela nyovane; ngoba iNkosi izakuba yikukhanya kwakho okulaphakade, lensuku zokulila kwakho zizaphela. 21 Njalo abantu bakho bonke bazakuba ngabalungileyo, badle ilifa lelizwe kuze kube laphakade, ugatsha lokuhlanyela kwami, umsebenzi wezandla zami, ukuze ngidunyiswe. 22 Omncinyane uzakuba yinkulungwane, lomncane abe yisizwe esilamandla. Mina Nkosi ngizakuphangisisa ngesikhathi sakhe.

61 UMoya weNkosi uJehova uphezu kwami, ngoba iNkosi ingigcobile ukuthi ngitshumayele indaba ezinhle kwabamnene; ingithumile ukubopha abalenhliziyo ezidabukileyo, ukumemezela inkululeko kwabathunjweyo, lokuvulwa kwentolongo kwababotshiweyo; 2 ukumemezela umnyaka owemukelekayo weNkosi, losuku lwempindiselo lukaNkulunkulu wethu; ukududuzwa bonke abalilayo; 3 ukumisa kwabalilayo beZiyoni, ukubanika ubuhle esikhundleni somlatha, amafutha enjabulo endaweni yokulila, isembatho sendumiso endaweni yomoya obuthakathaka; ukuze babizwe ngokuthi yizihlahla ezinkulu zokulunga, ukuhlanyelwa kweNkosi, ukuze idunyiswe. 4 Njalo bazakwakha amanxiwa amadala, bavuse izincithakalo zakuqala, balungise imizi engamanxiwa, izincithakalo zezizukulwana ngezizukulwana. 5 Labezizwe bazakuma beluse imihlambi yenu, lamadodana awemzini abe ngabalimi benu labaphathi benu bezivini. 6 Kodwa lina lizabizwa ngokuthi lingabaPristi beNkosi; lithiwe liyiziKhonzi zikaNkulunkulu wethu; lizakudla inotho yabezizwe, lizincome ngodumo lwazo. 7 Esikhundleni sehlahlo lenu lizakuba lokuphindwe kabili; langokuyangeka bazajabula ngesabelo sabo; ngakho elizweni labo bazafuya okuphindwe kabili, intokozo elaphakade ibe ngeyabo. 8 Ngoba mina Nkosi ngithanda isahlulelo; ngizonda impango emhlatshelweni otshiswayo; njalo ngizanika umvuzo wabo ngeqiniso, ngenze labo isivumelwano esilaphakade. 9 Lenzalo yabo izakwaziwa

phakathi kwabezizwe, lembewu yabo phakathi kwabantu; bonke abababonayo bazabazi ukuthi bayinzalo iNkosi eyibusisileyo. **10** Ngizathokoza lokuthokoza eNkosini; umphefumulo wami uzajabula kuNkulunkulu wami; ngoba unggqokise izembatho zosindiso; ungebese ngebhatshi lokulunga, njengomyeni ezicecise ngesiceciso sobukhosi, lanjengomakoti ezicecise ngokuligugu kwakhe. **11** Ngoba njengomhlaba uveza ihlumela lawo, lanjengesivande sikhulisa okuhlanyelweyo kiso, ngokunjalo iNkosi uJehova izakwenza ukulunga lodumo kuhlume phambi kwezizwe zonke.

62 Ngenxa yeZiyoni kangiyikuthula, langenxa yeJerusalema kangiyikuphumba, kuze kuphume ukulunga kwayo njengokukhanya, losindiso lwayo njengesibane esivuthayo. **2** Labezizwe bazabona ukulunga kwakho, lamakhosi wonke inkazimulo yakho; njalo uzabizwa ngebizo elitsha, umlomo weNkosi ozakutha lona. **3** Njalo uzakuba ngumqhele wobuhle esandleni seNkosi, lomqhele wobukhosi esandleni sikaNkulunkulu wakho. **4** Kawusayikuthiwa ngoTshiyiweyo, lelizwe lakho kalisayikuthiwa ngeliLahliweyo; kodwa uzabizwa ngokuthi nguHefiziba, lelizwe lakho ngokuthi yiBhewula; ngoba iNkosi ithokoza ngawe, lelizwe lakho lizakwenda. **5** Ngoba njengejaha lithatha intombi emsulwa, ngokunjalo amadodana akho azakuthatha; lanjengomyeni ethokoza ngomakoti, ngokunjalo uNkulunkulu wakho uzathokoza ngawe. **6** Ngibekile abalindi phezu kwemithangala yakho, Jerusalema, abangayikuthula kokuphela imini yonke lobusuku bonke. Lina elikhumbuzwa ngeNkosi, lingabi lokuthula, **7** lingayiphumuzi, ize imise, njalo ize yenze iJerusalema ibe ludumo emhlabeni. **8** INkosi ifungile ngesandla sayo sokunene, langengalo yamandla ayo: Isibili kangisayikunika amabele akho abe yikudla kwezitha zakho, njalo isibili amadodana awezizwe kawayikunatha iwayini lakho elitsha olitshikatshikeleyo. **9** Kodwa labo abawabuthileyo bazawadla, badumise iNkosi; lalabo abaliqoqileyo bazalinatha emagumeni obungcwele bami. **10** Dabulani, dabulani emasangweni; lungisani indlela yabantu; phakamisani, phakamisani umgwaqo omkhulu, likhuphe amatshe, liphakamisele abantu uphawu. **11** Khangelani, iNkosi iyezwakala kuze kube sephethelweni lomhlaba: Tshonini kundodakazi yeZiyoni: Khangela, usindiso lwakho luyeza; khangela umvuzo wayo ilawo, lenkokhelo yayo iphambi kwayo. **12** Bazababiza ngokuthi ngaBantu abaNgcwele, abaHlengiweyo beNkosi; yebo, uzabizwa ngokuthi ngoDingwiweyo, uMuzi ongaTshiywanga.

63 Ngubani lo ovela eEdoma, olezembatho ezibomvu evela eBhozira? Lo odumisekileyo ngezembatho zakhe, ehamba ngobukhulu bamandla akhe? Yimi engikhuluma ngokulunga, engilamandla okusindisa. **2** Kungani izigqoko zakho zibomvu, lezembatho

zakho zinjengezonyathela esikhamelweni sewayini? **3** Ngisinyathele ngedwa isikhamelo sewayini, lebantwini kwakungekho loyedwa lami; ngoba ngizabanyathela ekuthukutheleni kwami, ngibahlifize elakeni lwami; legazi labo lizafafazwa ezembathweni zami, ngingcolise izigqoko zami zonke. **4** Ngoba usuku lwempindiselo lusenhliziyweni yami, lomnyaka wabahlengwa bami usufikile. **5** Njalo ngakhangela, kodwa kwakungekho osizayo, ngamangala kakhulu ukuthi kwakungekho osekelayo; ngakho ingalo yami yaletha usindiso kimi, lolaka lwami lona lwangisekela. **6** Besenginyathela abantu ekuthukutheleni kwami, ngibadakise olakeni lwami, ngehlisele emhlabathini amandla abo. **7** Ngizakhumbuzwa ngothandolomusa omkhulu weNkosi, izindumiso zeNkosi, njengakho konke iNkosi esinike khona, lobuhle obukhulu ngasendlini kalsrayeli, ebanike bona ngokwezisa zayo, lanjengobunengi bothandolomusa wayo omkhulu. **8** Ngoba yathi: Isibili bangabantu bami, abantwana abangayikukhuluma amanga; ngakho yaba nguMsindisi wabo. **9** Enhluphekweni yabo yonke yahlupheka, lengilosi yobukhona bayo yabasindisa; ngothando lwayo langesihawu sayo yona yabahlenga, yabaphakamisa, yabathwala zonke izinsuku zendulo. **10** Kodwa bona baba lenkani, badabukisa uMoya wayo oNgcwele; ngakho yaphenduka yaba yisitha sabo, yona yalwa imelene labo. **11** Yasikhumbula insuku zendulo, uMozisi, labantu bakhe, isithi: Ungaphi lowo owabakhuphula olwandle labelusi bomhlambi wakhe? Ungaphi lowo owafaka uMoya wakhe oyiNgcwele phakathi kwakhe? **12** Owakhokhela ingalo yakhe elodumo esandleni sokunene sikaMozisi, esehlukanisa amanzi phambi kwabo, ukuzenzela ibizo eliphakade? **13** Owabakhokhela ezinzikini, njengebhiza enkangala kabakhubekanga? **14** Njengenkomo isehlela esigidini, uMoya weNkosi wabaphumuzwa. Ngokunjalo wabakhokhela abantu bakho, ukuze uzenzele ibizo elilodumo. **15** Khangela phansi usemazulwini, ubone usendaweni yakho yokuhlala yobungcwele bakho leyodumo lwakho. Kungaphi ukutshiseka kwakho lamandla akho? Ubunengi bemibili yakho, lezihawu zakho kimi, kuyazibamba yini? **16** Isibili wena ungubaba; lanxa uAbraham engasazi, lolrayeli engasivumi; wena Nkosi ungubaba wethu, umhlangi wethu; ibizo lakho lisukela ephakadeni. **17** Nkosi, kungani usenza siduhe ezindleleni zakho, usenza inhliziyu yethu ibe lukhuni sisuka ekukwesabeni? Phenduka ngenxa yenceku zakho, izizwe zelifa lakho. **18** Abantu bobungcwele bakho babe lakho okwesikhatshana; izitha zethu zinyathelele phansi indlu yakho engcwele. **19** Singabakho; kawuzange ubuse phezu kwabo; kababizwanga ngebizo lakho.

64 Kungathi ungadabula amazulu, wehlele phansi, izintaba zigeleze ebukhoneni bakho; **2** njengokutshisa komlilo oncibilikisayo, umlilo wenze amanzi abile, ukulazisa ibizo lakho ezitheni zakho, ukuze izizwe zithuthumele ebukhoneni bakho. **3** Ekwenzeni

kwakho izinto ezesabekayo esasingazilindelanga, wehlela phansi; izintaba zageleza ebukhweni bakho. **4** Ngoba kusukela endulo kabezwanga, kabalalalanga ngendlebe, ilihlo kalibonanga, Nkulunkulu, ngaphandle kwakho, osebenzela lowo olindele kuye. **5** UHlangabeza othokozayo lowenza ukulunga, abakukhumbulayo ezindleleni zakho. Khangela, wena wathukuthela, ngoba sonile; kuzo kulokuqhubeka, njalo sizasindiswa. **6** Kodwa sonke sinjengongcolileyo, lakho konke ukulunga kwethu kunjengezidwedwe ezingcolileyo; njalo sonke siyabuna njengehlamu, leziphambeko zethu, njengomoya, zisiphephule. **7** Njalo kakho obiza ibizo lakho, ozivusela ukubambelela kuwe; ngoba ufihlile ubuso bakho kithi, wasicikiza ngenxa yeziphambeko zethu. **8** Kodwa, khathezi, NKosi, wena ungubaba wethu; thina silibumba, wena-ke ungumbumbi wethu; njalo sonke singumsebenzi wesandla sakho. **9** Ungathukutheli wedlulise, NKosi, ungakhumbuli ububi phakade. Khangela, ake ubone, sonke singabantu bakho. **10** Imizi yakho engcwele isiyinkangala, iZiyoni isiyinkangala, iJerusalema iyincithakalo. **11** Indlu yethu engcwele leyethu enhle, lapho obaba abakudumisela khona, itshisiwe ngomlilo; lazo zonke izinto zethu ezithandekayo sezilunxiwa. **12** Uzazithinta yini ngenxa yelizizinto, NKosi? Uzathula yini, usihluphe wedlulise?

65 Ngadingwa yilabo abangangicelanga; ngatholwa yilabo abanganginganga. Ngathi: Ngikhangalani, ngikhangalani, esizweni esingabizwa ngebizo lami. **2** Ngelule izandla zami usuku lonke ebantwini abavukelayo, abahamba ngendlela engalunganga, belandela imicabango yabo; **3** abantu abangithukuthelisayo njalonjalo ebusweni bami, abenza imihlatshelo ezivandeni, betshisa impepha phezu kwezintaba; **4** abahlala emangcwabeni, balale endaweni ezisithekileyo, abadla inyama yengulube, lomhluzi wezinto ezinengekayo emiganwini yabo. **5** Abathi: Xeka wena, ungasondeli kimi; ngoba ngingcwele kulawe. Laba bayintuthu emakheleni ami, umlilo otshisayo usuku lonke. **6** Khangela, kubhaliwe phambi kwami: Kangiyikuthula, kodwa ngizaphindisela, yebo ngiphindisele esifubeni sabo, **7** iziphambeko zenu, leziphambeko zaboyihlo kanyekanye, itsho iNKosi, abatshise impepha phezu kwezintaba, bangithuka phezu kwamaqaaq; ngakho ngizalanganisa imisebenzi yabo yakuqala esifubeni sabo. **8** Itsho njalo iNKosi: Njengewayini elitsha litholwa ehlukezweni, lomunye athi: Ungalibhubhisi, ngoba isibusiso sikulo; ngizakwenza njalo ngenxa yenceku zami, ukuze ngingazibhubhisi zonke. **9** Njalo ngizaveza inzalo ivela kuJakobe, lakoJuda kuvele indlalifa yezintaba zami; labakhethiweyo bami bazakudla ilifa lazo, lenceku zami zihlale khona. **10** Njalo iSharoni izakuba yisibaya semihlambi, lesihotsha seAkori sibe yindawo yokulala yenkomo, eyabantu bami abangidingayo. **11** Kodwa lina elidela iNKosi, elikhohlwa intaba yami engcwele,

elihlelele leloviyo itafula, njalo eligcwalisele lelonani umnikelo wokunathwayo. **12** Ngakho ngizalimisela inkemba, njalo lonke lizakhothamela ukhulathswa; ngoba ngalibiza, kodwa kaliphendulanga, ngakhuluma, kodwa kalizwanga, kodwa lenza okubi emehlweni ami, lakhetha lokho engingathokozanga ngakho. **13** Ngakho itsho njalo iNKosi uJehova: Khangela, izinceku zami zizakudla, kodwa lina lizalamba; khangela, inceku zami zizanatha, kodwa lina lizakoma; khangela, inceku zami zizathokoza, kodwa lina lizayangeka; **14** khangela, inceku zami zizahlabela ngentokozo yenhliziyo, kodwa lina lizakhala ngenxa yokudabuka kwenhliziyo, liqhinqe isililo ngenxa yokudabuka komoya. **15** Njalo lizatshiya ibizo lenu libe yisiqalekiso kwabakhethiweyo bami, ngoba iNKosi uJehova izalibulala; kodwa izabiza inceku zayo ngelinye ibizo; **16** ukuthi lowo ozibusisa emhlabeni uzazibusisa kuNkulunkulu weqiniso, lalowo ofunga emhlabeni uzafunga ngoNkulunkulu weqiniso; ngoba inhlupheko zakuqala sezikhohlakele, njalo ngoba zisithekile emehlweni ami. **17** Ngoba khangela, ngidala amazulu amatsha lomhlaba omutsha; okwakuqala kakusayikukhunjulwa, kumbe kuvele enhliziyweni. **18** Kodwa jabulani, lithokoze kuze kube laphakade ngengikudalayo, ngoba khangela, ngidala iJerusalema ibe yintokozo, labantu bayo babe yinjabulo. **19** Ngizathokoza-ke ngeJerusalema, ngijabule ngabantu bami; njalo kalisayikuzwakala kuyo ilizwi lokulila lelizwi lokukhala. **20** Kusukela lapho kakusayikuba khona usane lwezinsuku, kumbe ixhegu elingagcwali insuku zalo; ngoba omutsha uzakufa eleminyaka elikhulu, kodwa isoni esileminyaka elikhulu sizaqalekiswa. **21** Njalo bazakwakha izindlu, bahlele kuzo; bahlanyele izivini, badle izithelo zazo. **22** Kabayikwakha, kuhlale-ke omunye; kabayikuhlanyela, kudle-ke omunye; ngoba insuku zabantu bami zizakuba njengensuku zesihlahla, labakhethwa bami bazakholisa umsebenzi wezandla zabo okwesikhathi eside. **23** Kabayikutshikatshikela ize, loba bazalele uhlupho; ngoba bayinzalo yababusiweyo beNKosi, lembewu yabo kanye labo. **24** Kuzakuthi-ke bengakabizi, mina ngiphendule; lapho besakhuluma, mina-ke ngizwe. **25** Impisi lewundlu kuzakudla ndawonye, lesilwane sidle amahlanga njengenkomo, lothuli lube yikudla kwenyoka. Kaziyikulimaza kumbe zibhubhise kuyo yonke intaba yami engcwele, itsho iNKosi.

66 Itsho njalo iNKosi: Amazulu ayisihlalo sami sobukhosi, lomhlaba uyisenabelo senyawo zami. Ingaphi leyondlu elizangakhela yona? Njalo ingaphi indawo yami yokuphumula? **2** Ngoba zonke lezizinto isandla sami sazenza, lazo zonke lezizinto zikhona, itsho iNKosi. Kodwa kulowo ngizakhangela, kulowo ongumyanga lolomoya odabukileyo, lothuthumela ngelizwi lami. **3** Ohlaba inkabi unjengobulala umuntu; onikela umhlatshelo ngewundlu unjengowephula intamo yenja; onikela umnikelo wokudla unjengonikela igazi

lengulube; otshisa impepha yesikhumbuzo unjengobusisa isithombe. Yebo, bona bakhethile izindlela zabo. 4 Lami ngizakhetha izigcono zabo, ngibehlele abakwesabayu; ngoba ngabiza, akwaphendula muntu; ngakhuluma, akwalalela muntu; kodwa benza okubi emehlweni ami, bakhetha lokho engingathokozanga ngakho. 5 Zwanini ilizwi leNkosi, lina elithuthumela ngelizwi layo. Abafowenu abalizondayo, abalixotsha ngenxa yebizo lami, bathi: Kayidunyiswe iNkosi; khona sizabona intokozo yenu; bona-ke bazayangeka. 6 Ilizwi lomsindo elivela emzini, ilizwi elivela ethempelini, ilizwi leNkosi elibuyisela izinzuzo ezitheni zayo. 7 Ingakahelwa, yazala; kungakafiki ubuhlungu bayo, yabeletha owesilisa. 8 Ngubani owake wezwa okunje? Ngubani owake wabona izinto ezinje? Umhlaba uzakwenziwa uzale yini ngosuku olulodwa? Kumbe isizwe singabelethwa yini ngesikhathi sinye? Ngoba iZiyoni ithe ihelelwa, yazala abantwana bayo. 9 Mina ngizasondeza ekuzalweni, ngingazalisi yini? itsho iNkosi. Ngizazalisa, besengivala yini? utsho uNkulunkulu wakho. 10 Thokozani kanye leJerusalema, lijabule layo, lina lonke eliyithandayo; thokozani kanye layo ngentokozo, lina lonke eliyililelayo; 11 ukuze limunye, lisuthe ngamabele ezinduduzo zayo; ukuze limunyisise lizithokozise ngobunengi bodumo lwayo. 12 Ngoba itsho njalo iNkosi: Khangelani, ngizaqhelisa ukuthula kuye njengomfula, lodumo lwezizwe njengesifula esikhukhulayo; khona lizamunya, lithwalwe enhlangothini, lidlaliswe emadolweni. 13 Njengalowo unina amduduzayo, ngokunjalo mina ngizaliduduzo; njalo lizaduduzeka eJerusalema. 14 Lapho libona lokhu, inhliziyo yenu izathokoza, lamathambo enu ahlume njengohlaza; lesandla seNkosi sizakwaziwa ngasezincekwini zayo, njalo izakuba lolaka ngasezitheni zayo. 15 Ngoba khangela, iNkosi izafika ngomlilo, lezinqola zayo njengesivunguzane, ukubuyisela intukuthelo yayo ngokufutheka, lokukhuza kwayo ngamalangabi omlilo. 16 Ngoba ngomlilo langenkemba yayo iNkosi izangena ekwahluleleni layo yonke inyama, lababuleweyo beNkosi bazakuba banengi. 17 Labo abazingcwelisayo, bazihlambulule ezivandeni ngemva kwesihlahla esisodwa esiphakathi, besidla inyama yezingulube, lesinengiso, legundwane, bazaqedwa kanyekanye, itsho iNkosi. 18 Ngoba mina ngiyayazi imisebenzi yabo lemicabango yabo; kuzafika ukuthi ngibuthe zonke izizwe lezinlimi; njalo zizafika, zibone udumo lwami. 19 Ngizabeka-ke isibonakaliso phakathi kwazo, ngithume abaphunyukileyo babo baye ezizweni, eTarshishi, iPhuli, leLudi, abadonsa idandili, eThubhali, leJavani, izihlenge ezikhatshana ezingakezwa indumela yami, lezingakaboni udumo lwami; njalo zizamemezela udumo lwami phakathi kwezizwe. 20 Bazaletha-ke bonke abafowenu babe ngumnikelo eNkosini bephuma kuzo zonke izizwe bephezu kwamabhiza, langezinqola, langamathala,

laphezu kwezimbongolo, laphezu kwezinyamazana ezilejubane, entabeni yami engcwele eJerusalema, itsho iNkosi, njengabantwana bakolsrayeli beletha umnikelo ngesitsha esihlambulukileyo endlini yeNkosi. 21 Ngizathatha-ke lakubo babe ngabapristi njalo babe ngamaLevi, itsho iNkosi. 22 Ngoba njengamazulu amatsha lomhlaba omutsha engizakwenza kuzakuma phambi kwami, itsho iNkosi, ngokunjalo inzalo yakho lebizu lakho kuzakuma. 23 Kuzakuthi-ke ekuthwaseni kwenye inyanga kusiya kwenye, njalo kusukela kwelinye isabatha kusiya kwelinye, yonke inyama izakuzakhonza phambi kwami, itsho iNkosi. 24 Bazaphuma-ke, babone izidumbu zabantu abaphambeke bemelene lami; ngoba impethu yabo kayiyikufa, lomlilo wabo kawuyikucitsha; njalo bazakuba yisinengiso kuyo yonke inyama.

UJeremiya

1 Amazwi kaJeremiya, indodana kaHilikhuya wabapristi ababeseAnathothi elizweni lakoBhenjamini; **2** okwafika kuye ilizwi leNkosi ensukwini zikaJosiya indodana kaAmoni, inkosi yakoJuda, ngomnyaka wetshumi lantathu wokubusa kwakhe. **3** Lafika futhi ensukwini zikaJehoyakhimi indodana kaJosiya, inkosi yakoJuda, kwaze kwaba sekupheleni komnyaka wetshumi lanye kaZedekhiya indodana kaJosiya, inkosi yakoJuda, kwaze kwaba sekuthunjweni kweJerusalema enyangeni yesihlanu. **4** Kwasekufika kimi ilizwi leNkosi lisithi: **5** Ngingakakubumbi esiswini ngakwazi, njalo ungakaphumi esizalweni ngakwehlukana; ngakubeka waba ngumprofethi ezizweni. **6** Ngasengisithi: Hawu Nkosi Jehova! Khangela, angikwazi ukukhuluma, ngoba ngingumntwana. **7** Kodwa iNkosi yathi kimi: Ungatsho ukuthi: Ngingumntwana; ngoba uzakuya kubo bonke engikuthuma kubo, lakho konke engikulaya khona uzakukhuluma. **8** Ungesabi ubuso babo, ngoba mina ngilawe ukukophula, itsho iNkosi. **9** INkosi yasiselula isandla sayo, yathinta umlomo wami; iNkosi yasisithi kimi: Khangela, ngibekile amazwi ami emlonyeni wakho. **10** Bona, ngikubekile lamuhla phezu kwezizwe laphezu kwemibuso, ukusiphuna, lokudiliza, lokubhubhisa, lokuphosela phansi, ukwakha, lokuhlanyela. **11** Ilizwi leNkosi laselifika kimi lisithi: Ubonani, Jeremiya? Ngasengisithi: Ngibona uswazi lwesihlahla se-alimondi. **12** INkosi yasisithi kimi: Ubone kuhle, ngoba ngizalinda ilizwi lami ukuze ngilenze. **13** Njalo ilizwi leNkosi lafika kimi ngokwesibili lisithi: Ubonani? Ngasengisithi: Ngibona imbiza ebilayo, njalo ubuso bayo bungasenyakatho. **14** INkosi yasisithi kimi: Okubi kuzaqutshulwa kuvela enyakatho phezu kwabo bonke abakhileyo belizwe. **15** Ngoba khangela, ngibiza insapho zonke zemibuso yenyakatho, itsho iNkosi; njalo zizafika, zimise ngasinye isihlalo salo sobukhosi ekungeneni kwamasango eJerusalema, zimelene lemiduli yayo yonke inhlangothi zonke, zimelene lemizi yonke yakoJuda. **16** Ngizakhuluma izigwebo zami zimelene labo ngenxa yabo bonke ububi babo, abangidileleyo, batshisela abanye onkulunkulu impepha, bakhonza imisebenzi yezandla zabo. **17** Wena-ke, bopha ukhalo lwakho, usukume, ukhulume kibo konke mina engikulaya khona. Ungethuki ngenxa yobuso babo, hlezi ngikwethuse phambi kwabo. **18** Ngoba khangela, mina ngikubekile lamuhla ube ngumuzi ovikelweyo, njalo ube yinsika yensimbi, njalo ube yimiduli yethusi, ukumelana lelizwe lonke, ukumelana lamakhosi akoJuda, ukumelana leziphathamandla zayo, ukumelana labapristi bayo, lokumelana labantu belizwe. **19** Njalo bazakulwa bemelene lawe; kodwa kabayikukwehlula; ngoba ngilawe, itsho iNkosi, ukukophula.

2 Laselifika kimi ilizwi leNkosi lisithi: **2** Hamba uyememezela endlebeni zeJerusalema usithi: Itsho njalo iNkosi: Ngiyakukhumbula, umusa wobutsha bakho, uthando lokuganwa kwakho, ukungilandela kwakho enkangala, elizweni elingahlanyelwanga. **3** Ulsrayeli wayeyibungcwele eNkosini, izithelo zokuqala zesivuno sayo; bonke abamudlayo bazakuba lecala, ububi buzabehlela, itsho iNkosi. **4** Zwanini ilizwi leNkosi, ndlu kaJakobe, lensendo zonke zendlu kaIsrayeli. **5** Itsho njalo iNkosi: Yibubi bani oyihlo ababuthola kimi, ukuze baye khatshana lami, balandele okuyize, babe yize? **6** Njalo kabatshongo ukuthi: Ingaphi iNkosi eyasenyusa elizweni leGibhithe, eyasikhokhela enkangala, elizweni elilamagwadule lelilemgodi, elizweni lokoma, lelethunzi lokufa, elizweni umuntu angalidabulanga, lalapho okungahlalanga muntu khona? **7** Njalo ngaliletha elizweni elivundileyo, ukuze lidle izithelo zalo lokuhle kwalo; kodwa selingenile lalingcolisa ilizwe lami, lenza ilifa lami laba yisinenjiso. **8** Abapristi kabatshongo ukuthi: Ingaphi iNkosi? Lalabo abaphatha umlayo kabangazanga; lababusi baphambuka bemelene lami; labaprofethi baprofetha ngoBhali, balandela izinto ezingasiziyo. **9** Ngakho ngisezaphikisana lawe, itsho iNkosi, njalo ngizaphikisana labantwana babantwana benu. **10** Ngoba dlulelani ezihlengeni zeKhithimi libone, lithumele eKedari, liakane kuhle, libone ukuthi kukhona into enjengale yini? **11** Isizwe sake santshintsha yini onkulunkulu baso, abangeyisibo onkulunkulu? Kodwa abantu bami bantshintshile uDumo lwabo ngalokho okungasizi lutho. **12** Mangalani kakhulu, mazulu, ngalokhu, lethuke, lichitheke kakhulu, itsho iNkosi. **13** Ngoba abantu bami benzile izinto ezimbi ezimbili; bangidilele mina mthombo wamanzi aphilayo, ukuthi bazigebhele izikhongozelo, izikhongozelo ezidabukileyo, ezingegcine manzi. **14** Ulsrayeli uyisigqili yini? Kumba esizelwe ekhaya yini? Kungani waba yimpango? **15** Amabhongo ezilwane abhonge phezu kwakhe, akhupha ilizwi lawo, enza ilizwe lakhe laba yincithakalo; imizi yakhe itshisiwe ingelamhlali. **16** Futhi abantwana beNofu leThahaphanesi badlele enkanda yakho. **17** Kawuzenzelanga lokhu yini, ngokuthi udele iNkosi uNkulunkulu wakho, ngesikhathi ikukhokhela endlebeni? **18** Khatheke ulani lendlela yeGibhithe, ukuthi unathe amanzi eSihori? Futhi ulani lendlela yeAsiriya, ukuthi unathe amanzi omfufa? **19** Ububi bakho buzakulaya, lokuhlehlela kwakho nyovane kuzakukhuza. Ngakho yazi ubone ukuthi kuyinto embi lelabayo ukuthi uyidilele iNkosi uNkulunkulu wakho, lokuthi ukungesaba kakukho kuwe, itsho iNkosi uJehova wamabandla. **20** Ngoba kwasendulo ngephula ijogwe lakho, ngaqamula izibopho zakho; wasusithi: Kangiyikukhonza; kodwa phezu kwalo lonke uqaqa oluphakemeyo langaphansi kwaso sonke isihlahla esiluhlaza wazulazula njengesifebe. **21** Kube kanti mina ngakuhlanyela, ulivini elihle, inhlanyelo ethembekileyo

ngokupheleleyo. Pho, usuphenduke njani waba lugatsha olonakeleyo lwevini le mzini kimi? **22** Ngoba lanxa ugeza ngesoda, uzithathele isepa enengi, kanti ububi bakho bube lichatha phambi kwami, itsho iNkosi uJehova. **23** Ungatsho njani ukuthi: Kangingcolanga, kangilandelanga oBhali? Bona indlela yakho esigodini, wazi ukuthi wenzeni, kamela elisikazi elilejubane elizulazula ezindleleni zalo. **24** Ungubabhemi weganga owejwayele inkangala, ophembela umoya enkanukweni yenhliziyi yakhe. Ngubani ongamvimbela enkanukweni yakhe? Bonke abamdingayo kabayikuzidinisa; ngenyanga yakhe bazamthola. **25** Nqanda unyawo lwakho ekungabini ngolungelasicathulo, lomphimbo wakho ekomeni; kodwa wena wathi: Kakulathemba; hatshi; ngoba ngathanda abemzini, njalo ngizabalandela. **26** Njengesela ilenhloni lapho selibanjiwe, ngokunjalo indlu kalsrayeli ilenhloni, bona, amakhosi abo, iziphathamandla zabo, labapristi babo, labaprofethi babo, **27** besithi esigodweni: Wena ungubaba; lelitshehi: Wena wangizala. Ngoba baphendulele umhlana kimi, hatshi-ke ubuso; kodwa ngesikhathi sokuhlupheka kwabo bazakuthi: Sukuma, usisindise! **28** Kodwa bangaphi onkulunkulu bakho ozenzele bona? Kabasokume uba bengakusindisa ngesikhathi sobubi bakho; ngoba njengenani lemizi yakho bangako onkulunkulu bakho, Juda. **29** Liphikisanelani lami? Lonke liphambekile kimi, itsho iNkosi. **30** Ngibatshayile abantwana benu ngeze; kabemukelanga ukuqondiswa; inkemba yenu ibadlile abaprofethi benu, njengesilwane esichithayo. **31** Wena sizukulwana, lina bonani ilizwi leNkosi. Bengiyinkangala yini kulrayeli? Kumba ilizwe lobumnyama obunzima yini? Batsholoni abantu bami ukuthi: Sizulazulile; kasisayikuza kuwe? **32** Intombi ingazikhohlwa yini iziceciso zayo, kumba umakoti amabhanti akhe? Kanti abantu bami bangikhohliwe insuku ezingelanani. **33** Kungani ulungisa indlela yakho ekudingeni uthando? Ngakho ubafundisile labo ababi izindlela zakho. **34** Lezigqokweni zakho kutholakala igazi lemiphefumulo yabayanga abangelacala; kawubatholanga befohlela phakathi, kodwa phezu kwakho konke lokhu. **35** Kanti wena uthi: Ngoba kangilacala, isibili intukuthelo yakhe izaphenduka isuke kimi. Khangela, ngizakwehlulelana lawe, ngoba uthi: Kangananga. **36** Kungani uzulazula kangaka ukuntshintsha indlela yakho? Uzayangiswa yiGibhithe layo, njengoba wayangiswa yiAsiriya. **37** Yebo, uzaphuma usuka lapha, lezandla zakho ziphezu kwekhanda lakho, ngoba iNkosi iwaliwe amathemba akho, njalo kawuyikuphumelela ngawo.

3 Kuthiwa: Uba indoda ilahla umkayo, asuke kuyo, abe ngowenye indoda, izabuyela kuye futhi yini? Lelolizwe belingayikungcoliswa kakhulu yini? Kanti wena ufebile lezithandwa ezinengi; kodwa buyela kimi, itsho iNkosi. **2** Phakamisela amehlo akho

emadundulwini, ubone; kungaphi lapho ongalalwanga khona? Ezindleleni wabahlalela, njengomArabhiya enkangala; njalo ulingcolisile ilizwe ngobufebe bakho langenkohlakalo yakho. **3** Ngakho izihlambo zigodliwe; njalo lalingekho izulu langemuva; njalo waba leibunzi lewule, wala ukuba lenhloni. **4** Kawuyikuthi kusukela khathezi ukhale yini kimi uthi: Baba, ungumeluleki wobutsha bami? **5** Yena uzalugcina yini ulaka lwakhe phakade? Uzalulondoloza kuze kube sekucineni yini? Khangela, ukhulumile, wenza izinto ezimbi, uphumelele. **6** INkosi yasisithi kimi ensukwini zikaJosiya inkosi: Ubonile yini lokho ulsrayeli ohlehlele nyovane akwenzileyo? Yena waya kuyo yonke intaba ephakemayo, langaphansi kwaso sonke isihlahla esiluhlaza, waphingela khona. **7** Ngasengisithi esezenzile zonke lezinto: Buyela kimi; kodwa kabuyelanga. Lodadewabo ongathembekanga uJuda wakubona lokho. **8** Ngasengibona, lapho ngenxa yazo zonke imbangela ulsrayeli ohlehlele nyovane aphinga ngazo, ngamxotsha ngamnika incwadi yesehlukaniso, ukuthi udadewabo ongathembekanga, uJuda, kesabanga, kodwa laye wayafeba. **9** Kwasekusithi ngenxa yendumela yokufeba kwakhe wangcolisa ilizwe, waphinga lamatshe lezihlahla. **10** Kube kanti kukho konke lokhu udadewabo ongathembekanga, uJuda, kabuyelanga kimi ngenhliziyi yakhe yonke, kodwa ngenkohliso, itsho iNkosi. **11** INkosi yasisithi kimi: Ulsrayeli ohlehlele nyovane uzilungisise kuloJuda okhohlisayo. **12** Hamba uyememezela lamazwi ngasenyakatho uthi: Phenduka, Israyeli ohlehlele nyovane, itsho iNkosi. Kangiyikwenza ulaka lwami lwehlele phezu kwakho, ngoba ngilesihawu, itsho iNkosi, njalo kangiyikugcina ulaka lwami kuze kube phakade. **13** Yazi kuphela isiphambeko sakho ukuthi uphambekile emelene leNkosi uNkulunkulu wakho, wahlakaza izindlela zakho kwabezizweni ngaphansi kwaso sonke isihlahla esiluhlaza, njalo kawulalanga ilizwi lami, itsho iNkosi. **14** Phendukani, bantwana abahlehlele nyovane, itsho iNkosi, ngoba mina ngiliganile; njalo ngizalithatha, abe munye emzini, lababili kulo usendo, ngililethe eZiyoni. **15** Njalo ngizalinika abelusi njengokwenhliziyi yami, abazalelusa ngolwazi lokuqedisisa. **16** Kuzakuthi-ke lapho selandile laba banengi elizweni, ngalezonsuku, itsho iNkosi, kabasayikuthi: Umshokotsho wesivumelwano seNkosi; njalo kawuyikufika enhliziyweni, njalo kabayikuwukhumbula, futhi kabayikuwuhambela, kungabuyi kwenziwe futhi. **17** Ngalesosikhathi bazabiza iJerusema ngokuthi yisihlalo sobukhosi seNkosi; lezizwe zonke zizabuthaniswa kuyo, ngebizo leNkosi, eJerusema; futhi kazisayikulandela inkani yenhliziyi yazo embi. **18** Ngalezonsuku indlu yakoJuda izakuya kuyo indlu yakolsrayeli, ziphume kanyekanye elizweni lenyakatho, zize elizweni engalinika oyihlo libe yilifa labo. **19** Kodwa mina ngathi: Ngizakubeka njani phakathi kwabantwana, ngikunike ilizwe eliloyisekayo, ilifa elihle

kakhulu lezizwe. Ngasengisithi: Uzangibiza ngokuthi: Baba; njalo ungaphambuki ekungilandeleni. 20 Isibili, njengomfazi ungathembekanga kumkakhe, ngokunjalo kalithembekanga kimi, lina ndlu kalsrayeli, itsho iNkosi. 21 Ilizwi lezwakala emadundulwini, ukukhala lokuncenga kwabantwana bakolsrayeli, ngoba bephambule indlela yabo, bayikhohlwa iNkosi uNkulunkulu wabo. 22 Phendukani, lina bantwana abahlehlela nyovane; ngizakwelapha ukulehlela nyovane kwenu. Khangela, thina siyeza kuwe, ngoba uyiNkosi uNkulunkulu wethu. 23 Isibili kuyize ukuthembela kusindiso oluvela emaqaqeni, lebunengini bezintaba. Isibili luseNkosini uNkulunkulu wethu usindiso lukalsrayeli. 24 Ngoba ihlazo liwuqedile umtshikatsika wabobaba kusukela ebutsheni bethu, izimvu zabo lenkomo zabo, amadodana abo lamadodakazi abo. 25 Silala phansi ehlazweni lethu, lenhloni zethu zisimbozile; ngoba sonile eNkosini uNkulunkulu wethu, thina labobaba, kusukela ebutsheni bethu kuze kube lamuhla, njalo kasilalelanga ilizwi leNkosi uNkulunkulu wethu.

4 Uba uphenduka, Israyeli, itsho iNkosi, phendukela kimi; njalo uba ususa phambi kwami izinengiso zakho, kawuyikuphambuka. 2 Futhi uzafunga: Kuphila kukaJehova, ngeqiniso, ngokwahlulela, langokulunga; lezizwe zizazibusisa kuyo, lakuyo zizincome. 3 Ngoba itsho njalo iNkosi kumadoda akoJuda leJerusalema: Qhathani ingqatho yenu, lingahlanyeli phakathi kwameva. 4 Zisokeleni eNkosini, lisuse amajwabu aphambili enhliziyi yenu, madoda akoJuda labahlali beJerusalema; hlezi ulaka lwami luphume njengomlilo, lutshise, kungabi khona ongalucitsha, ngenxa yobubi bezenzo zenu. 5 Bikani koJuda, lizwakalise eJerusalema, lithi: Vuthelani uphondo elizweni; klabalalani ngokugcweleyo lithi: Buthanani, singene emizini ebjyelweyo. 6 Misani uphawu ngaseZiyoni, balekani, lingemi; ngoba ngizaletsa ububi buvela enyakatho, lokwephuka okukhulu. 7 Isilwane sesenyukile siphuma ehlathini laso, lomchithi wezizwe usukile, uphumile endaweni yakhe ukuze ulenze ilizwe lakho incithakalo; imizi yakho izakuba ngamanziwa, ingabi lomhlali. 8 Ngenxa yalokhu bhincani amasaka, lilani liqhinqe isililo; ngoba ulaka lweNkosi oluvuthayo kaluphendukanga lusuka kithi. 9 Njalo kuzakuthi ngalolosuku, itsho iNkosi, inhliziyi yenkosi izaphela, lenhliziyi yeziphathamandla; labapristi bazamangala kakhulu, labaprofethi bazathithibala. 10 Ngasengisithi: Hawu, Nkosi Jehova! Isibili ubakhohlisile lokubakhohlisa lababantu leJerusalema usithi: Lizakuba lokuthula; kanti inkemba ifinyelela emphefumulweni. 11 Ngalesosikhathi kuzakuthiwa kulababantu lakuyo iJerusalema: Umoya otshisayo wamadundulu enkangala, indlela yendodakazi yabantu bami, ungeyisiwo wokwela njalo ungeyisiwo wokuhlambulula. 12 Umoya ogcweleyo ovela kuwo uzakuzakimi. Khathezi lami ngizakuhluma izahlulelo zimelene labo. 13 Khangela, uzakwenyuka njengamayazi,

lenqola zakhe njengesivunguzane; amabhiza akhe alesiqubu kulezinkozi. Maye kithi, ngoba sichithiwe! 14 Jerusalema, hlambulula inhliziyi yakho kuphume inkohlakalo, ukuze usindiswe. Koze kube nini imicabango yakho emibi ihlala phakathi kwakho? 15 Ngoba ilizwi liyamemeza lisuka koDani, lizwakalisa uhlupho oluvela entabeni yakoEfrayimi. 16 Khumbuzani izizwe, khangelani, lizwakalise limelene leJerusalema; kufika abalindi bevela elizweni elikhatshana, baphakamisa ilizwi labo bemelene lemizi yakoJuda. 17 Njengabalindi bensimu bamelene layo inhlangothi zonke, ngoba ingivukele, itsho iNkosi. 18 Indlela yakho lezenzo zakho kukwenzele lezizinto; lokhu kuyinkohlakalo yakho, ngoba kubuhlungu, ngoba kufinyelela enhliziyweni yakho. 19 Imibilini yami, imibilini yami! Ngilobuhlungu emidulini yenhliziyi yami. Inhliziyi yami yenza umsindo phakathi kwami; ngingeke ngithule; ngoba wena mphefumulo wami, uzwile ukukhala kophondo, umkhosi wempi. 20 Kuyamenyezela incithakalo phezu kwencithakalo, ngoba ilizwe lonke lichithekile. Amathente ami ahle achithwa, amakhetheni ami ngokucwayiza kwelihlo. 21 Koze kube nini ngibona isiboniso, ngizwe ukukhala kophondo? 22 Ngoba abantu bami bayizithutha, mina kabangazi; bangabantwana abayiziphukuphuku, kabalakuqedisa; bahlakaniphele ukwenza okubi, kodwa ukwenza okuhle kabakwazi. 23 Ngabona umhlaba, khangelake, wawungelasimo, ungelalutho; lemazulwini, kodwa kakukho ukukhanya kwawo. 24 Ngabona izintaba, khangelake, zazinyikinyeka, lamaqaqa wonke ayenyakazela. 25 Ngabona, khangelake, kwakungelamuntu, lenyoni zonke zamazulu zibalekile. 26 Ngabona, khangelake, ilizwe elivundileyo laliyinkangala, lemizi yalo yonke yayidilizwe phambi kweNkosi, phambi kokuvutha kolaka lwayo. 27 Ngoba itsho njalo iNkosi: Ilizwe lonke lizakuba lunxiwa, kodwa kangiyikuqeda ngokupheleleyo. 28 Ngenxa yalokhu umhlaba uzalila, lamazulu aphezulu abe mnyama; ngenxa yokuthi ngikhulumile, ngikuhlosile, njalo kangiyikuzisola, njalo kangiyikubuyela emuva ngisuka kukho. 29 Umuzi wonke uzabaleka ngenxa yomsindo wabagadi bamabhiza labatshoki ngamadandili; bazangena ezixukwini, bakhwele emadwaleni; wonke umuzi uzatshiywa, njalo kungabi lamuntu ohlala kuwo. 30 Wena-ke ozachitheka, uzakwenzani? Loba ugqoka okubomvu, loba uzicecisa ngezizigqizo zegolide, loba ucoma amehlo akho ngomphendulo, uzenza ube muhle negeze, izithandwa zakho zizakudelela, zidinga impilo yakho. 31 Ngoba ngizwile ilizwi kungathi ngelwesifazana ohelelwayo, ubuhlungu obunjengobeletsa umntwana olizibulo, ilizwi lendodakazi yeZiyoni, ikhefuzela, iselula izandla zayo isithi: Maye-ke mina! Ngoba umphefumulo wami uphele amandla ngenxa yababulali.

5 Hambani liye le lale ezitaladeni zeJerusalema, libone khathezi, lazi, lidinge ezindaweni zayo

ezingamagceke, uba lingathola umuntu, uba ekhona owenza isahlulelo, odinga iqiniso; khona ngizayithethelela. 2 Loba-ke besithi: Kuphila kukaJehova; kanti bafunga amanga. 3 Nkosi, amehlo akho kawakho eqinisweni yini? Ubatshayile, kodwa kabezwanga buhlungu; ubaqothule, kodwa bala ukwemukela ukulaywa. Benzile ubuso babo bube lukhuni kuledwala, bala ukuphenduka. 4 Mina ngasengisithi: Qiniso, laba ngabayanga, bayizithutha; ngoba kabayazi indlela yeNkosi, isahlulelo sikaNkulunkulu wabo. 5 Mina ngizakuya kwabakhulu, ngikhulume labo, ngoba bona bayayazi indlela yeNkosi, isahlulelo sikaNkulunkulu wabo; kodwa labo kanyekanye balephulile ijogwe, baqamula izibopho. 6 Ngakho-ke isilwane esiphuma ehlatini sizababulala, impi yezinkangala ibachithe, ingwe ilinde imelene lemizi yabo; wonke ophuma kiyo uzadatshudatshulwa; ngoba iziphambeko zabo zinengi, ukuhlelela nyovane kwabo kwandile. 7 Ngingakuthethelela njani ngalokhu? Abantwana bakho bangidlele, bafunga ngabangeyisibo onkulunkulu. Sengibasuthisile, basebefeba, babuthana ngamaxuku endlini yezifebe. 8 Babenjengamabhiza asuthayo ekuseni, bakhonya, omunye lomunye kumfazi kamakhelwane wakhe. 9 Kangiyikujezisa yini ngenxa yalezizinto? itsho iNkosi; kumbe umphefumulo wami kawuyikuphindisela yini esizweni esinjengalesi? 10 Yenyukelani emidulwini yayo, lichithe, kodwa lingenzi isiphetho esipheleleyo; susani ingatsha zayo, ngoba kazisizo zeNkosi. 11 Ngoba indlu kalsrayeli lendlu kaJuda zenze ngenkohliso enkulu zimelene lami, itsho iNkosi. 12 Bayiphikile iNkosi, bathi: Kayisiyo; njalo ububi kabuyikusehla, futhi kasiyikubona inkemba loba indlala. 13 Labaprofethi bazakuba ngumoya, lelizwi kalikho kubo; kuzakwenziwa njalo kibo! 14 Ngalokho itsho njalo iNkosi uNkulunkulu wamabandla: Ngoba likhuluma lelilizwi, khangelani, ngizakwenza amazwi ami emlonjeni wakho abe ngumilo, lalababantu babe zinkuni, njalo uzabaqothula. 15 Khangelani, ngizaletha phezu kwenu isizwe esivela khatshana, ndlu kalsrayeli, itsho iNkosi; yisizwe esilamandla, yisizwe esidala, isizwe ongalwaziyo ulimi lwaso, longayikuzwa esikukhulumayo. 16 Isamba saso semitshoko sinjengengcwaba elivulekileyo; bonke bangamaqhawe. 17 Njalo sizakudla isivuno sakho lokudla kwakho; sizakudla amadodana akho lamadodakazi akho; sizakudla izimvu zakho lenkomo zakho; sizakudla ivini lakho lomkhiwa wakho; lemizi yakho ebiyelweyo othembele kiyi, sizayithelela ubuyanga ngenkemba. 18 Kodwa langalezonsuku, itsho iNkosi, kangiyikwenza isiphetho esipheleleyo kini. 19 Kuzakuthi-ke lapho lisithi: iNkosi uNkulunkulu wethu yenzeleni zonke lezizinto kithi? Khona uzakutsho kubo uthi: Njengoba lingidlele, lakhonza onkulunkulu bemzini elizweni lakini, ngokunjalo lizakhonza abezizwe elizweni elingeyisilo lenu. 20 Memezelani lokhu endlini kaJakobe,

